

UNkk Angie Motshekga,
uNgqongqoshe weMfundo
Eyisisekelo



UDkt. Reginah Mhaule,
iSekela loMnyango
weMfundo Eyisisekelo

*Lezi zincwadi zokusebenzela zenzelwe abantwana baseNingizimu Afrika ngaphansi kwesandla sikaNgqongqoshe weMfundo Eyisisekelo, uNkk Angie Motshekga, neSekela likaNgqongqoshe weMfundo Eyisisekelo, uDkt. Reginah Mhaule.*


*Lezi zincwadi ezibizwa ngeRainbow Workbooks ziyingxenye yoMnyango weMfundo Eyisisekelo lapho uMnyango uzama khona ukungenelela ukuze kuthuthukiswe imfundo yabantwana bamabanga asuka kwelokuqala kuya kwelesithupha eNingizimu Afrika. UMnyango weZimali uxhase lo mkhankaso kaHulumeni njengento yokuqala uHulumeni azibekele yona ukuthi ayisukumele. Uxhaso loMnyango weZimali lusize uMnyango wezeMfundo ukuthi ukwazi ukukhiqiza uphinde usabalalise ngaphandle kwenkokhelo lezi zincwadi zokusebenzela ngazo zonke izilimi zaseNingizimu Afrika ezisemthethweni.*

*Sinethemba lokuthi othisha bazozithanda basebenze kangcono ngazo lezi zincwadi ekufundiseni kwabo kwansuku zonke, baphinde bathole futhi isiqiniseko sokuthi abafundi babo bafundiswa konke abamelwe ukufundiswa khona njengoba kuvela kusilabhasi yabo. Sizamile ukuqiniseka ukuthi sifaka izithonjana (ama-icon) emisebenzini yokwenziwa ukuze uthisha akuthole kulula ukuyilandela nokuqonda ukuthi umfundi yini alindeleke ukuyenza.*

*Sinethemba futhi lokuthi abantwana uqobo lwabo bazokujabulela ukusebenzisa lezi zincwadi ekukhuleni kwabo bakhule nolwazi eziluqukethe, bese kuthi wena njengothisha wabo uthokoze kanye nabo ekugcineni.*

*Sifisela wena nomfundi omfundisayo impumelelo ngenkathi usebenzisa lezi zincwadi.*

# OKUDINGA UKWENZIWA YINTSHA yaseNingizimu Afrika



| Ukulingana | Isithunzi somuntu | Impilo |
|---|---|---|
| Phatha bonke abantu ngokufanayo nangokwamukelekayo. Ungacwasi. | Hlonipha wonke umuntu. Yiba nomusa ube nokunakekela. | Impilo yonke ibalulekile. Hlonipha yonke into ephilayo. |
| **Umndeni** | **Imfundo** | **Ukusebenza** |
| Hlonipha abazali. Yiba nomusa wethembeke emalungwini omndeni. | Ngena isikole, usebenze kanzima ekufundeni kwakho. Hlonipha imithetho yesikole. | Siza umndeni emisebenzini eyenziwa ekhaya. Abantwana mabangaphoqelelwa ukuthola umsebenzi. |
| **Inkululeko nokuphepha** | **Impahla** | **Inkolo, ukukholwa nemibono** |
| Ungalimazi, ungahluphi noma wesabise abanye abantu. Ungabavumeli nabanye abantu ukuthi bakwenze lokhu. Xazulula izinkinga zokungaboni ngaso linye ngendlela enokuzithoba. | Hlonipha impahla yabanye abantu. Vikela impahla yomuntu noma yomphakathi. Ungantshontshi. | Hlonipha inkolo nemibono yabanye abantu. |
| **Ukuphepha** | **Ubuzwe** | **Ukukhululeka kokukhuluma** |
| Vikela umhlaba. Ungalimazi amanzi nogesi. Vikela izilwane nezitshalo. Qiniseka ukuthi izikole namakhaya enu kuhlanzekile. | Yiba yisakhamuzi saseNingizimu Afrika esethembekile. Hlonipha imithetho, uqiniseke ukuthi nabanye abantu benza kanjalo. | Ungaqhubekisi amanga nenzondo. Qiniseka ukuthi abanye abantu abedelelwa, abalinyazwa imizwa yabo. |

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street
Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
Eleventh edition 2021

ISBN 978-1-920458-63-8

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked, the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

**This book may not be sold.**

# INDLELA YOKUSEBENZISA LE NCWADI

Le Ncwadi Yokusebenzela idinga ukusetshenziswa ndawonye nezinye onazo. Uma wenza ulimi, thola olunye ulwazi kuCAPS.

Siyakwamukela kulesi sifundo solimi ebangeni elimaphakathi. Kuleli banga, le Ncwadi Yemisebenzi ihlelwe yalungiselwa ukuthi ikhulise ulwazi lolimi kubafundi bonke ukuze kukhule ikhono lokuxhumana empilweni yomfundi, kanye nolwazi lokufunda. Sethemba ukuthi izoba usizo le ncwadi ekuthuthukiseni amakhono olimi.

Le ncwadi ilungiswe yalandela uhlelo lwamasonto amabili olubalulwe kuCAPS. Emakhasini 1, 35, 69, kanye nele-103, kuyo le Ncwadi Yemisebenzi, uzothola imiyalelo ecacisa ukuthi yini nani okumele ifundwe emasontweni ahamba ngamabili. Umjikelezo wamasonto amabili uqukethe lokhu okulandelayo:


Masikhulume

**1 Ukulalela nokukhuluma – amahora ama-2 emasontweni amabili**

Kudingeka abafundi banikwe ithuba njalonjalo lokukhulisa ikhono Lokulalela Nokukhuluma ukuze bakwazi ukuqoqa ulwazi, baxazulule izinkinga, bethule nemibono. Le Ncwadi Yemisebenzi inemisebenzi embalwa yokukhuluma nokulalela engasetshenziswa ukuthuthukisa ikhono lukulalela nokukhuluma.


Masifunde

**2 Ukufunda nokubukela – amahora ama-5 emasontweni amabili**

I-CAPS ibalula ukuthi abafundi kumele bafunde baphinde babone imibhalo esemkhakheni othile kulamasonto amabili. Lokhu kubandakanya: izindaba ezimfushane, ama-imeyili, idayari, idrama, izindaba zephephandaba, ubuciko bomlomo, izindaba zamaphephabhuku, izinkondlo, ama-eseyi, izikhangiso, nezinkombandlela. I-CAPS iphinde yengeze ukuthi kumele ukufunda lokho kuhambisane nemibhalo ebukwayo: amabalazwe, amashadi, amathebhula, imidwebo, uhlaka, amashadi esimo sezulu, amaphosta, izexwayiso, izithombe kanye namagrafu.

I-CAPS ibalula ukuthi kumele inqubo yokufunda ibheke okwenzeka ngaphambi kokufunda, ngenkathi kufundwa nangemuva kokufunda.


Masibhale

**3 Ukubhala Nokwethula – amahora ama-4 emasontweni amabili**


I-CAPS idinga ukuthi abafundi banikwe amathuba amaningi okubhala nokuhlela ukwenza ngcono ikhono lokwethula okubhaliwe, okulungiswe ngezinsizakubona kanye nokuhlelwa kwezindaba eziyizinhlobo ezahlukahlukene.


Masibhale

ULIMI

**4 Izakhiwo zolimi nezimiso – ihora eli-1 emasontweni amabili**

I-CAPS inohla lwemininingwane Yezakhiwo Zolimi nezimiso okumele zenziwe ebangeni ngalinye. LeNcwadi Yemisebenzi ehambisana nomjikelezo wamasonto amabili. Umsebenzi ngamunye unencazelo Kanye nezibonelo.




Thola omunye umhlahlandlela obizwa ngokuthi Incwadi Yokuqeqesha.

ZUL HL Gr5 B1 TH1.indd 2 2019/10/21 12:10:04

Okuqukethwe

# Indikimba 1: Ukuxoxa izindaba


## Izindaba
## Ithemu 1: Amasonto 1 – 2

### 1 UPele – umdlali omkhulu webhola lezinyawo 2
Ufunda indaba kaPele umdlali webhola lezinyawo
Ufunda imibuzo emayelana nendaba
Ubona imibuzo ayiphendule. Uqondanisa amagama nezincazelo zawo
Wethula imibono ngoPele
Uthola imibuzo ayiphendule
Uqondanisa amagama nezincazelo zawo

### 2 Okunye futhi ngoPele 4
Uyaxoxisana neqembu ngemibuzo
Uphendula imibuzo emayelana nabalingiswa, indawo kanye nomqondo osemqoka wendaba.
Uyafingqa, aqoqe esebenzisa ibalazwe uhlaka
Ubhala iqoqo.

### 3 UPortia uhluza indaba ayifunde ngebhola lezinyawo 6
Ufunda isibuyekezo sencwadi
Uphendula imibuzo ngokuhluzwa kwencwadi
Uthola umbhali, isihloko kanye nokuqukethwe ekuhluzweni kwencwadi
Wethula isizathu esingenza izingane ziyithakasele indaba
Uqedela imisho esebenzisa izenzo ezisenkathini edlule.
Uguqula imisho isuke enkathini edlule iye kweyamanje

### 4 Ukubhala ukuhluzwa kwencwadi 8
Ulandelanisa imisho
Usebenzisa ibalazwe elisabulwembu ukuzilungiselela
Bhala ukuhluzwa kwencwadi ulandele izihlokwana ozinikeziwe
Udweba isithombe akhombise ngaso ukuthi incwadi imayelana nani

### 5 Ukuguquka kwendlela yokubheka izinto 10
Uyaxoxa ngesithombe
Ufunda indaba emayelana nomfana omncane osathokozela imidlalo.
Uphendula imibuzo ngendaba
Ubhala isigaba
Unikeza indaba isihloko
Ubona amabizoqho kanye namabizomvama

### 6 Ukubhala kuyaqhutshwa 12
Usebenzisa isakhiwo asinikeziwe ukulungiselela indaba
Unika indaba isihloko
Ubhala isingeniso sendaba
Uchaza isizinda sendaba
Ubona abalingiswa endabeni
Ubona isakhiwo sendaba
Ubona uvuthondaba endabeni
Usebenzisa iziphongozo ukwakha amagama amasha
Usebenzisa izijobelelo ukwakha amagama amasha
Uphinda abhale imisho asebenzise ukhefane ngokufanele

### 7 Umdlalo wokugcina kaPele 14
Wethula inkulumo esihloko sithi 'Kungani ezemidlalo zibalulekile'
Uhlola inkulumo eyethulwe yiqembu
Ufunda umbhalo ngomdlalo wokugcina kaPele
Uphendula imibuzo yombhalo awunikeziwe
Uthola imiqondofana emishweni

### 8 Siyadidiyela 16
Ubhala umdlalo ngoPele
Wethula umdlalo ekilasini
Ubhala ucwaningo lomdlalo olusho ukuthi uyini umdlalo, ngobani abadlali, uhlobo lolimi olusetshenzisiwe, izizathu zokuthi izethameli kumele ziwubuke yini noma cha umdlalo lowo
Usebenzisa izimpawu zokuloba
Wenza uhla esebenzisa inkathi yamanje

## Imibhalo enemidati yolwazi
## Ithemu 1: Amasonto 3 – 4

### 9 Unogwaja okhethekile 18
Uthola umahluko phakathi kwezithombe ezimbili
Ufunda umbhalo ngoNogwaja Womfula
Uphendula imibuzo ngombhalo noma ngendaba

### 10 Okunye ngonogwaja bomfula 20
Ubona imisho eyisihloko neyesekelayo
Uqedela uhlaka eliwubulwembu mayelana noNogwaja Womfula
Ubhala ukufingqa indaba kaNogwaja omkulu

### 11 Izinombolo zixoxa indaba ebuhlungu 22
Ufunda igrafu ngoNogwaja Womfula
Uyaqonda aphinde abhale ngegrafu ngoNogwaja Womfula
Ubona izincazelo zamagama
Ubona omqondofana
Ubhala amagama esichazamazwini
Uhlanganisa imisho ngezihlanganiso ezifana no-kodwa, ngoba, uma, ngakho no-lapho

### 12 Ukufunda ngonogwaja 24
Ubhala imisho elandelana kahle yakhe isigaba
Ubona umusho oyisihloko kwisigaba
Uxhuma imisho ngala magama okuxhuma: okokuqala, okulandela lapho, emva kwalokho, ekugcineni
Ubhala isigaba esicacile enemisho elandelana kahle

### 13 Onogwaja abafuyiweyo nabasendle 26
Ufuna umbhalo omayelana nawonogwaja abafuyiwe nabasendle
Uphendula imibuzo ngendaba
Ubhala isihloko sombhalo
Ubhala ethebhuleni umahluko ophakathi kwawonogwaja basendle kanye nabafuyiwe
Uthola amaqiniso
Usebenzisa ibizosenzo (uku-)

### 14 Siphindela konogwaja basendle nabafuyiwe 28
Ubhala isigaba asho ukuthi onogwaja basendle bawanakekela kanjani amazinyane
Ulungisa imisho esebenzisa ubunye nobuningi bazenzo
Ubona izenzo ezilandelwa nezingalandelwa ngumenziwa
Ukufingqa umbhalo othi: *Izinhlobo Ezahlukahlukene Zonogwaja*

### 15 Make sibheke izifengqo 30
Ufunda umbhalo omayelana nesilwane esihuquzelayo esisuka ekhanda
Uthola isingathekiso endabeni
Uqondanisa izisho nezincazelo zazo
Uthola izisho emishweni
Ubona isenzasamuntu
Uqondanisa izaga nezincazelo zazo

### 16 Make sibheke ukubhala futhi 32
Ucwaninga i-eseyi emayelana nezilwane
Ulungiselela i-eseyi ngezilwane esebenzisa ibalazwe elisabulwembu
Ubhala i-eseyi esho ukuthi isilwane sihlala kuphi, isimo saso kanye nobukhulu baso, ukuthi siphila isikhathi esingakanani nokuthi sisengcupheni yokushabalala yini noma cha




ZUL HL Gr5 B1 TH1.indd 1 2019/10/21 12:10:05

# UPele – umdlali omkhulu webhola lezinyawo



**Masikhulume**

Khuluma ngalesi sithombe.



Ibhola lezinyawo liwolunye uhlobo lwemidlalo ethandwa kakhulu emhlabeni. Ngabe wena uyalithanda? Ngubani umpetha omthandayo? Yini eyenza umthande? Ngabe umbona eyisibonelo kuwe? Ukusho ngani lokho?

**Masifunde**




"Uma ngizwa Iculo Lesizwe LaseBrazil, ngizizwa sengathi ngisephusheni. Ngizama ukucabangisisa ukuthi ngizodlala kanjani kepha ngiqhubeke ngokucabanga: Kwenzeke kanjani ukuthi ngibe lapha, eqenjini laseBrazil, eSweden, sengizodlalela izwe lami? Kufanele ukuba yiphupho!"

Lona nguPele ngenkathi eneminyaka eyi-17, edlala umdlalo wakhe wokuqala wamanqamu webhola likanobhutshuzwayo leNdebe Yomhlaba. Ngubani lo mfana? Ufinyelele kanjani eNdebeni Yomhlaba? Uzizwa enjani ngebhola likanobhutshuzwayo, umdlalo owamenza waduma? UPele wayehlala edolobheni elincane laseBrazil. Umndeni wakhe wawumpofu kakhulu. UPele wayeyilo mfana owayedlala ibhola lezinyawo noma kwakufanele abe sesikoleni. Wayenenhlahla ngoba ubaba wakhe wayengumdlali webhola lezinyawo, wabe esemfundisa ukuthi ukubhema nokuphuza akumlungele.

UPele uthi, "Abantu baseBrazil bayasangana ngebhola lezinyawo. Bafunda ukukhahlela uma nje sebekwazi ukuzimela. Ukuhamba kuza kamuva."

Waqala iqembu lakhe lebhola lokuqala, iThe Shoeless Ones, eneminyaka eyi-10. Wayenekhono. Eneminyaka eyi- 14 wayedlalela iqembu lasekhaya labasubathi.

Ngaleso sikhathi wayengasebenzi kahle esikoleni. Wayekhathalele kakhulu ukudlala ibhola lezinyawo. Wawuphinda unyaka owodwa esikoleni. Wasiyeka isikole eneminyaka eyi-14 wase eqala ukusebenza embonini yezicathulo. Uthe esekhulile waphatheka kabi ngokuyekela isikole. Wabe esebuyela esikoleni futhi waya nasenyuvesi emva kokuba eseshadile futhi esenengane.

Eneminyaka enyi-15, waya kodlalela iqembu elidumile elalibizwa ngokuthi iSantos. Emva kweminyaka emibili wadlalela iBrazil eNdebeni Yomhlaba ye-1958 eSweden. Washaya amagoli ayishumi emidlalweni yobushampeni, eyanqotshwa yi-Brazil.

Emva kwalokho wadlala emidlalweni eminingi, washaya amagoli angaphezu kwayi-1 300.

Kungani uPele wayephumelela kangaka? Kunezizathu eziningi. Okokuqala, wayelithanda ibhola lezinyawo. Okwesibili, wayehlakaniphile ngendlela ayedlala ngayo lo mdlalo, futhi, okokugcina, wayengazidlaleli yena yedwa, wayedlalela iqembu.

UPele wayengeyena umdlali webhola lezinyawo omkhulu kuphela. Wasebenzela ngamandla amalungelo abadlali bebhola lezinyawo. Wayenza isiqiniseko sokuthi uma begula noma belimele babekhokhelwa.




ZUL HL Gr5 B1 TH1.indd 2 2019/10/21 12:10:06

Usuku: ____________________



## Masibhale



Waphatheka kanjani uPele ngenkathi edlalela izwe lakhe umdlalo wakhe wokuqala?

UPele wayekholelwa ekuzigcineni ephilile. Ukwazi kanjani lokhu?

UPele wabuyela esikoleni eseshadile. Ucabanga ukuthi lokhu kwaba lula noma kwaba nzima kuye? Ukusho ngani lokho?

Kungani ucabanga ukuthi uPele wayengumdlali webhola lezinyawo omkhulu?

Ubani okhulumayo esigabeni sokuqala?


Ucabanga ukuthi uPele wayeziqhenya ngokudlalela iBrazil? Ukwazi kanjani lokhu?

Izingane ziyaye zikhase ngaphambi kokuba zihambe. UPele uthi izingane zaseBrazil zenzani?

Phinda ufunde isigaba sesibili sale ndaba.

Phinda ubhale leyo mibuzo ezikhaleni ozinikiwe, bese ubhala izimpendulo esikhaleni esifanele.

| | |
|---|---|
| Umbuzo 1 | |
| Impendulo | |
| Umbuzo 2 | |
| Impendulo | |
| Umbuzo 3 | |
| Impendulo | |



## Masibhale

Qondanisa amagama nezincazelo zawo. Dweba umugqa osuka egameni elilodwa kwesokunxele uye encazelweni yalo kwesokudla.

| | |
|---|---|
| Nakisisa | Ngusaziwayo |
| Udumile | Umpetha |
| Ukuthatheka | Ukunqoba |
| Ushampeni | Ukuheheka |
| Ukuphumelela | Qaphelisisa |

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr5 B1 TH1.indd 3 2019/10/21 12:10:07

# Okunye futhi ngoPele







**Masibhale**

Xoxani ngale mibuzo emaqenjini enu.
Bhalani izimpendulo zenu.

Ngubani umlingiswa osemqoka kule ndaba?

Kungani uthi nguye umlingiswa osemqoka?

Bhala usho ngawakho amazwi ukuthi indaba yenzekaphi.

Sebenzisa amazwi akho ubhale kafishane ukuthi le ndaba ikhuluma ngani.



**Masibhale**

Lungiselela ukufingqa indaba kaPele.

Sebenzisa ibalazwe lemibono ukuhlela indaba yakho.

Ebhulokhini ngalinye bhala umqondo osemqoka noma umusho oyisihloko.

Sebenzisa eminye yale mibono nolwazi okutholakala ekhasini eledlule ukufinyelela emiqondweni esemqoka.



- umdlalo ayewuthanda
- umndeni wakhe
- lapho ayehlala khona uPele
- iqembu elaqalwa nguye
- ukungena isikole
- izizathu zokuphumelela kwakhe
- Imidlalo ye-Olimpiki
- iqembu lokuqala alidlalela



ZUL HL Gr5 B1 TH1.indd 4 2019/10/21 12:10:08

# 3 UPortia uhluza indaba ayifunde ngebhola lezinyawo



Masifunde Funda lokhu kuhluza ngencwadi ebhalwe ngumzala kaPele, uSam.

## USam, umfana webhola lezinyawo.

*NguPortia Nchabeleng*

Ekuqaleni kwendaba uSam uyohlangana nomzala wakhe, uPele, obuya eBrazil. Esikoleni uPele akakwazi ukudlala ikhilikithi, ibhola lombhoxo noma ibhola lomphebezo. Akakuthandi nokufunda kakhulu nje. Uthanda umdlalo owodwa: ibhola lezinyawo! UPele ufundisa abangani bakhe afunda nabo ibanga lesine ukuthi ibhola lezinyawo lidlalwa kanjani. Funda le ncwadi uthole ukuthi bangabehlula yini abafundi bebanga lesihlanu.

Ngiyayithanda le ncwadi ngoba ngithanda ibhola lezinyawo. Izithombe zayo zidwetshwe kahle kanti zinemibala emihle, nabalingiswa babukeka sengathi badlala ibhola lezinyawo ngempela. Ngiyawuthanda umbhalo walo mbhali ngoba wenza ibhola lezinyawo liphile.

Ngicabanga ukuthi abantu abathanda ibhola lezinyawo kumele bayifunde le ncwadi ngoba ibonakala ibhaleke kahle kakhulu, kanti indaba yayo iyajabulisa.



Masibhale Phendula le mibuzo emayelana nokubuyekezwa kwale ncwadi.

Sithini isihloko sencwadi?

Ubani obhale isibuyekezo sale ncwadi?

Ikhuluma ngani le ncwadi?

Kungani uPortia eyithanda le ndaba?

Ngabe ucabanga ukuthi abanye abafundi bazoyithanda? Ukusho ngani lokho?



ZUL HL Gr5 B1 TH1.indd 6 2019/10/21 12:10:11



Masibhale

Guqula le misho engezansi esenkathini edlule uyiyise enkathini yamanje, bese ubhala imisho emisha.



**Isibonelo**

UPele wayehlala edolobheni elincane eBrazil.

UPele uhlala edolobheni elincane eBrazil.



Kungani uPele ayephumelela?

Waqala iqembu lakhe lebhola.

Washiya isikole wayodlala ibhola lezinyawo.

Wasiza abadlali abaningi bebhola lezinyawo.

UPele waba ngumdlali omkhulu webhola lezinyawo.





ZUL HL Gr5 B1 TH1.indd 7 2019/10/21 12:10:14

# 4 Ukubuyekezwa kwencwadi



**Masibhale**

Le misho ibhalwe yaxoveka ngokwendaba.
Yilandelanise kahle bese uyinikeza izinombolo.



| | |
|---|---|
| | Ngicabanga ukuthi abantwana abathanda ibhola lezinyawo kumele bayifunde le ncwadi. |
| | Funda le ncwadi uthole ukuthi bangabehlula yini abantwana abafunda ibanga lesihlanu. |
| | Uthanda umdlalo owodwa: ibhola lezinyawo. |
| | Esikoleni uPele akakwazi ukudlala ikhilikithi, ibhola lombhoxo noma elomphebezo. |
| | Le ncwadi ngiyithanda ngoba ngithanda ibhola lezinyawo. |
| | Ngiyawuthanda umbhalo walo mbhali ngoba wenza ibhola lezinyawo libe nempilo. |
| | Ngicabanga ukuthi lo mbhalo usezingeni eliphezulu kakhulu kanti nendaba imnandi kakhulu. |



**Masibhale**

Uzobhala isibuyekezo sendaba ekhuluma ngoPele oyifundile.Bhala umzamo wokuqala usebenzise ibalazwe lemibono elingezansi.





ZUL HL Gr5 B1 TH1.indd 8 2019/10/21 12:10:22

Usuku: ____________________

**AMAGAMA MASHA**



**Masibhale**

Bhala isibuyekezo sakho-ke manje.

Bhala imisho emine ngaphansi kwesihlokwana ngasinye.

Indaba imayelana

UPele uyisibonelo esihle kubantu abasha ngoba

Ngiyithandile/angiyithandanga le ndaba ngoba

Kumele/akumele uyifunde le ndaba ngoba



**Masizijabulise**

Dweba isithombe-ke manje esikhombisa ukuthi indaba imayelana nani. Nikeza isithombe isihloko.



UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr5 B1 TH1.indd 9 2019/10/21 12:10:23

# 5 Ukuguquka kwendlela yokubheka izinto

**Masikhulume** Xoxani ngesithombe eqenjini lenu.

Ucabanga ukuthi yini lena emhehile umfana? Ucabanga ukuthi uyathanda ukudlala umdlalo? Ukwazi kanjani lokhu? Uma bewungumngani wakhe, bewuyomncenga ukuthi enzeni? Tshela abangani bakho eqenjini.




**Ngaphambi kokufunda**

- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi le ndaba imayelana nani.
- Funda udlulise amehlo endabeni ukuze ubone ukuthi uzofunda ngani.

**Masifunde**

Angikaze ngilithande ibhola lezinyawo. Hhayi ngoba lingemnandi, kodwa ukuthi angiliqondi. Kuyahlekisa nje lokhu. Kuyini nje ukuthi amathimu amabili alokhu ekhahlelana nebhola elibhekise enethini elikhulu? Kuphela imizuzu engama-90 benza lokho nje. Ngaleso sikhathi mina ngabe ngizifundela incwadi emnandi!

Ngimdumazile ubaba. Uvele wanginika ibhola elinegama likaPele ngosuku lwami lokuzalwa. Yinto ebukeka kabi nje. Lifike kimi ligoqwe ngephepha lezipho, kunekhadi elibhalwe amazwi athi: "Usuku oluhle lokuzalwa, Xolisa, kuvela kuMama noBaba abakuthandayo". Ngivele ngalibeka etafuleni lokutadisha lisongiwe linjalo – ngenzela ukulibuka nje.

Ngelinye ilanga ngavakashelwa ngumngani wami. "Awuthandi yini ukuyodlala?" kubuza yena. "Cha!" ngimphendula masinya. Wahlahla amehlo ngenkathi ebona ibhola lezinyawo elalisetafuleni lami. "Ngokukabani lokhuya?" kubuza yena ngomdlandla. "Okwami," kusho mina. Waya kulona. Waliqaqa walibhampisa eya le nale indlu yonke. "Woza, masiyolidlala ngaphandle!" Nganqekuzisa ikhanda. Ngenxa yokuthi kwakuyibhola lami, ngabona ukuthi mangimlandele! Ngashiya incwadi yami phezu kombhede.

Angazanga nokuthi kumele ngenzeni, ngama nje phakathi nenkundla. Ngambuka edlala ibhola lami lo mngani omusha. Walikhahlelela kimi. Ngangimusha kulo mdlalo ngingazi nokuthi kumele ngenzeni. Ngavele ngalicosha ngagijima nalo. "Likhahlele lize ngapha!" kumemeza yena ngaleya nenkundla. Ngalibeka ezinyaweni ngalikhahlela kakhulu impela. Lasuka lashaya intombazana eyayimi phambi kwami. Ngaphoxeka! Ngenhlanhla ayilimalanga.

Masinyane, kwafika ezinye izingane. Kwase kuba namathimu amabili njalo. Ngangingayazi nemithetho yebhola mina, ngazithola sengigijima ngilandela abanye ngiya le nale nenkundla ngenzela ukuthi okungenani ngidlale. Ngafunda masinya. Angizange ngilifake igoli, kodwa lokho akuzange kusho lutho.

Ngamangala ukuzithola ngiwujabulele kanje lo mdlalo – ngajabulela nokujuluka kanye nokungcoliswa wudaka. Emva kwalokho ngahamba ngilikhahlela indlela yonke eya ekhaya ibhola. UMama wangibona wehluleka nokukhuluma. Wayesemamatheka ethi, "Khumula lezo zicathulo uzilethe lapha, mnumzane. Angifune ludaka endlini yami!" Ngangena ngejubane ngaphakathi endlini, ngigxumagxuma ngibheke ekamelweni lokugezela.

Kusukela ngalelo langa, ngakuthanda ukudlala ibhola lezinyawo. Ngezinye izikhathi ngiziqeqesha ngisho ngisekamelweni lami imbala!



ZUL HL Gr5 B1 TH1.indd 10 2019/10/21 12:10:25

Usuku:





**Masibhale** Phendula le mibuzo.

Ucabanga ukuthi yini ebeyenza ukuthi uXolisa adumaze uyise?

Ngabe wayekujabulela ukudlala umdlalo? Kungani usho kanjalo?

Yini ayeyithanda kakhulu?

Bhala isigaba ngamazwi akho usho ukuthi kwenzekani ngenkathi umngani omusha efika emvakashele.

Unina yena waphatheka kanjani uma esefika ekhaya enodaka ezinyaweni?



Nikeza le ndaba isihloko.

**Masibhale** Funda lesi siqeshana esicaphunwe esithathwe endabeni. Dwebela wonke amabizomvama ngokubomvu ukokelezele amabizoqho ngokuluhlaza okwesibhakabhaka.

Angikaze ngilithande ibhola lezinyawo. Hhayi ngoba lingemnandi, kodwa ukuthi angiliqondi. Kuyahlekisa nje lokhu. Kuyini nje ukuthi amathimu amabili alokhu ekhahlelana nebhola elibhekise enethini elikhulu? Kuphela imizuzu engama-90 benza lokho nje. Ngaleso sikhathi mina ngabe ngizifundela incwadi emnandi!

Ngimdumazile ubaba. Uvele wanginika ibhola elinegama likaPele ngosuku lwami lokuzalwa. Yinto ebukeka kabi nje. Lifike kimi ligoqwe ngephepha lezipho, kunekhadi elibhalwe amazwi athi: "Usuku oluhle lokuzalwa, Xolisa, kuvela kuMama noBaba abakuthandayo". Ngivele ngalibeka etafuleni lokutadisha lisongiwe linjalo – ngenzela ukulibuka nje.


UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr5 B1 TH1.indd 11 2019/10/21 12:10:29

# 6 Ukubhala kuyaqhutshwa

- Sebenzisa ibalazwe lemibono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhala umzamo wokuqala
- Cela umngani wakho abheke amaphutha emzamweni wokuqala
- Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha
- Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.





**Masibhale** Ukusebenza ngamaqembu.

Sebenzisa lokhu ukulungiselela indaba. Intombazana noma umfana ovela emphakathini ompofu: ungumsubathi osezingeni eliphezulu; uwina umqhudelwano womhlaba bese eba nemali eningi aziwe kakhulu.

Isakhiwo sibhekise kulokho okwenzeka endabeni.

Nikeza indaba yakho isihloko.

Bhala isingeniso esihle.

Siyini isizinda? Yenzekephi, nini indaba?

Ngobani abalingiswa?

Iphela kanjani indaba?



ZUL HL Gr5 B1 TH1.indd 12 2019/10/21 12:10:30



Masibhale

Nazi iziphongozo ezejwayelekile zamagama nezincazelo zazo.

## IZIQALO ZAMABIZO

Uphongoza isiqalo esiqwini segama ukuze liphelele.

| | |
|---|---|
| um- | (umfula) munye |
| imi- | (imifula) miningi |
| ili - | (ilizwe) linye |

| | |
|---|---|
| ama- | (amazwe) maningi |
| ubu- | (ubuthi) abunasibalo |
| uku- | (ukusha) akunasibalo |



Phongoza iziqalo kulezi ziqu ezilandelayo.

| | |
|---|---|
| ___ su | sinye |
| ___ su | ziningi |
| ___ fundisi | munye |
| ___ fundisi | baningi |
| ___ nzi | awanakubalwa |
| ___ si | awabalwa |



Masibhale

Nazi izijobelele ezijwayelekile.

-ana -kazi -eni

## IZIJOBELELO

Ukufaka izijobelelo egameni ukuguqula incazelo.

Sebenzisa lezi zijobelelo emagameni analezi zincazelo:

imali (encane) ___ umuzi (omkhulu) ___ ikhala (lingundaweni) ___

inkosi (owesifazane) ___ ithambo (elincane) ___




Masibhale


Phinda ubhale le misho.
Sebenzisa ukhefane lapho kufanele khona.

Ukhefane usetshenziswa ukuhlukanisa izinto ezibhalwe zalandelana.


Mina nobaba siyathanda ukuyodoba ukubhukuda kanye nokuzula ngemoto ngempelasonto.



Ngiyathanda ukubukela amafilimu ukufunda izincwadi kanye nokutadisha.



UXolisa akazi lutho ngekhilikithi ibhola lezinyawo kanye nangebhola lombhoxo.





ZUL HL Gr5 B1 TH1.indd 13 2019/10/21 12:10:37

# 7 Umdlalo wokugcina kaPele



**Masikhulume**

Phindani nifunde indaba ekhuluma ngoPele,bese emaqenjini enu nixoxe ngokubaluleka kwezemidlalo. Yethula inkulumo eqenjini lakho mayelana nokuthi kungani ezemidlalo zibalulekile.

Makuhlolwe inkulumo yomuntu ngamunye kusetshenziswa leli thebhula elingezansi: uthola amaphuzu ama-5 owenze kahle kakhulu; ama-4 owenze kahle; ama-3 osadinga ukwenza ngcono.

| | 5 | 4 | 3 |
|---|---|---|---|
| Umlayezo ucacile futhi uphelele. | | | |
| Uyayisekela imibono yakhe. | | | |
| Ukhuluma acacise futhi uyazibheka izethameli. | | | |
| Ukhuluma ngezwi elamukelekayo elizwakalayo neliphakeme kahle. | | | |
| Umlayezo uyalandeleka uphinde wenze izethameli zilalele. | | | |
| Unesingeniso, umzimba kanye nesiphetho okunohlonze. | | | |
| Usebenzisa ulimi olunembayo. | | | |
| Imisho yakhe mihle, iqondakala kalula. | | | |



**Masifunde**

Bathi konke okuhle kuhamba kuhambe kuphele. Kube liqiniso lokhu ngonyaka we-1977 lapho kwase kusondele khona isikhathi sokuthi iqhawe lomhlaba libeke phansi izintambo khona. Lesi yisikhathi lapho uPele waseBrazil adlala khona umdlalo wakhe wokugcina enkundleni iGiants yaseNew York.

UMengameli waseMelika, uJimmy Carter, wenza inkulumo ngoPele ekanye noMuhammad Ali, wathi, "Angazi noma ungumdlali ovelele yini, kodwa mina ngivelele kakhulu kunaye noma sekuthiwani." U-Ali yena wavuma kamuva ngelithi "Kunabadlali ababili abakhulu kakhulu-ke manje", egcwalisa ukuthi yena noPele bangompetha abaziwa kakhulu kuwo wonke umhlaba.



UPele wafaka igoli alishaya esemayadini angama-30, kuyibhola elikhahlelwa uwedwa, kwaduma inkundla imemeza ithi, "Pele, Nkosi yebhola!" Ngesikhathi sekhefu uPele ijezi lakhe elalibhalwe inombolo ye-10 lase lithathe umhlalaphansi. Kwaba nezinkulumo eziningi, kwabhakuza amafulegi kuphethwa umcimbi wosuku.

Into eyayingajabulisi kuphela ukuthi laliyithela imvula ngenkathi umdlalo sewuya ngasekupheleni, kanti iphephandaba lendawo lona lakubeka kwacaca ukuthi kwakungoba "nesibhakabhaka sasidedele izinyembezi."



ZUL HL Gr5 B1 TH1.indd 14 2019/10/21 12:10:37

Usuku: ____________




**OMQONDOFANA**
Omqondofana ngamagama asho okufanayo, nakuba ebhalwe ngokwehluka.

Kungani sithi unyaka we-1977 kwakuwunyaka obalulekile empilweni kaPele?

______________________________

UMohammad Ali kwakungumshayisibhakela. Kungani azibiza ngomuntu "ovelele" naye?


______________________________

U-Ali wathi bona benoPele babengabadlali abaziwayo kuwo wonke umhlaba?

______________________________

Umusho othi isibhakabhaka sidedela izinyembezi sichazani ngokwale ndaba.

______________________________
______________________________
______________________________
______________________________
______________________________






Khetha igama elinomqondo ofanayo nale elibhalwe ngokuhlukile. Libhale eduze komusho ofanele.

| Okwakungathokozisi | lina | ukusonga | lase liyekile | ukuyeka |
|---|---|---|---|---|

Ijezi lakhe elalibhalwe unombolo 10 lase lithathe umhlalaphansi. ____________

Kwabhakuza amafulegi kuphethwa umcimbi wosuku. ____________

Lalithela imvula. ____________

Okwakungajabulisi ____________



ZUL HL Gr5 B1 TH1.indd 15 2019/10/21 12:10:38

# Siyadidiyela



- Sebenzisa ibalazwe lemibono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhala umzamo wokuqala
- Cela umngani wakho abheke amaphutha emzamweni wokuqala
- Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha
- Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.



**Masizijabulise**

Masenze umdlalo

Qoqanani ngamaqembu. Yenzani umdlalo ngoPele. Makube nabadlali abane okungenani emdlalweni wenu ebese niwudlala.



**Masibhale**

Bhala isibuyekezo somdlalo ebeniwufunda. Sebenzisa lokhu okulandelayo ukubhala umbiko wakho ngomdlalo.




**Umdlalo umayelana nani:**

**Abadlali:** Babe ngabakholekayo na? Bakhulume kakhulu nangokucace ngokwanele? Ngabe ukunyakaza komzimba kukhona okukushoyo ngomlingiswa? Ngubani umdlali ovelele, ngani?

**Ulimi:** Ngabe indaba icacile? Uye wakuqonda okushiwo ngabadlali? Ngabe ulimi abalusebenzisile lube mnandi? Ube naso isifiso sokubalalela abadlali?

**Kungani kumele/kungamele uwubone lo mdlalo:**





ZUL HL Gr5 B1 TH1.indd 16 2019/10/21 12:10:54

Usuku:




## Masibhale

Sebenziwa izimpawu zokuloba ezifanele kulesi sigaba esilandelayo.

Sebenzisa abacaphuni ngaphambili kanye nasemuva kwenkulumo-ngqo yesikhulumi noma umbhali.

*Izibonelo:* Uthisha uthe, "Niwenzile yini umsebenzi wasekhaya?" "Ngiyayazi impendulo," kusho yena.



uma ngidlala ibhola lezinyawo ngizizwa ngingongenakwehlulwa kanti umqondo wami awudideki ngiyajabula ingcindezi iyasuka yonke ngiyathanda nokubhala ngoba nginezinto engizibona ngamehlo omqondo ngiba nemizwa ehlukile kanti ngikubhala konke lokho engingakwazi ukukusho kubantu ngivele ngikuphendule izindaba enginethemba lokuthi ngelinye ilanga kukhona oyongibona ngizidlala, noma afunde enye yezindaba zami zimjabulise ngiyaye ngithi kumama ngiyayithanda le nto engiyenzayo.



## Masibhale


Usebenzisa inkathi yamanje uma ufuna ukukhuluma ngezinto ozenza njalo.

"Ngejwayele ukugibela ibhasi." Siyayisebenzisa futhi uma sikhuluma ngamaqiniso emukelekayo.

Yenza uhlu lwezinto ozenza zonke izinsuku. Sebenzisa inkathi yamanje. *Izibonelo:* Ngiyavuka. Ngiya esikoleni.

Bhala izinto ozenze ngenkathi ulungiselela umdlalo wokulingisa. Bhala imisho ibe senkathini edlule.

*Izibonelo:* Ngizejwayeze imigqa engizoyisho. Ngikhulume ngokucacile nangokuzwakalayo.



UTHISHA: Ukusayina Usuku



ZUL HL Gr5 B1 TH1.indd 17 2019/10/21 12:10:59


# 9 Unogwaja okhethekile



**Masikhulume** Buka izithombe

Buka isithombe ngakwesokunxele. Yini oyibonayo?
Buka isithombe ngakwesokudla. Yini oyibonayo?
Ingabe izithombe lezi azifani? Yini umahluko?







**Masifunde**

Onogwaja bomfula batholakala eNingizimu Afrika kuphela, eKaroo. Ngeshwa yizilwane ezisengcupheni yokushabalala. Zisengozini yokushabalala unomphela.

Onogwaja bomfula bahlala eceleni komfula eKaroo. Umhlabathi walaphaya ubavumela ukuba bagubhe imigodi. Onogwaja bomfula badinga imigodi ukukhulisa abantwana abancanyanyana lapho bezalwa – ababa bakhudlwana kunebhokisi likamentshisi. Abantwana babizwa ngokuthi ngamazinyane.

Abanye abalimi balima eceleni komfula. Ngakho-ke imithi nezihlahla ezidingwa onogwaja bomfula sezishatshalalisiwe. Kunezindawo ezimbalwa lapho onogwaja bengahlala khona futhi banakekele amazinyane abo khona.


Inhlangano ebizwa ngeSouth African Wildlife Society izama ukusindisa onogwaja bomfula. Abanye abalimi eKaroo bavumile ukuvikela onogwaja emapulazini abo. Kunohlelo lokubandisa eDe Wildt Nature Reserve. Lapho onogwaja bazalaniswa ngokuphepha. Banethemba lokuphindisela laba onogwaja eKaroo, lapho bengabakhona.





ZUL HL Gr5 B1 TH1.indd 18 2019/10/21 12:11:00

Usuku:



Masiqonde

Phinda ufunde indaba yonogwaja bomfula.




Le ndaba yawonogwaja isinika ulwazi. Lwazi luni esinika lona?

Ngabe onogwaja bomfula bayafana nonogwaja abejwayelekile?

Ucabanga ukuthi kungani bebizwa ngonogwaja bomfula?

Ngabe unogwaja womfula usengozini yokushabalala yini? Yisho ukuthi ngani.

Yini esingayenza ukusindisa onogwaja bomfula? Bhala imisho emibili.




Utholakala kuphi unogwaja womfula?

Ngabe abantwana bakhulu kangakanani uma bezalwa?

Kungani bembalwa onogwaja bomfula abasele? Bhala imisho emibili.

Ngabe abalimi benzani ukusindisa onogwaja bomfula? Bhala izinto ezimbili.

Lolu hlelo lokuzalanisa onogwaja lwethemba ukuthi yini olungakwazi ukuphumelela kuyo?



UTHISHA: Ukusayina Usuku



ZUL HL Gr5 B1 TH1.indd 19 2019/10/21 12:11:03

# 10 Okunye ngonogwaja bomfula



Masibhale

Kokelezela umusho oyisihloko kwisigaba ngasinye ngokuluhlaza okwesibhakabhaka; dwebela imisho eyesekelayo ngokubomvu.

Umusho oyisihloko uqoqa umqondo omkhulu wesigaba.

Onogwaja bomfula batholakala eNingizimu Afrika kuphela, eKaroo. Ngeshwa yizilwane ezisengcupheni yokushabalala. Zisengozini yokushabalala unomphela.

Onogwaja bomfula bahlala eceleni komfula eKaroo. Umhlabathi walaphaya ubavumela ukuba bagubhe imigodi. Onogwaja bomfula badinga imigodi ukukhulisa abantwana abancanyanyana lapho bezalwa – bakhudlwana kunebhokisi likamentshisi. Abantwana babizwa ngokuthi ngamazinyane.

Abanye abalimi balima eceleni komfula. Ngakho-ke imithi nezihlahla ezidingwa onogwaja bomfula sezishatshalalisiwe. Kunezindawo ezimbalwa lapho onogwaja bengahlala khona futhi banakekele amazinyane abo khona.

Inhlangano ebizwa ngeSouth African Wildlife Society izama ukusindisa onogwaja bomfula. Abanye abalimi eKaroo bavumile ukuvikela onogwaja emapulazini abo. Kunohlelo lokubandisa eDe Wildt Nature Reserve. Lapho onogwaja bazalaniswa ngokuphepha. Banethemba lokuphindisela laba onogwaja eKaroo, lapho bengabakhona.



Masibhale

Le misho eyisikhombisa engezansi imayelana nonogwaja bomfula. Emihlanu ihambelana nendaba kodwa emibili ayihambelani ngoba imayelana nokunye nje. Yimiphi imisho emibili engahambelani nendaba? Yidwebele.

Onogwaja bomfula bahlala osebeni lomfula eKaroo.

Inhlabathi eKaroo yinhle ekwakheni imigodi yawonogwaja.

Badla izitshalo ezimila osebeni lomfula.

Umntwana kanogwaja ungangebhokisi likamentshisi.

Basengcupheni yokushabalala.

Abalimi balima amasimu eduze nomfula bese bebulala imigodi yawonogwaja.

Abantwana bancanyanyana.





ZUL HL Gr5 B1 TH1.indd 20 2019/10/21 12:11:03


# 11 Izinombolo zixoxa indaba ebuhlungu




Buka igrafu.
Funda izinombolo ngakwesokunxele, kanye neminyaka ngezansi.




Thola ukuthi igrafu isitshelani. Phendula-ke imibuzo.




igrafu isikhombisani?

Bangaki onogwaja bomfula ababekhona ngonyaka we-1995?


Yimuphi unyaka owaba nonogwaja bomfula abancane ngenani?

Ngabe inombolo yonogwaja bomfula yenyuka yini phakathi kweminyaka wezi-2005 nowezi-2010? Kungani?

Onogwaja uhlobo lwezilwane olusengozini. Kusho ukuthini lokhu?

Khetha impendulo ibe yinye kulezi ezintathu ngezansi.

1. Basengozini yokushabalala unomphela.
2. Bafudukiselwa kwenye ingxenye yeNingizimu Afrika.
3. Bahanjiswa bayiswe emapulazini angaphandle kweKaroo.





ZUL HL Gr5 B1 TH1.indd 22 2019/10/21 12:11:47

Usuku: ____________

AMAGAMA MASHA



**Masibhale**

Emgqeni ngamunye,qondanisa igama lokuqala elibhalwe ngokunzima ukhethe emagameni owanikeziwe kulowo mugqa.

Bhala amagama abhalwe ngokugqamile esichazamazwini sakho.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **kusengozini** | kuhambile | akujabulile | kuyafa | okwethusayo |
| **okuncelisayo** | izinyoni | izinyosi | izilwane | amasele |
| **ukushabalala** | kuyancipha | ukufiphala | kuyenyuka | kuyavela |
| **imigodi** | emigodini | izisele | izimbobo | izihlahla |
| **limele** | kwethukile | limaza | kushiyiwe | kulimele |



**Masibhale**

Hlanganisa imisho emibili ukhethe kwizihlanganiso ozinikiwe.

Lapho | Uma | Ngoba | Kodwa | Futhi | Ngakho



Isibonelo:

Onogwaja bomfula basengozini yokushabalala unomphela.

Inhlangano yezilwane zasendle izama ukubasindisa.

Onogwaja bomfula basengcupheni yokushabalala, ngakho inhlangano yezilwane zasendle izama ukubasindisa.

Onogwaja bomfula badinga ukuzimbela imigodi osebeni lwemifula.
Abalimi balima umhlaba oseduze nemifula.



____________

____________

Kunohlelo lokubazalanisa. Babazalanisa ngempumelelo onogwaja.

____________

____________

Banethemba lokuthi onogwaja bazobabuyisela emfuleni. Sebekulungele lokho onogwaja.



____________

____________

Onogwaja ngeke besaba sengcupheni. Lolu hlelo luyimpumelelo.

____________

____________



ZUL HL Gr5 B1 TH1.indd 23 2019/10/21 12:11:50

# 12 Vikufunda ngonogwaja



Hlela kahle imisho elandelayo ukuze isigaba silandelane kahle.

## Masibhale




Emva kokufunda le ncwadi, abafundi abazugcina ngokwazi ukuthi onogwaja benzani nje, kodwa bazokwazi nokuthi kungani benza kanjalo.

Bakhulu ngezindlela ezahlukene, bamibalabala kanti nezikhumba zabo zehlukene.

Le ncwadi enolwazi ifundisa abafundi ngezindlela zokunakekela onogwaja babo, noma ngabe abaluhlobo luni.

Kunezinhlobo zonogwaja ezingaphezulu kwamashumi amane emhlabeni.

Kuneziphakamiso nsuku zonke ngokuhlanza kanye nezincomo ngokuzivocavoca.



Bhala umusho oyisihloko wesigaba sakho.

Usuku:



Masibhale

Sebenzisa amagama owanikiwe ukuze isigaba sibhaleke kahle.

Okokuqala | Okulandelayo | Ekugcineni | Emva kwalokho | Kamuva



**Indlela okuhlanzwa ngayo indlu kanogwaja**

Wukhiphe unogwaja wakho. Wufake ekesini. Khipha uboya obuwele endlini kanogwaja ubufake esakeni. Washa uphinde ufake isibulalamagciwane phansi. Sula ngethawula ukuze kome. Faka uboya obusikwe kabusha. Qiniseka ukuthi kunamanzi nokudla okusha.



Masibhale

Bhala isigaba ngokuncipha kwesibalo sonogwaja bomfula phakathi kweminyaka we-1965 no wezi -2010. Isigaba singedluli emigqeni eyisishiyagalombili. Igrafu elisekhasini lokusebenzela le-11 linayo imininingwane engakusiza ukubhala isigaba.





ZUL HL Gr5 B1 TH1.indd 25 2019/10/21 12:12:19

# 13 Onogwaja abafuyiweyo nabasendle



Masifunde



**Ngaphambi kokufunda**
- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi le ndaba imayelana nani.
- Yedlulisa amehlo ekhasini ukuze ubone ukuthi uzofunda ngani.

Kunogwaja basendle kanye nabafuyiwe. Abafuyiwe bathambile, bangabangani babantu. Abasendle bagcwele kuwo wonke amazwekazi ngaphandle kwase-Antarctica. Bonke laba abafuyiwe badabuka eYurophu, babizwa ngonogwaja abajwayelekile.

Kunogwaja abakhulu nabancane. Abanye banamakhanda amancane, acijile, kanti abanye banamakhanda abanzi, ayizicaba. Onogwaja ngokwehlukana kwabo banoboya obumibalabala: abasendle banoboya obunsundu kanti abafuyiwe bangaba noboya obufushane obumhlophe, obumnyama noma obumpunga. Uboya babo buyabafudumeza.



Onogwaja banemilenze yangemuva eqatha abayisebenzisela ukugxumagxuma. Banejubane elingalingana namakhilomitha angama-23 ngehora, kanti abaningi babo bagxuma ibanga elingamamitha ama-5.

Unogwaja usebenzisa inzwa yokulalela kakhulu ngangokuthi uzwa umsindo oqhamuka nhlangothi zonke. Amehlo kanogwaja asemaceleni ekhanda. Lokhu kuwusiza ukuthi ubone nhlangothi zombili kanye nangaphambili nasemuva. Onogwaja babona kahle nasemnyameni. Unogwaja unesiphiwo esiphakeme sokuhogela futhi.

Onogwaja badla izitshalo ezinamahlamvu. Amazinyo angaphambili awayeki ukukhula. Ukuluma nokuhlafuna kusiza ukuvimba ukukhula ngokweqile kwala mazinyo. Ngezinyanga zasebusika baphila ngokudla amagxolo, amagatsha nezithelo ezindala ezihlahla.

Onogwaja abalali ebusuku. Bayadla badlale ubusuku bonke kuze kuse. Emini bayalala baphumule.

Unogwaja ongumngani wabantu onakekeleke kahle angaphila iminyaka eyi-8 kuya kweyi-12. Unogwaja wasendle uphila iminyaka ethi mayibe mihlanu.

Onogwaja abasebancane babizwa ngabantwana noma amazinyane. Bazalwa becimezile futhi bengenabo uboya.

Ukufudumeza abantwana unogwaja ubemboza ngotshani obuhlanganiswe noboya bukamama esidlekeni esiba semgodini enhlabathini. Uma sebenesonto ubudala, abantwana basuke sebenamehlo avulekile, sebenoboya obuthambile. Uma sebenamasonto amabili, bayasishiya isidleke. Umama ubanakekela amasonto ambalwa emva kwalokho, abadedele baziphilele. Emva kwalokho bazitholela bona ukudla. Uma sebenezinyanga eziyisithupha ubudala bayaqala ukuthola ababo abantwana.



ZUL HL Gr5 B1 TH1.indd 26 2019/10/21 12:12:33

Usuku:

AMAGAMA AMASHA



Masibhale



Le ndaba ikhuluma ngani?

| |
|---|
| |

Nikeza le ndaba isihloko.

| |
|---|
| |

Ethebhuleni elingezansi bhala izinto ezinhlanu onogwaja basendle nabafuyiwe abehlukene ngazo.

| Onogwaja abafuyiwe | Onogwaja basendle |
|---|---|
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |

Bhala amaphuzu amahlanu akulesi siqephu.

| |
|---|
| |
| |
| |
| |
| |

Qedela le misho usebenzisa izenzo ezibhalwe kubakaki njengamabizosenzo.

Uyafuna ______ (hlanza) indlu kanogwaja?

Akudingeki ______ (hamba) manje. Asikakakushiyi isikhathi.

Ungakhohlwa ______ (phathela) unogwaja utshani obuhlanzekile.

Ngifuna ______ (suka) ngiyobona onogwaja abafuywe ngabangani bami.

Uvame ______ (phila) isikhathi esingakanani unogwaja?

Ibizosenzo isenzo esiphongoza u-uku.
Isibonelo:shaya - kushaya



ZUL HL Gr5 B1 THI.indd 27 2019/10/21 12:12:41

# 14 Siphindela konogwaja basendle nabafuyiwe



**Masibhale** Buka lesi siqeshana esibhaliwe esimayelana nonogwaja abafuyiwe nabasendle.

Bhala isigaba echaza ukuthi konogwaja basendle umama ubanekekela kanjani abantwana.






**Masibhale** Phinda ubhale imisho engezansi usebenzise isenzo esifanele.

Onogwaja abaningi (ba/u)hlala osebeni lomfula eKaroo.

Abantwana bonogwaja (u/ba)zalwa becimezile.

Abalimi (u/ba)lima amasimu eduze komfula.

Ukulima (i/ku)limaza amahlathi nezitshalo.





ZUL HL Gr5 B1 TH1.indd 28 2019/10/21 12:12:53

Usuku:

AMAGAMA AMASHA



**Masibhale** Dwebela amabizosenzo kule misho elandelayo.

Noma ngibathanda onogwaja kumele ngizame ukonga imali eningi ukuze ngibathenge.

Kulukhuni kimi ukuyibeka ebhokisini imali engiyidingayo.

Ngiyesaba ukuya esuphamakethe ngoba ngizosuke ngichithe imali eningi.

Ngizozama ukuyofaka imali ebhange.

Umama wathi kuzongisiza ukumnika imali angibekele yena.





**Masibhale** Phinda ufunde lesi siqeshana esithi *Izinhlobo ezahlukahlukene zonogwaja ebese uyifingqa ngamagama akho.*



ZUL HL Gr5 B1 THL.indd 29 2019/10/21 12:12:54

# 15 Make sibheke izifengqo

**Masifunde** Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo.

Ifike inemilenzekazi, efakwe uwoyela negxamalazile. Beyiphakeme ngamanyathelo angamashumi amathathu ngaphezulu kwezihlahla ifana nesiqhwaga uqobo, igoqe izinzipho izibeke esifubeni esiphuphuma amafutha. Umlenze ngamunye kwesingezansi ufana nephistini lenjini, usalithambo elimhlophe elisinda amaphawundi ayinkulungwane, lingene shiqe ezinyameni ezisazindophi ezinohlonze ezisazingubo zokuzivikela zebutho. Ithanga lilinye kuyithani lenyama, embozwe ngensimbi, kanti emgodleni wokuphefumula kwesingenhla somzimba, kwakulenga izingalo ezimbili zangaphambili ezibukeka ziyintekenteke ezazingakhipa izandla ezingawacoshacosha ziwahlolahlole nje amadoda kube sengathi ayizinto zokudlala.

NguRay Badbury (Ihunyushiwe)

**Masibhale**

Ucabanga ukuthi silokazana sini lesi?

Yiliphi igama elisitshela ukuthi yinkulu le nto?

Umbhali uyiqhathanisa nani imilenze yale nto?

Sifengqo sini esisetshenziswe ngumbhali kulokhu kuqhathanisa?

Umbhali uthi ithanga ngalinye beliyithani lenyama. Yisiphi lesi sifengqo?

**Masibhale** Qondanisa izisho ekholamini ekwesokunxele nezincazelo ekholamini ekwesokudla.

| Isisho |
| --- |
| Ukudla izindwani |
| Ukuba wumoya |
| Ukungabhenywa |
| Ukuba yinyoka |

| Incazelo |
| --- |
| Ukuzaca uphephuke |
| Ukugcwala komfula |
| Ukuba wumkhohlisi |
| Ukuba nolaka |







ZUL HL Gr5 B1 TH1.indd 30 2019/10/21 12:13:02



Masibhale

Dwebela isifengqo emshweni ngamunye kwengezansi.

Usebenzisa isifengqo esiyisenzasamuntu ukunikeza into engeyena umuntu izimpawu zomuntu.

Kunamazwi enkondlo athi 'amagagasi asina imini nobusuku'.

Imbongi yathi, "Moya, khuluma ngizwe ubuciko bakho."

Imfene yagibela esihlahleni, abazingeli bathi ibahleka usulu.



Masibhale

Dwebela okungeyena umuntu ukokelezele okuwuphawu lomuntu emshweni.



Ubusika bafaka izinzipho zabo edolobheni laseKapa.

Iwashi lamemeza lathi sekuyisikhathi sokuvuka.

Ukwesaba kwangibamba kwangisondeza ngenkathi ngizwa izigi zingilandela.

Izinkanyezi zacwayiza kaningi ngenkathi simi sibheke esibhakabhakeni.

Ukulalela ugubhu lusho ngezwi lalo kwajabulisa wonke umuntu.

Izihlahla zahalalisa zizwa umculo opholile womoya wasebusuku.



Masibhale

Qondanisa izaga nezincazelo zazo.
Dweba umugqa usuke esageni uye encazelweni.

| **Izaga** |
|---|
| Lixhoshwa libhekile. |
| Akuvelwa kanyekanye kungemadlebe embongolo. |
| Nalapho kungekho qhude kuyasa |

| **Incazelo** |
|---|
| Noma oziqhenyayo ngekhono lakhe engekho izinto zisazohamba kahle. |
| Iphutha liyenzeka noma kubhekiwe. |
| Akuphunyelelwa kanyekanye. |



ZUL HL Gr5 B1 TH1.indd 31 2019/10/21 12:13:03

Usuku:

Masibhale

Yibhale-ke i-eseyi manje.

- Kwisigaba sokuqala yisho ukuthi izilwane zihlala kuphi nokuthi ziphila ngasinye noma ngamaqoqo yini.
- Kwisigaba sesibili chaza ubunjalo besilwane: sikhulu kangakanani, sibukeka kanjani?
- Kwisigaba sesithathu chaza ukuthi sixhumana kanjani nezinye: misindo mini esiyisebenzisayo?
- Ekugcineni, yisho ukuthi siphila isikhathi esingakanani nokuthi sisengcupheni yokushabalala yini noma cha.

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr5 B1 THI.indd 33 2019/10/21 12:13:11

# Zihlole



| Ngiyakwazi | 🙂 | 🙁 |
|---|---|---|
| ukufunda | | |
| ukuphendula imibuzo emayelana netekisi | | |
| ukuqondanisa amagama nezincazelo zawo | | |
| ukulungiselela nokubhala amaqoqa | | |
| ukuqedela imisho ngisebenzisa izenzo ezisenkathini edlule | | |
| ukuguqula imisho isuke enkathini edlule ize enkathini yamanje | | |
| ukulandelanisa imisho | | |
| ukusebenzisa ibalazwe lobulwembu | | |
| ukubhala umbiko wokuhluza ngencwadi efundiwe | | |
| ukwenza imifanekiso yencwadi | | |
| ukukhuluma ngesithombe | | |
| ukubhala ipharagrafu | | |
| ukuthola amabizoqho kanye namabizomvama | | |
| ukusebenzisa iziphongozo nezijobelelo ukwenza amagama amasha | | |
| ukusebenzisa izimpawu zokubhala eziqeshaneni | | |
| ukwenza inkulumo | | |
| ukubhala ngethule umdlalo | | |
| ukwakha uhlu | | |
| ukuthola umahluko phakathi kwezithombe ezimbili | | |
| ukufunda itekisi | | |
| ukuphendula imibuzo ebhekiswe etekisini | | |
| Ukukhomba umusho oyisihloko neyesekelayo | | |
| ukuqedela ibalazwe lobulwembu | | |
| ukubhala iqoqo | | |
| ukufunda igrafu | | |
| ukuthola izincazelo zamagama | | |
| ukubona omqondofana | | |
| ukusebenzisa izihlanganiso | | |
| ukubhala ipharagrafu | | |
| ukubhala umahluko ethebhuleni | | |
| ukuthola amaqiniso | | |
| ukubenzisa ibizosenzo uku | | |
| ukufaka iziphongozo ezenzweni | | |
| ukuthola izenzo emishweni | | |
| ukuthola nokusebenzisa izingathekiso nezenzasamuntu | | |
| ukusebenzisa izisho | | |
| ukuqondanisa izaga nezincazelo zazo | | |
| ukulungiselela ukubhala i-eseyi | | |



ZUL HL Gr5 B1 TH1.indd 34 2019/10/21 12:13:15

# Okuqukethwe



## Indikimba 2: Iziqephu zamaphephandaba

### Abesifazane abasezindabeni
### Ithemu 1: Amasonto 5 - 6


**17 UNothembi – umculi owehlukile kwabanye** 36

Ufunda indaba ephepheni ebhalwe ngoNontombi.
Uphendula imibuzo ngendaba ebhalwe ephephandabeni
Uthola izincazelo zamagama
Usebenzisa inkathi edlule uma ebhala imisho.
Usebenzisa izandiso zendawo

**18 Okunye ngoNothembi** 38

Usebenzisa izihlanganiso ukuqedela imisho nokwenza imisho yakhe
Ubhala imisho echazayo
Uxoxa ngesithombe
Wakha ithebhula lemisho esenkathini yamanje neyedlule

**19 UNothembi uyacula** 40

Ufunda okunye futhi ngoNothembi
Uphendula imibuzo emayelana nendaba
Uyawubeka umbono wakhe
Uyawabona amagama aphikisayo (omqondophika) endabeni
Ubhala imisho esenkathini ezayo

**20 Izindaba ngoNothembi** 42

Uthola isihloko sendaba, umbhali, amaphuzu asemqoka kanye nabakhulumayo endabeni.
Uchaza isithombe kanye nesihloko saso
Ubhala indaba yephephandaba
Udweba isithombe futhi abhale nesihloko saso

**21 Undiza emoyeni** 44

Uyakwazi ukusebenza neqembu lakhe
Uxoxa ngesithombe
Ufunda indaba ngejimnasti
Uphendula imibuzo ngokubhaliweyo (indaba)
Uxoxa ngesihloko sendaba esephephandabeni
Uyakuthola ukuthi indaba iluhlobo luni

**22 Okunye ngo-Edith** 46

Ubhala isigaba ngo-Edith Moetsi
Uqondanisa isihloko sendaba kanye nomdlalo
Ubhala imisho eyizihloko zendaba
Uyazibona izenzo ezihlokweni zendaba
Uphinda abhale izihloko esebenzisa izenzo enkathini edlule.

**23 Sekuyithuba lakho lokuba yintatheli** 48

Uyaxoxa ngezinhlobo ezahlukene zezindaba ezivela ephephandabeni lendawo.
Ufunda indaba ebhalwe ngo-Edith
Uphendula imibuzo ngendaba
Uyawubona umusho oyisihloko sendaba
Uyawuchaza umqondo osesihlokweni
Usebenzisa amagama abuzayo emshweni

**24 Ukubhala indaba yephephandaba** 50

Uhlela ukubhala indaba ephephandabeni lesikole esebenzisa ibalazwe lobulwembu
Uxoxa bese ebhala indaba aqaphele ukuthi indaba inesihloko, isigaba eyisingeniso neyisiphetho, inkulumo eqondile, (inkulumo-ngqo) isithombe kanye nesihloko saso.
Uyakwazi ukuguqula izitatimende zibe yimibuzo
Uchaza okunye ngesenzasamuntu


### Izinganekwane – izinganeko nemizekeliso
### Ithemu 1: Amasonto 7 - 8


**25 Intuthwane nejuba** 52

Uyazichaza izimpawu zenganekwane okuthiwa yinsumo
Ufunda insumo
Uphendula imibuzo ephathelene nensumo
Uyawubona umehluko phakathi kwendaba yangempela nendaba ecatshangiwe nje
Uyawubeka umbono wakhe
Uyawaqondanisa amagama nezincazelo zawo

**26 Ukucabanga ngentuthwane nejuba** 54

Ubhala imisho emithathu echazayo
Uyayiqedela imisho
Uyaphawula ngokutholakala enganekwaneni eyinsumo: isihloko, isizinda, abalingiswa, udweshu, isisombululo nesifundo
Uqondanisa izilwane nezimpawu zazo zendalo
Uyakubona okungaba yizifundo kwinsumo

**27 Intuthwane esebenzayo** 56

Uyakwazi ukusebenza namaqembu
Uxoxa ngemibuzo emayelana nezintuthwane
Ufunda indaba emayelana nezintuthwane
Uyayiphendula imibuzo ngendaba
Uyawaqondanisa amagama nezincazelo zawo
Uyazisebenzisa izabizwana emishweni
Ubhala imisho esebenzisa izichasiso kanye nezandiso

**28 Ukuhlela kahle indaba** 58

Uyabhala achaze esebenzisa izimpawu zezilwane
Uyaxoxa abhale phansi ngokubaluleka kokunikeza iseluleko.
Uyayixhuma imisho ngokusebenzisa izihlanganiso: futhi, kodwa, ngoba
Uhlela ulwazi ukwenza isigaba esinomqondo oxhumene kahle

**29 Ibhubesi negundane** 60

Uyaxoxa ngemibuzo emaqenjini
Ufunda okubhalwe ngensumo ethi: Ibhubesi negundane
Uyayiphendula imibuzo emayelana nendaba
Uxoxa ngezincazelo zezaga

**30 Ukucabanga ngebhubesi negundane** 62

Uyakwazi ukuxhuma imisho
Uyakwazi ukudlulisa amehlo kokubhaliwe
Uhlela inganekwane esebenzisa ishadi

**31 UMegan uhluza insumo** 64

Uyakwazi ukufunda ukuhluzwa kwendaba: *Ibhubesi negundwane*
Uyakwazi ukuphendula imibuzo ngokuhluzwa kwendaba
Udweba isithombe esihambisana nokuhluzwa kwendaba
Uyakwazi ukusebenza ngezaga
Uyakwazi ukukhetha phakathi kwesenzo esisebunyeni noma esisebuningini

**32 Inganekwane eyisiphetho sazo zonke** 66

Ubhala ulwazi aluthole ngendlela yenkulumo-ngqo
Ubhala insumo ngegundane elisiza ibhubesi esebenzisa izihloko








ZUL HL Gr5 B1 TH2.indd 35 2019/10/21 12:10:26

# 17 UNothembi – umculi owehlukile kwabanye



**Masikhulume**

Letha esikoleni indaba ebhalwe ephephandabeni. Kunamaphephandaba anezindaba zomphakathi wangakini ongadingi ukuwakhokhela. Qinisekisa ukuthi le ndaba ebhalwe ephepheni ozoyiletha ingokuthile ofuna ukukuzwa.

Funda le ndaba esephephandabeni bese uxoxa neqembu lakho ngezimpendulo zemibuzo ebuziwe.


- Sithini isihloko sendaba yakho esephephandabeni?
- Mangaki amagama asesihlokweni sendaba?
- Ubani obhale le ndaba?
- Ikhuluma ngani le ndaba?
- Kwenzekani kule ndaba?
- Kwenzeka nini lokhu?
- Kwenzeka kuphi?
- Yini enye otshelwa ngayo kule ndaba?
- Ingabe le ndaba yakho inawo yini amazwi acashuniwe? Uma inawo, kwathiwani? Kushiwo ngubani?
- Ingabe amazwi acashuniwe ahlobene kanjani nesehlo sale ndaba?
- Ingabe le ndaba inaso yini isithombe? Sitshengisani isithombe? Kuchaze kucace lokho okubonayo.
- Sithini isihloko sesithombe sendaba?



**Masifunde**

Funda isigaba sokuqala sendaba bese uphendula imibuzo.

## UMAMA ODLALA ISIGINGCI



INdlovukazi yomculo wamaNdebele

Ngezwa ngowesifazane owayedlala eKippies, ikilabhu eseGoli. Ugqoka izingubo zesintu zesiNdebele, futhi ushaya isigingci sikagesi. "Angiyikholwa leyo nto," kusho mina. Kodwa ngangifuna ukwazi okufihlekile. Ngangifuna ukuzibonela yena mina ngokwami. Ngakho ngase ngiya eKippies, lapho ngamthola khona uNothembi.

Angiwakholwanga amehlo ami ngenkathi uNothembi ekhwela esiteji. Wayebukeka emkhulu. Wayefake amabhengela amahle obuhlalu ezingalweni nesezithweni zakhe. Wayembethe ingubo yobuhlalu eqhakazile emahlombe, ekhanda ethwele isicholo esikhulu.

UNothembi waphakamisa izandla zakhe wabingelela izihlwele. Wase ethatha isigingci sakhe sikagesi. Esinjani sona isigingci! Sasihlotshiswe ngemidwebo yesiNdebele sipendwe ngayo yonke imibala yothingo lwenkosazana.

UNothembi waqala ukudlala. Wasikhulumisa isigingci sakhe, sacula, sanswininiza, saklikliza futhi sayiyiza.



ZUL HL Gr5 B1 TH2.indd 36 2019/10/21 12:10:29

Usuku:






Ubani okhulumayo esigabeni sokuqala? Ngabe ucabanga ukuthi uNothembi noma umbhali? Usho ngani?

Ucabanga ukuthi kusho ukuthini ukuthi: "Angiwakholwanga amehlo ami"?

Wayesebenzise mibala mini uNothembi ekuhlobiseni isigingci sakhe?

Umbhali usebenzisa ukwenzasamuntu ukuchaza indlela uNothembi adlala ngayo isigingci. Uthi wasenza sakhuluma isigingci sakhe, sacula, sanswininiza, saklikliza futhi sayiyiza. Lezi yizinto ezenziwa ngabantu.

Isenzasamuntu wumfanekisomqondo lapho into engeyena umuntu (into, umbono noma isilwane) inikezwa khona izimpawu zomuntu.

Phinda ufunde indaba.

Dwebela amabizo ngokubomvu, isichasiso ngokuluhlaza okwesibhakabhaka.

Sebenzisa izenzo ezintathu ezicashunwe kule ndaba bese ubhala imisho yakho ngenkathi edlule.




Sebenzisa lezi zakhi zesandizo sendawo ukuqedela imisho engezansi.

e- | e- ... -eni | ku- | kwa-

UThembi wazalelwa ____ Ndebele, kodwa wasebenza ____ Goli.

Wawuthanda umculo womdabu ngoba wakhulela ____ makhaya

Uma ufuna ukufunda ukushaya isigingci ngcono uye ____ Thembi akusize.

Mhlawumbe nawe siyobona usufake umhlobiso wamaNdebele ____ zitho.

# 18 Okunye ngoNothembi



Masibhale

Masiqale ukubhala ngokusebenzisa izihlanganiso ukuxhuma izingxenye ezimbili zale misho.

Sebenzisa isihlanganiso (amagama axhumayo) ngasinye kwezilandelayo ukuqedela imisho.

Kodwa | Nokho | Ngoba | Ukuze | Futhi

Ngithanda ukukubona kusasa Nothembi, ______ sidle ndawonye isidlo sasemini.

Ngiyakuthanda ukudla, ______ uNothembi kufanele aqaphele ukudla akudlayo.

Ngenkathi uNothembi esesikoleni, wayefunda amahora amaningi, ______ wayenethemba lokuphumelela ekuhlolwen kwakhe.

UNothembi waqala ngokugqoka, ______ walungisa izinwele zakhe.

Uyathanda ukusiza abanye abaculi, ______ akavamile ukuthola ithuba lokuyodla isidlo sasemini.



Masibhale

Sebenzisa izihlanganiso ezilandelayo ukwakha imisho yakho.

**Izihlanganiso** zisetshenziswa ukuxhuma imisho nemibono. Uma uzisebenzisa kahle, kuzoba lula ukuqondisisa umbhalo wakho.

nxa

______

______

qede

______

______

anduba

______

______



ZUL HL Gr5 B1 TH2.indd 38 2019/10/21 12:10:33




Bhala imisho emithathu echaza uNothembi. Ungayithathela endabeni noma ubhale eyakho imisho.

Bheka isithombe. Bhala ngempahla kaNothembi ayigqokile nobuhlalu bakhe. Yisho ukuthi kunjani, kunamibala mini nokuthi wena ungathanda yini ukugqoka ngale ndlela.




Bheka amagama alandelayo acashunwe kwisigaba sokugcina endabeni kaNothembi.

ngangisebenza

unenhlanhla

kwakufanele ondle

sengidlalela

Bhala amagama akhuluma ngezinto ezenzeka ngaleyo nkathi nezenzeka manje uwafake kukholamu elifanele.

| NGALEYO NKATHI | MANJE |
|---|---|
| | |
| | |

# 19 UNothembi uyacula



Masifunde

Funda isigaba sokugcina sendaba kaNothembi ebese uphendula imibuzo.



## UMAMA ODLALA ISIGINGCI.



UNothembi uyacula futhi. Amaculo akhe amayelana nezindawo zasemaphandleni: imifula kany e nempilo yasemakhaya ayikhumbulayo yasebunganeni bakhe. Kwakunomculo yonke indawo. "Umalume wangifundisa ukushaya isigingci ngisemncane kakhulu," kusho uNothembi. "Ngangivamise ukucula emingcwabeni nasemishadweni. Ngonyaka we-1983 ngakha ibhendi yami eMamelodi. Babengebaningi abesifazane ababedlala isigingci sikagesi ngaleso sikhathi. Lapho abantu bengibona babecabanga ukuthi ngiyisimanga nje. Kodwa ngangingacabangi ukuthi ngiyisimanga. Ngiyazithandela nje umculo nokudlala isigingci. Ngizwa okuthile okwehlukile nje uma sengidlala. Ngizizwa senginamandla nje."

Uthi unenhlanhla manje. "Sengidlalela ukuziphilisa. Ngawo unyaka we-1980, ngangisebenza emakhishini ngoba kwakufanele ngondle abantwana bami ababili."



Masibhale

Wayiqamba nini ibhendi yakhe uNothembi?

UNothembi uthi abantu babemangazwa wukuthi wabe edlala isigingci sikagesi engumuntu wesifazane. Ingabe zikhona yini ezinye izinto ezimangaza abantu uma zenziwa umuntu wesifazane? Bhala izinto ezimbili ezifika emqondweni wakho.

UNothembi uzizwa enamandla uma edlala isigingci, wena ucabanga ukuthi uzizwa kanjani uma engasasidlali?

Uma ezizwa enamandla uma edlala isigingci wena ucabanga ukuthi uzizwa kanjani uma engasasidlali? isigingci? Ukusho ngani lokho?

Ingabe impilo yakhe isafana nempilo ayeyiphila ngonyaka we-1980? Usho ngani?



ZUL HL Gr5 B1 TH2.indd 40 2019/10/21 12:10:38

Usuku: ____________



Masibhale

Bhala omqondophika bala magama acashunwe endabeni.

> Umqondophika yigama elinencazelo ephikisana neyelinye (isb. kubi; kuhle).

| | |
|---|---|
| ngisemncane | |
| ebunganeni | |
| okwehlukile | |



Masibhale

Guqulela imisho elandelayo enkathini ezayo.

UNothembi ucula eKippies.

______________________________

UNothembi udlala amaculo asebusheni bakhe.

______________________________

Abaculi bethembela kuNothembi.

______________________________

Umbhali wendaba kaNothembi uyawulalela umculo kaNothembi.

______________________________

______________________________

UNothembi ugqoka impahla enhle uma ecula.

______________________________

______________________________





ZUL HL Gr5 B1 TH2.indd 41 2019/10/21 12:10:39

# Izindaba ngoNothembi





**Masibhale** Phinda ufunde yonke indaba ngoNothembi ebese uphendula imibuzo

*Kuvame ukuthi isihloko sendaba esephephandabeni sibe namagama amane noma amahlanu kuphela. Lokhu ngumzamo wokuheha abafundi ngokubatshela ukuthi indaba ingani ngendlela emfushane enembayo.*

Sithini isihloko sale ndaba?

Mangaki amagama akulesi sihloko?

*Umugqa wombhali usitshela ukuthi ngubani obhale indaba.*

Wubani obhale le ndaba?

*Isingeniso siyendlalela nje, siqoqe amaphuzu asemqoka ngendaba ngokuphendula imibuzo ethi: ngubani, yini, nini, kuphi.*

Ikhuluma ngani le ndaba?

Kwenzekani?

Kwenzeka nini?

Kwenzeka kuphi?

*Umzimba wendaba uphendula imibuzo ngokuthi izinto zenzeka kanjani futhi kungani zenzeka kanjalo?*

Yini futhi enye oyaziyo ngoNothembi?

*Kwesinye isikhathi indaba ifaka amagama akhulunywe ngabanye abantu, la magama afakwa kubacaphuni.*

Ingabe indaba inakho okucashuniwe? Uma kunjalo,

Kwathiwani?

Kushiwo ubani?

*Indaba inesithombe nesihloko saso.*

Chaza isithombe bese ubhala phansi lokho okushiwo yisihloko sesithombe.



ZUL HL Gr5 B1 TH2.indd 42

2019/10/21 12:10:42

Usuku:



## Masibhale

Zibone ngamehlo engqondo sengathi uNothembi wayekufundisa ukudlala isigingci kwase kuthi ngemuva kweminyaka eminingi naba ngabangani. Manje ucelwe esikoleni ukuba ubhale indaba ngaye ephephandabeni lesikole sakho.

- Nikeza indaba yakho isihloko.
- Kwisigaba sakho sokuqala qinisekisa ukuthi uphendula imibuzo emine elandelayo: ubani, ini, nini, kuphi.
- Kwisigaba sesibili nesesithathu yengeza olunye futhi ulwazi ngoNothembi. Lezi zigaba kumele ziphendule imibuzo emayelana nokuthi kwenzeke kanjani, ngaziphi izizathu.
- Ungakhohlwa ukusebenzisa inkulumo-ngqo ukuze indaba yakho ibe mnandi.
- Ekugcineni, dweba isithombe sikaNothembi bese usipha isihloko saso.



UTHISHA: Ukusayina ________ Usuku ________



ZUL HL Gr5 B1 TH2.indd 43 2019/10/21 12:10:49




**Masikhulume** Sebenzani ngamaqembu enu.

Bheka izithombe. Ucabanga ukuthi le ndaba esephephandabeni izokhuluma ngani?

Ucabanga ukuthi kubalulekile ukweseka abantu abasha ukuba babe nempumelelo kwezemidlalo? Usho ngani?

Ukuba ubuyintatheli, yimiphi imidlalo obungathanda ukubhala ngayo? Usho ngani?



**Ngaphambi kokufunda**
- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi le ndaba imayelana nani.
- Funda wedlulise amehlo ebhokisini ukuze ubone ukuthi uzofunda ngani.

# U-Edith Moetsi umjimnasti (gymnast) nomthambuli (tumbler)

*Ibhalwe nguDani Moeng*

**Omata babekwe eceleni eduze kodonga ejimnasiyamu, indlu yokuzivocavoca, eSikhungweni saMasiko ePolokwane. Laphaya ekugcineni kunensimbi esamgoqo ephakeme. Kwelinye icala kumi ibhodi lokugxuma kanye nehhashi lokweqiwa. Phezulu kunentombazana ephenduka emoyeni. Igama layo ngu-Edith Moetsi.**

Le ndlu yokuzivocavosa umzimba ibalulekile empilweni ka-Edith Moetsi kusukela ngonyaka wezi-2001. Akaseyiyo leya ntombazana eyayineminyaka eyi-11, eyayinamaphupho nje, kodwa useyijimnasti nomthambuli ongenela imincintiswano yomhlaba.

"Ngiqale ukuzilolonga emasontweni ambalwa emva kokuvulwa kwejimnaziyamu lapha ePolokwane," kusho u-Edith. "Ngangifuna ukujima ngoba sengikhathele ukuhlala nje ngingenzi lutho."

Umqeqeshi ka-Edith waqala ngokumfundisa ukushaya ungqimphothwe aphinde agxume kuthrampolini. Washeshe wayomenzisa nezinye izinhlobo zokuvocavoca umzimba. Wazejwayeza ukuhlale ezilolonga njalo. Wayengeze aphutha ekuzilolongeni ngaphandle kwalapho efundela ukuhlolwa.

Namhlanje usezingeni lokungenela imincintiswano yomhlaba. Usehambele la mazwe eHungary, eNew Zealand kanye naseHolland eyoncintisana nabanye.

U-Edith uphumelele ezifundweni zokuba yijaji labashaya ungqimphothwe kuzwelonke. Uphinde abe yijaji lamajimnasti abesifazane esifundazweni saseLimpopo.

Waqeda uMatikuletsheni ngonyaka Wezi-2008. Nokho ulungiselela ukuyokwenza izifundo zokudweba amabhilidi esikhungweni semfundo ephakeme."Liyakhanya kakhulu ikusasa lami kwezokushaya ungqimphothwe kangangokuba ngizoke ngime kancane ekuyeni enyuvesi," kusho yena.

U-Edith ngumdwebi nomculi onekusasa. Uzuze imiklomelo ngokudweba, kanti ubedlala ebhendini yesikole samabanga aphakeme. "Ukunamathela entweni enginothando lokuyenza kuyangijabulisa," kuqhubeka yena."Bengingazi ukuthi ngiyohamba ngize ngifike kuleli zinga. Ngaqala amajimnastiki ngizidlalela nje. Ukuphumelela kwami kuvela ekusebenzeni ngokuzikhandla."



ZUL HL Gr5 B1 TH2.indd 44 2019/10/21 12:10:51

Usuku:




AMAGAMA AMASHA

Masibhale

Phendula imibuzo elandelayo ngo-Edith

Iguquke kanjani impilo ka-Edith kusukela aqala ukujima?

Yini eyamenza waqala ukujima?



Ngaphandle kokuba ngumuntu ophambili kwezokujima yiziphi ezinye iziphiwo anazo?

Yini acabanga ukuthi iyisizathu sokuphumelela kwakhe?

Kungani isihloko sibhalwe ngezinhlamvu ezinkulu, ngokugqamile?



Siyini isizathu sokubhala ngamagama anzima ngaphansi kwesihloko?

Kungani igama lika-Edith liza ekugcineni kwepharagrafu yokuqala, hhayi ekuqaleni?

Ubani obhale le ndaba?

Ucabanga ukuthi uzoyithola kuphi indaba yalolu hlobo?  Usho ngani?

1. Ephephandabeni
2. Encwadini yezindaba
3. Encwadini yezinkondlo



Phinda ufunde indaba ka-Edith Moetsi. Dwebela amabizo ngokubomvu kanye nezichasiso ngokuluhlaza okotshani.

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr5 B1 TH2.indd 45 2019/10/21 12:10:51






**Masibhale** Phinda ufunde indaba ngo-Edith.

Bhala isigaba esikhombisa ukuthi u-Edith uthuthuke kanjani kusukela ngesikhathi eqala ukuya ejimnaziyamu kufike esikhathini sokuba yijaji. Bhala imisho emithathu.








**Masibhale** Bheka lezi zihloko ezisekhasini lama- 47 bese wenza okulandelayo:

a. Qondanisa umdlalo nesihloko sodaba ephepheni. Sebenzisa imidlalo engakwesokudla.

ibhola lomphebezo | Ikhilikithi | Ukubhukuda | ibhola lombhoxo

b. Zicabange uceliwe ukuba ubhale indaba yephephandaba ngesihloko ngasinye. Bhala umusho ophambili wendaba ngayinye. Umusho oyisihloko ukutshela ngokuthi indaba imayelana nani. Unikeza amaqiniso abaluleke kakhulu.



Isibonelo:

Isihloko sendaba: **UMTHEMBU WEPHULE IREKHODI LOKUGIJIMA**

Umdlalo: *Ama-athilethiki*

Umusho oyingqikithi: *Umpetha kwezokugijima ibanga elifushane, uSpeedy Mthembu uphule irekhodi laseNingizimu Afrika lamamitha ayi-100 emdlalweni wezingqwele zaseNingizimu Afrika izolo ebusuku eBhayi.*





ZUL HL Gr5 B1 TH2.indd 46 2019/10/21 12:10:57

# 23 Sekuyithuba lakho lokuba yintatheli




Masikhulume



Masifunde

Sinalo yini iphephandaba isikole sakho? Uma sinalo, yiziphi izinhlobo zezindaba ezibhalwa kuleli phephandaba? Uma ningenalo iphephandaba esikoleni senu, ucabanga ukuthi kubalulekile yini ukuba nalo? Xoxani ngalokhu emaqenjini enu.





## U-EDITH UBA YISILOMO KWEZOKUTHAMBULA

*JJ Menge*

Ijimnasti u-Edith Moetsi, obecishe angaziwa ngaphambi kokuzuza indondo emidlalweni yeCommonwealth ngenyanga eyedlule, nguye obhekwe ngabomvu emncintiswaneni waseNingizimu Afrika waminyaka yonke wendebe iBumbo Gymnastics Cup. Lona ngumncintiswano omkhulu waminyaka yonke wamajimnastiki eNingizimu Afrika.

Imidlalo izoqala ekuqaleni kwale nyanga ezayo, kanti uMoetsi uzoqhudelana nezingqwele zomhlaba kule midlalo.

UMoetsi wasePolokwane eLimpopo oneminyaka engama-20 wehlulwa nje kancane emqhudelwaneni wamanqamu wabesifazane wokusakukhubeka (*stumbling*) emidlalweni yeCommonwealth. Noma kunjalo indlela adlala ngayo yamenza waba undabuzekwayo kwezemidlalo eNingizimu Afrika.

UMoetsi wathatha isinqumo sokungena kumajimnastiki eseneminya eyi-11 ngenkathi ebheke kumabonakude imidlalo yama-Olimpiki eyabe ise-Sydney ngonyaka wezi-2000. Umqeqeshi wakhe uMarie Slabbert walibona ikhono lakhe ngenkathi emfundisa isifundo sokuvocavoca umzimba esikoleni. Wamthatha wamnakekela, kanti kuze kube namuhla usengumqeqeshi wakhe.

UMoetsi waba ngumpetha kazwelonke kumajimnastiki wezi-2011, yena wagxila ohlangothini lokushaya ungqimphothwe lapho engowesithupha khona emhlabeni wonke jikelele.

Uhlala nonina, uninakhulu, uninakazi , abazala bakhe ababili kanye nodadewabo ababili ePolokwane.

"Ugogo kanye nomamekazi bayizibonelo ezinhle kimi. Bangisiza ukuthi ngibe yilokho engiyiko namuhla," kusho yena.

Uthanda kabi ukuya kobuka izithombe nabangani bakhe, kodwa uthi unamathele ngokuzimisela emsebenzini wakhe wokuba yijimnasti, uzilolonga amahora amaningi ngosuku.

Noma ezobe engenile emqhudelwaneni wezingqwele zomhlaba, inhloso yakhe ukungenela imiqhudelwano emidlalweni yama-Olimpiki ezayo.

"Impela ngisebenza ngokuzikhandla ukulungiselela lokhu," kusho yena.



Usuku:

Masibhale Phendula imibuzo elandelayo ngo-Edith

Ingabe u-Edith useke wasebenza kahle emidlalweni yamajimnastiki? Usho ngani?

Wehlulwa kancane nje emdlalweni wamanqamu. Waba ngowesingaki, futhi wathola yiphi indondo?

Yimuphi umusho wesihloko kupharagrafu yokuqala? Ubhale phansi.

Chaza okushiwo yisihloko ngamagama akho.

Ubani obhale le ndaba?

Kusho ukuthini ukuthi umuntu uyisibonelo esihle? Obani abayisibonelo esihle kuye?

Ubani oyisibonelo sakho esihle? Usho ngani?

Masibhale Sebenzisa la magama ukuqedela imibuzo. Ungakhohlwa ukuqala umusho ngamunye ngofeleba (usonhlamvukazi).

kukuphi | nini | ini | ubani | kanjani | muphi

_____ lapho u-Edithi azalelwa khona?

Ufike azilolonge _____ lapho ejimini?

_____ umdlalo aqhudelana nabanye kuwo?

Ngu-_____ omdala kakhulu kubantu abayisibonelo esihle ahlala nabo?

Waqala _____ ukuthanda imidlalo yamajimnastiki?




UTHISHA: Ukusayina _____ Usuku _____

# 24 Ukubhala indaba yephephandaba



**Masibhale**

Sebenzani emaqenjini enu. Yenzani ibalazwe lemibono ukuhlela indaba enizoyibhalela iphephandaba lesikole senu mayelana no-Edith Moetsi.






**Masibhale**

Xoxani ngendaba emaqenjini enu.

Nikezani indaba le isihloko.

Kwisigaba sokuqala, qinisekisa ukuthi uphendula imibuzo emine emayelana nokuthi ubani, ini, nini, kuphi.

Kwisigaba sesibili neyesithathu yengeza imininingwane ngo-Edith. Phendula imibuzo emayela nokuthi: kanjani nokuthi ubani. Ungakhohlwa ukusebenzisa inkulumo-ngqo ukuze indaba ihehe.

Kwisigaba esiyisiphetho, vala indaba yakho.

Uma uthanda ungadweba isithombe sika-Edith bese usinike isihloko.





ZUL HL Gr5 B1 TH2.indd 50 2019/10/21 12:11:23




Masilolonge ulimi lwethu.
Sebenzisa amagama akubakaki emshweni ukuguqula isitatimende sibe umbuzo.

U-Edith uvela eLimpopo (kuphi)

Ubheka izithombe zamamuvi ukuzijabulisa (ini)

Uzilolonga zonke izinsuku (nini)




Isenzasamuntu sinika okungeyena umuntu izimpawu nezenzo zomuntu.

Dwebela amagama ayisenzasamuntu kule misho, usho ukuthi ayisenzasamuntu ngani.

Ku-Edith ijimu le ingumngani omkhulu.

UThembi kuthi uma eshaya isigingci sakhe usizwe sesikhuluma.


IGoli yilo elamvulela amasango ukuba athuthuke emculweni.

Kumanje nje umculo lo yiwo ongunina omfunza ukudla, aphile kamnandi.

Isikole sami sizishaya amakhanda zonke ekuphumeleleni kwezingane.

Lapho iqhude selithi: "Vukani kusile" nami ngiyaphaphama.

Imoto kaBaba izamula kabili bese isuka.



| | |
|---|---|
| ____ abantwana badlala isidlalimculo. | ____ babantwana badlala izigingci. |
| ____ babantwana badlala ugubhu. | ____ udlala izigubhu. |

Manjena-ke landela izintambo zomculo ukuqondanisa isigingci nesipikha.

UTHISHA: Ukusayina ____ Usuku ____



ZUL HL Gr5 B1 TH2.indd 51 2019/10/21 12:11:25

# Intuthwane nejuba



Inganekwane eyinsumo iyindaba emfushane efundisa ngesimilo esihle. Kuvame ukuthi abalingiswa kube yizilwane. Indaba iba mfushane. Kuvamile ukuthi isilwane esisodwa sizikhukhumeze, kanti esinye siyasibonisa isilwane esizigqajayo ukuthi ukuziphatha kwaso akwamukelekile.

**Masikhulume** Sebenzani ngamaqembu enu.

Ingabe ucabanga ukuthi izilwane ziyasizana nazo? Kanjani?
Ingabe isilwane esincane singasisiza isilwane esikhulu? Kanjani?
Ingabe umuntu omncane angamsiza yini umuntu omkhulu? Kanjani?
Ucabanga ukuthi izilwane ziyakhulumisana? Nikeza izizathu zempendulo yakho.

**Masifunde**

## Intuthwane nejuba

**Ngaphambi kokufunda**
- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi le naba imayelana nani.
- Yedlulisa amehlo ekhasini ukuba ubone ukuthi uzofunda ngani.





Kwasukasukela!Cosi!

Ngelinye ilanga kushisa kakhulu, intuthwane yayizihlalele osebeni lomfula. "Kungaba mnandi ukubhukuda namhlanje," icabanga. Yafaka unyawo olulodwa emanzini, yaphinde yalandelisa ngolunye. Kwathi kusenjalo, gxumbu emanzini. Amanzi ayegeleza ngamandla, yehluleka ukuphuma.

Yelekelelani bo!" imemeza. "Nakhu ngiminza!" Akekho owayizwa imemeza. Kwathi lapho isibona nayo ukuthi iyaminza, kwedlula ijuba lizindizela nje. Labona ukuthi intuthwane isengozini lase liwisela iqabunga emanzini. Lalifana nesikebhe esincane leli qabunga.

"Ngiyabonga juba. Ngelinye ilanga nami ngiyokusiza."






Ijuba lavele lahleka nje. "Ungangisiza kanjani uyintwana engaka nje we ntuthwane?" lasho lazindizela lahamba.

Zedlula izinyanga ezithile. Kwathi ngelinye ilanga, intuthwane yabona ijuba lizihlalele esihlahleni.

Ngaphambi kokuthi "Sawubona," kwaqhamuka indoda ephethe umcibisholo. Yayifuna ukuciba ijuba. Ngesidumo intuthwane yakhuphuka ngomlenze wale ndoda Yayiluma. "Eshu!" kumemeza indoda, kwaze kwaqathaka nomcibisholo.

"Ngiyabonga," kusho ijuba lisuka lindiza. "Uyisindisile impilo yami nakuba umncane."


Cosi! Cosi! iyaphela.






ZUL HL Gr5 B1 TH2.indd 52 2019/10/21 12:11:26

Usuku: ____________





## Masibhale

Intuthwane yayifunelani ukubhukuda?

Yini eyenzeka entuthwaneni?

Ijuba layisindisa kanjani intuthwane?

Ngabe intuthwane yalisindisa kanjani ijuba?

Ucabanga ukuthi le ndaba ingalokho okwenzeka ngempela? Ukusho ngani lokhu?

Ucabanga ukuthi le ndaba yenzeka ngasiphi isikhathi sonyaka?
Khetha isikhathi sonyaka esisodwa usikokelezele.

| | | | |
|---|---|---|---|
| intwasahlobo | ikwindla | ihlobo | ubusika |

Kungani usho njalo?

Le ndaba iyinsumo. Iyini insumo? Khetha eyodwa ezimpendulweni ezilandelayo futhi ukokelezele inombolo emele impendulo.

1. Indaba engezilwane ezingabalingiswa futhi enesifundo
2. Indaba engezithixo namaqhawe
3. Incwadi emfushane

Ucabanga ukuthi ngabe isifundisani le nsumo?






## Masibhale

Qondanisa amagama asohlwini olungakwesokunxele nezincazelo zawo ezingakwesokudla.

| | |
|---|---|
| kugeleza ngamandla | mncane |
| uyingane | ezimbalwa |
| ngesidumo | masinyane |
| ezithile | khwela |
| khuphuka | ngokushesha |





ZUL HL Gr5 B1 TH2.indd 53 2019/10/21 12:11:30

# Ukucabanga ngentuthwane nejuba






Khetha amagama amathathu achaza ubunjalo bentuthwane bese uwakokelezela.

inesibindi | iyisiwula | igangile | iyaziqhenya | iyanakekela | iyigwala | inamawala

Manje sebenzisa la magama amathathu ukubhala imisho emithathu.

| |
|---|
| |
| |
| |




Phinda ufunde insumo ngentuthwane nejuba bese uqedela le mininingwane.



Isihloko sensumo

Isizinda sensumo

Abalingiswa bensumo

Udweshu ensumeni

Isisombululo

Isifundo





ZUL HL Gr5 B1 TH2.indd 54 2019/10/21 12:11:34

Usuku:



## Masibhale

Manje uzobhala eyakho insumo. Khetha isilwane esondweni loku- 1, ukhethe isimilo noma zimpawu zaso esondweni lesi-2 bese ukhetha isifundo esondweni lesi-3.



uyancishana

uzicabangela yedwa

akanasineke

uyaziqqaja

uzimisele

uyesaba

Uyabukisa

uyivila





Kungcono ukungasho lutho kwesinye isikhathi.

Izandla ziyagezana

Kulula ukujivaza lokho ongenakho

Akekho umuntu othanda isehluleki.

Awusoze wakwazi ukujabulisa wonke umuntu.

Inja iyawaqeda amanzi ngolimi.

Labo bantu abasebenza kanzima bayaphumelela.

Ukuzikhukhumeza kulandelwa ukuwa.

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr5 B1 TH2.indd 55 2019/10/21 12:11:47

# 27 Intuthwane esebenzayo

**Masikhulume** Sebenzani ngamaqembu.


Ingabe izintuthwane zisebenza ngazinye noma ngamaqembu?
Ucabanga ukuthi yini enhle ngokusebenza ndawonye?
Ingabe ninazo izintuthwane ekhaya kini? Zifunani?
Kwenzekani uma uzama ukuvimbela izintuthwane ekutheni zithole ukudla ngokuthi wena uvale indlela yazo?

**Masifunde**

## Izintuthwane ziyaxhumana


Zixhumana kanjani nezinye izintuthwane? Azikwazi ukukhuluma kodwa kufanele zitshelane ukuthi kwenzekani. Zikwenza kanjani lokhu? Zikhipha iphunga elithile.

Uma udla isamishi, imvuthu iwela phansi. Uye uthi hhayi, akusho lutho ngoba azikho izintuthwane lapha! Kodwa awume kancane! Nansi eyodwa noma ezimbili zizungeza imvuthu. Wena uthi nokho akusho lutho lokho. Izintuthwane ezimbalwa azibulali muntu. Awubhekisise, lezi zilwanyana ziyaluzisa izimpondo zazo emoyeni.



Masinyane, nansi enye yazo isigijima iyoshona ngale. Isithunywa lesi sesibone ukudla, kanti sesigijima siyotshela ezisesidlekeni sezintuthwane. Kodwa kufanele sikhumbule indlela yokubuya eya ekudleni. Intuthwane ayiwushiyi umzila wezinyawo lapho ihamba khona kodwa ishiya iphunga.

Lapho isithunywa sifika esidlekeni sitshela ezinye izintuthwane ukuthi sesithole ukudla. Lokhu sikwenza ngokukhipha iphunga elithile. Manje sekunenjabulo enkulu. Zonke ziyaphuma zigijime emva kwesithunywa zilandela iphunga. Ngokuphazima kweso ubona ujenga lwezintuthwane phansi. Zicosha imvuthu yesinkwa ziyihudulela esidlekeni.





ZUL HL Gr5 B1 TH2.indd 56 2019/10/21 12:11:48

Usuku:

**Masibhale** Izintuthwane "zikhuluma" kanjani?

Ziyithola kanjani indlela ephindela esidlekeni sazo?

Ucabanga ukuthi izintuthwane yizilwanyana ezingcolile noma ezihlanzekile? Nikeza izizathu zempendulo yakho.

Lokhu okubhalwe ngezintuthwane kwehluke kanjani enganekwaneni eyinsumo?

**Masibhale**

Qondanisa amagama akwesokunxele nezincazelo zawo ezingakwesokudla bese udweba umugqa oxhuma igama nencazelo yalo.

| | |
|---|---|
| xhumana | oyofuna ulwazi oluthile |
| izimpondo | "umuzi" wezintuthwane eziningi |
| isidleke sezintuthwane | xoxa |
| isithunywa | okumila ekhanda lesinambuzane |

**Masibhale** Sebenzisa la magama ukuqedela imisho engaphelele.

Izabizwana zisetshenziselwa ukumela ibizo.

mina zona thina yona yena

Izintuthwane azikwazi ukukhuluma. Zixhumana ngokusebenzisa izimpondo zazo, kanti ______ sixoxa ngemilomo.

Uma ______ ngiwisa imvuthu yesinkwa, izintuthwane ziyazicosha.

Zifuna ______ ukuze ziyoyidla esidlekeni sazo.

Kulapho okuhlala khona unomthebe wazo. Ungathi zonke zikhonza ______.

**Masibhale** Lezi zandiso kanye nezichasiso zicashunwe enganekwaneni yentuthwane nejuba. Dwebela isandiso ngokubomvu bese ukokelezela isichasiso ngokusasibhakabhaka. Manje kusebenzise emishweni yakho.

| | |
|---|---|
| -thandeka | |
| ngamandla | |
| ngesidumo | |
| -ncane | |
| –shisayo | |

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______




ZUL HL Gr5 B1 TH2.indd 57 2019/10/21 12:11:49


# 28 Ukuhlela kahle indaba




Izinganekwane eziyizinsumo zisebenzisa izilwane nezimpawu zazo ukulingisa abantu kanye neZimpawu zabo.



Phinda ubheke isondo lezilwane ephepheni lokusebenzela lama-26. Khetha esisodwa sezilwane ongazifanisa naso bese ubhala uzichaze ngaleso silwane. Isibonelo, uma ucabanga ukuthi ufana nentuthwane, ungabhala uchaze ukuthi ukhuthele kangakanani, nokuthi usebenzisana kahle kangakanani nabanye abantu.






Injongo yensumo ukufundisa ngesimilo noma isifundo esithile. Xoxani ngalokhu emaqenjini enu. Khulumani ngokuthi kusho ukuthini ukunikeza iseluleko. Xoxani ngemibuzo elandelayo bese nibhala phansi izimpendulo.




Kunini lapho ucabanga khona ukuthi udinga iseluleko somunye?

Kunini lapho ucabanga khona ukuthi awusidingi iseluleko somunye?

Yini ongayenza uma udinga iseluleko kumngani wakho kodwa uthole ukuthi akafuni ukukunika sona?

Xoxela abangani bakho ngendaba oyaziyo efundisa ngokuziphatha noma eneseluleko. Emva kwalokho, bhala uhlaka olufushane lwale ndaba.





ZUL HL Gr5 B1 TH2.indd 58 2019/10/21 12:11:58

Usuku:



Masibhale

Hlanganisa imisho usebenzise la magama angezansi

Isibonelo:

Ngoba | Kodwa | Futhi | ngakho

Ijuba lawisela iqabunga emanzini. Lalifuna ukusiza intuthwane.

Ijuba lawisela iqabunga emanzini ngoba lalifuna ukusiza intuthwane.

Intuthwane yayizwa ukushisa. Yafisa ukubhukuda.

Indoda yayiphethe umcibisholo. Yayifuna ukuciba ijuba.

Ijuba lahleka. Lalingacabangi ukuthi intuthwane ingalisiza.

Indoda yacishe yaliciba ijuba. Intuthwane yayiluma.



Masibhale

Hlela le misho ngendlela eyiyo wakhe ngayo isigaba sendaba.

Emva kwesikhashana intuthwane yacabanga ukuthi izofa, yamemeza icela usizo.

Kwakushisa ngalolo lusuku, intuthwane yanquma ukuthi izipholise ngokubhukuda.

"Ungakhathazeki," kumemeza ijuba. "Ngizokusiza."

Ngeshwa, yasondela kakhulu emanzini yase iphoseka phakathi.

"Ngiyabonga. Ungisindisile," kusho intuthwane. "Ngelinye ilanga nami ngiyokusiza."

Laphosa iqabunga emanzini.

Intuthwane yasebenzisa iqabunga njengesikebhe.

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr5 B1 TH2.indd 59 2019/10/21 12:11:58

# Ibhubesi negundane





**Masikhulume** Xoxani ngemibuzo elandelayo emaqenjini enu.

- Ucabanga ukuthi isilwanyana esincane singasisiza esikhulu? Ngayiphi indlela?
- Ingabe ikhona yini indaba oyaziyo yomuntu omncane owehlula umuntu omkhulu?
- Ucabanga ukuthi ubungako bomuntu ngomzimba buhlale bubalulekile? Nikeza izizathu zempendulo yakho.
- Wake wamsiza umuntu noma isilwane?
- Xoxela ikilasi lakho ukuthi wamsiza kanjani umuntu lowo noma isilwane leso.

**Ngaphambi kokufunda**

- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi leli tekisi limayelana nani.
- Yedlulisa amehlo ekhasini ukuba ubone ukuthi uzofunda ngani.





**Masifunde**


Ngelinye ilanga amagundane amabili amancane ampunga ayebuka ibhubesi elikhulu elinolaka lilele lethamele ilanga. "Gibela ekhaleni lakhe," kusho elinye, "ubone ukuthi uyavuka yini!"

Igundane eligangile lagibela phezu kwekhala lebhubesi, Kwase kwenzekani? Nebala lavuka ibhubesi labamba igundane ngesidladla salo esikhulu.

Lathukuthela ibhubesi elikhulu, lafuna ukudla igundane elincane elimpunga. "Ngiyakucela, ungangidli, bhubesi," kuncenga igundane liqhaqhazela. "Ngelinye ilanga ngiyokusiza!"

Lahleka ibhubesi lathi, "Ngisizwe nguwena? Umncane kakhulu ukuthi kukhona ongamsiza! Ngeke wangisiza mina!" Ngoba lalingalambile ibhubesi, lalidedela igundane.

Emva kwezinsukwana ibhubesi labe ligijima esigangeni. Kusenjalo, lazithela kunoxhaka owawucuphe izinyamazane. Kwakuyinethi elikhulu, ibhubesi lazithola selibhajwe phakathi. Lalingakwazi ukunyakaza kodwa lalikwazi ukubhonga.



"Sizani bo! Sizani bo!" kukhala ibhubesi. "Ake ningikhiphe kulesi sicupho!"

Kwedlula inyamazane. "Ngeke ngikusize," kusho yona. "Ngesonto eledlule udle umfowethu."

Kusenjalo kwaqhamuka unogwaja. "Ngeke ngikusize," kusho unogwaja. "Ngesonto eledlule udle umama."


Kwedlula igundane elincane elimpunga ligijima. "Awungidlanga ngesonto eledlule," kusho lona, "ngizokusiza."



ZUL HL Gr5 B1 TH2.indd 60 2019/10/21 12:11:59

Igundane elincane elimpunga laqala ukuququda inethi. Laququda, laququda. Kwathi ntambama seliyoshona kwase kuvuleke imbobo enkulu elalinokuphuma ngayo ibhubesi.

""Ngiyabonga mngani wami. Manje sengiyazi ukuthi nezilwane ezincane zingazisiza ezinkulu njengami," kusho ibhubesi.



Masibhale Xoxani ngalokhu emaqenjini enu bese nibhala phansi izimpendulo.

Ucabanga ukuthi le ndaba ingaba yiqiniso? Nikeza izizathu zempendulo yakho.

Ucabanga ukuthi le ndaba inesifundo esifundisa sona? Ucabanga ukuthi yisiphi leso sifundo?

Ungayipha siphi isihloko le ndaba?

Insumo yindaba esifundisa ngokuziphatha noma isinike isifundo esithile. Ucabanga ukuthi indaba yebhubesi negundane iyasinika isifundo? Sifundo sini esikule ndaba?

Bheka lezi zaga bese usho ukuthi yisiphi esingahambelana nale ndaba. Faka uphawu lokuthikha eceleni kwesaga esifanele.

| | | | |
|---|---|---|---|
| | Induku enhle igawulwa ezizweni. | | Uchakide uhlolile imamba yelukile. |
| | Izandla ziyagezana. | | Isinamuva liyabukwa. |

Igundane laliliphazamiselani ibhubesi?

Kungani ibhubesi lagcina lingalidlanga igundane?



ZUL HL Gr5 B1 TH2.indd 61 2019/10/21 12:12:00

# Ukucabanga ngebhubesi negundane





**Masibhale**

Xhuma ingxenye yokuqala yomusho neyesibili. Manje bhala imisho elungile esikhaleni esingezansi.

| | |
|---|---|
| Ibhubesi elikhulu labe | lifuna impilo yalo iphephe. |
| Igundane elincane lazincengela lazincengela. | amazinyo alo amahle abukhali. |
| Ibhubesi lagijima lazithela esicusheni ngoba | lalicambalele elangeni kamnandi. |
| Igundane lalinento ewusizo: | ngokuqhosha ngobukhulu balo. |
| Ibhubesi kwakufanele lixolise ngoba | laligijima ngesivinini esikhulu |




**Masibhale**

Phinda ufunde insumo yebhubesi negundane.
Yenza okulandelayo.

- Dwebela igama elichaza **ukuba nolaka**.
- Kokelezela igama elichaza **ukuvevezela**.
- Faka umbala igama elichaza **ukude uluma okuncane.**
- Dweba u-X eduze negama elichaza **indawo enkulu evulekile**.
- Faka uphawu lokuthikha egameni elichaza ukuthi **lacela**.









ZUL HL Gr5 B1 TH2.indd 62 2019/10/21 12:12:01

# 31 UMegan ubuyekeza insumo




**Masifunde**

*IBhubesi Negundane*

Ibhalwe nguJerry Pinkney

ihluzwa nguMegan Cox




Izithombe ezinhle zopende wamanzi ezisetshenziswe kule nsumo ka-Aesop exoxwe kabusha zenze ukuba uJerry Pinkney azuze indondo, iCaldecott Medal, yowe-2009 ngencwadi yaseMelika yezithombe ehamba phambli.

Incwadi ethi *Ibhubesi Negundane* ixoxa kabusha enye yezindaba ezingasoze zabuna, yesilwane esiyinkosi esidedela igundane ukuba liphile, kanti kuzothi kamuva uma le nkosi isibhajwe enethini ikhokhelwe ngomusa wayo ngokuba igundane liququde izintambo ize ikhululeke. Le ndaba engaxoxiwe ngamazwi yenzeka emathafeni aseSerengi, indawo yasendle enezinyoni, nezilwane, nezinambuzane ezidwetshwe ngobuciko obukhulu. Siyabona ukuthi ibhubesi akungatshazwa ukuthi lingumakhonya kukho konke, njengoba lihamba njengenkosi ezikhotheni zotshani obucwazimulayo. Izindlulamithi nezindlovu zize zijikise amakhanda zibuka le nkosi. Kodwa ayazi ukuthi icathanyelwa yingozi njengoba kunabazingeli abagqoke okhakhi eduzane nje. Babeka isicupho sabo, bese sibona izidladla ezimbili ezinkulu ziphonseka ezintanjeni ezifihlekile. Lapho “UKUBHO-O-O-NGA” okubuhlungu kufinyelela ezindlebeni zegundane, liyathathela ukuyosindisa ibhubesi, bese liququda izintambo ezibophile ngenkathi isiboshwa esingenakuzisiza ngalutho sibukela.

Izingane ezineminyaka ephakathi kwesi-6 ne-11 ziyobuthanda kakhulu ubuciko bukaMnu Pinkney onconywa kakhulu bokuba le ndaba eyaziwayo ithinte nemindeni. Sekuyatholakala ukuthi kokubili, ibhubesi negundane kunemindeni. Amakhasi asekugcineni akhombisa into ebukeka kahle kakhulu lapho “ikati elikhulu” selihamba nebhubesikazi, nabantwana, amawundlu alo. Emihlane yabo babelethe isizwe sonke samagundane.



**Masikhulume**



- Ubani owabhala incwadi wabuye wadweba nezithombe?
- Kungani le ncwadi yazuza indondo?
- Le ncwadi ibhekiswe kusiphi isigaba sokukhula?
- Sikuphi isizinda sendaba?
- Zazibhekene naziphi izingozi izilwane?
- Yini eyenza insumo *yebhubesi negundane* yehluke ensumeni oyifunde ngaphambili?
- Iyiphi oyithande kakhulu? Kungani usho njalo?



ZUL HL Gr5 B1 TH2.indd 64 2019/10/21 12:12:14

Dweba isithombe esihambisana nencwadi ebihluzwa.



Masibhale

Dweba umugqa ukuxhuma ingxenye esekuqaleni yesaga kanye nesekugcineni.


| | |
|---|---|
| Amathanga ahlanzela | ziyagezana. |
| Kusinda | iyanetha. |
| Isisu somhambi asingakanani | abangenamabhodwe. |
| Izandla | kuyahlola. |
| Okungapheli | ezakwagwala. |
| Indlu yegagu | singangenso yenyoni. |

Masibhale

Manje bhala ezakho izaga ezimbili.

Masibhale

Khetha isivumelwano sesenzo esifanele bese usikokelezela.



Umfana nentombazana nengane i/ba- -hamba endleleni.

Inkomo nembuzi nengulube ku/i- -ibiza kancane epulazini.

Izinkomishi, nezimfologo namapuleti ba/zi- -setshenziswa uma kudliwa.

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr5 B1 TH2.indd 65 2019/10/21 12:12:22

# 32 Inganekwane eyisiphetho sazo zonke

**Masibhale**

Phinda ufunde ikhasi lama-29. Bheka isithombe lapho igundane likhulula khona ibhubesi esicusheni ebelicushwe ngaso.

Bhala emabhamuzeni lenkulumo ngalokho ocabanga ukuthi kushiwo ngomunye komunye.



**Masibhale**

Sebenzisa ishadi lakho kusukela ephepheni lomsebenzi 30 ukwakha uhlelo lwensumo ozoyibhala, ngokuthi igundane lilisiza kanjani ibhubesi. Gcwalisa izihloko zohlelo lwakho ezikhaleni ezinikeziwe ngezansi.

Isihloko

________________________________________

Isingeniso lapho wendlalela khona indaba.

________________________________________

Umzimba wendaba lapho uxoxa khona indaba (Qinisekisa ukuthi ibhubesi negundane kuyakhulumisana.)

________________________________________

Isiphetho, lapho usho khona ukuthi inkinga ixazululwe kanjani.

________________________________________



ZUL HL Gr5 B1 TH2.indd 66 2019/10/21 12:12:23

# Zihlole

| Ngiyakwazi | | |
|---|---|---|
| ukufunda indaba esephephandabeni | | |
| ukuphendula imibuzo ngendaba esephephandabeni | | |
| ukubona izincazelo zamagama | | |
| ukusebenzisa izakhi zesandiso sendawo | | |
| ukusebenzisa izihlanganiso | | |
| ukubhala imisho echazayo | | |
| ukukhuluma ngesithombe | | |
| ukusebenza ngenkathi yamanje, edlule kanye nezayo | | |
| ukunikeza umbono wami | | |
| ukubona omqondophika | | |
| ukubona umusho oyisihloko | | |
| ukubhala indaba | | |
| Ukubhala ipharagrafu | | |
| Ukuhlela indaba | | |
| Ukuguqula isitatimende sibe umbuzo | | |
| Ukuphendula imibuzo ngesenzamuntu | | |
| ukuxoxa ngezimpawu zensumo | | |
| ukufunda insumo | | |
| ukuphendula imibuzo ngensumo | | |
| ukubona umehluko phakathi kwendaba eyiqiniso naleyo esuswa ekhanda nje | | |
| ukweneka umbono | | |
| ukuxhuma amagama nezincazelo zawo | | |
| ukubhala ukuchaza | | |
| ukukhomba izimpawu zensumo | | |
| ukusebenzisa izabizwana | | |
| ukubhala imisho esebenzisa izichasiso nezandiso | | |
| ukusebenzisa ezinye izihlanganiso | | |
| ukuhlela ulwazi | | |
| ukusebenza ngezaga | | |
| ukufunda ukuhluzwa kokubhaliwe | | |
| ukufunda ngokudlulisa amehlo | | |
| ukuhlela nokubhala insumo | | |
| ukusebenzisa izenzo ezisebunyeni nezisebuningini | | |
| ukusebenzisa inkulumo-ngqo (eqondile) | | |





ZUL HL Gr5 B1 TH2.indd 68 2019/10/21 12:12:34

Okuqukethwe



# Isifundo 3: Ulwazi lusematheni


**Unikeza aphinde alandele imiyalelo**
**Ithemu 2: Amasonto 1-2**

**33 Ukufunda amalebuli** 70
Usebenza neqembu
Ukhuluma ngamalebuli ahlukahlukene
Uxoxa ngokubaluleka kokufunda imiyalelo ngokucophelela
Ufunda ilebuli lomuthi wokwelapha
Uphendula imibuzo emayelana namalebuli
Uqondanisa amagama nezincazelo zawo

**34 Okunye ngenkombandlela** 72
Uqondanisa imininingwane yolwazi
Uthola izenzo ezisendleleni ephoqayo
Usebenzisa izenzo ezisendleleni ephoqayo emishweni
Usebenzisa izimpawu zokubhala ngokufanele
Usebenzisa isandiso sesikhathi, sesimo, sendawo nesesilinganiso

**35 Senza into esizoyidla** 74
Ufunda iresiphi
Ulandela imiyalelo ebekelwe ukwenza amaswidi
Uphendula imibuzo ngeresiphi
Uchaza izinyathelo ezinokuthathwa uma kwenziwa amaswidi kusetshenziswa amagama ahlanganisa imisho: okokuqala, emva kwalokho, okulandela lapho, kanti futhi nokuthi ekugcineni
Usebenzisa imisho eqondile enze emagatshagatsa esebenzisa izihlanganiso athi, ngoba, emva, nakuba kanye nelithi nini.

**36 Okunye ngokudla** 76
Unikeza imiyalelo esebenzisa indlela ephoqayo
Ulandela imiyalelo ku-imeyili ethi makenze ubuso obungajwayelekile bamabhisikidi.
Uthumela isms esebenzisa amagama anqanyuliwe
Uphinda abhale izifinyezo: l, ml, T, t, g, kg

**37 Ibhodwe lesobho** 78
Uxoxa ngesithombe
Ufunda indaba esihloko sithi Isobho Lamatshe
Uphendula imibuzo ngendaba
Unikeza izizathu
Uthola izinyathelo ezisetshenziswa ukwenza isobho
Uthola imiphumela

**38 Isobho, isobho, isobho lezimanga** 80
Ukhetha isidlo sesobho eliphuzwa ekhaya
Ubhala uhla lwezithako ezisetshenziswa ekwenzeni isobho.
Ubhala okulandelwayo uma kusetshenziswa amagama aphoqayo afana nathi: hlanganisa, qoba, cwecwa, engeza
Ubhala umzamo wokuqala wezithako nendlela yokulandelwa
Uqonda inhloso yokusebenzisa amachashazi amathathu ekupheleni komusho
Ubhala isigaba eyisiphetho sendaba ethi Isobho Lamatshe
Usebenza namaqembu ukwenza uhlaka lomdlalo wokulingisa
Ubhala uhlaka lomdlalo esebenzisa isihloko azinikeziwe: isihloko, isigcawu, abadlali kanye nesakhiwo.

**39 Sihlola okuthile ngemibala** 82
Ukhuluma emaqenjini ngothingo lwenkosazana nemibala yalo
Wethula isivivinyo senkulumo eyethulwa yiqembu
Ufunda indlela yokuhlola ukuthi yakheka kanjani imibala eyehlukene
Ukhetha isihloko sokuhlola okuthile
Uthola izenzo ezisendleleni ephoqayo
Uqedela ishadi lefulowu
Uqondanisa amagama nezincazelo zawo
Ubhala amagama esichazamazwini sakhe
Uthola aphinde asebenzise isandiso sendawo: phakathi, phezulu, eceleni
Ugcwalisa isichasiso esifanele esichaza uthingo lwenkosazana bese esebenzisa isichasiso emishweni yakhe

**40 Hlunga lezi zinto** 84
Ulandela inkombandlela
Ulandela imiyalelo yokudweba izingubo zokulingisa

**Izingxoxo nawosaziwayo**
**Ithemu 2: Amasonto 3 - 4**

**41 Yimfashini-ke le** 86
Uyaxoxa neqembu ngemininingwane yolwazi
Uyaxoxa ngezinhlobo zemibuzo okumele zisetshenziswe engxoxweni nosaziwayo
Uyaxoxa ngolwazi olwengeziwe umuntu angaludinga ukuzuza olunye ulwazi futhi.
Ufunda ngengxoxo nawosaziwayo
Uphendula imibuzo ethile
Ubheka inhloso yengxoxo nosaziwayo
Ubhala imibuzo emithathu
Usebenzisa umbuzi
Ubhala imininingwane yolwazi enkulumeni yokubika

**42 Okunye ngezikibha** 88
Uthola izihloko okuzophawulwa ngazo
Uyahlela ukuthi ngubani ozohlolelwa ukuthi kubhalwe ucwaningo
Ubhala imibuzo evulekile nevalekile
Ufunda igrafu ethintana nemininingwane yolwazi
Uphendula imibuzo ngegrafu: ngomqondo omkhulu kanye nemininingwane ethile
Uhumusha acwaninge imininingwane ethintana namagrafikhi
Unikeza izizathu zemininingwane yolwazi
Ufinyeza imininingwane yolwazi olutholakele kwinhlolovo

**43 Sifunda ngevolibholi** 90
Uyaxoxa ngemithetho yokulawula ukusetshenziswa kwezenzo nesakhi sokuzenza
Ufunda indaba enezihloko ngevolibholi
Uthola umthombo wetekisi
Unikeza izizathu zezimpendulo
Unikeza indaba izihloko
Uqondanisa amagama nezincazelo zawo
Ubhala amagama esichazamazwini
Ufaka ulwazi enkulumeni ewumbiko esebenzisa izimpawu ezifanele zokukhuluma
Usebenzisa izihlanganiso ukuhlanganisa imisho esigabeni esebenzisa izihlanganiso ezifanele

**44 Okunye ngemidlalo** 92
Ubhala isiphetho
Uqedela ithebhula
Usebenzisa isithombe ukuqedela ithebhula
Uqedela ingxoxo nosaziwayo esebenzisa amagama okubuza athi: ngubani, ini, kuphi noma nini
Ufingqa ulwazi
Usebenzisa inkathi edlule
Usebenzisa inkathi ezayo

**45 Inyosi edansayo** 94
Uxoxa ngokubaluleka kokusebenza neqembu
Ufunda indaba
Uphendula imibuzo ngetekisi
Uqiniseka ngemithombo yetekisi
Uthola izincazelo zamagama
Ubhala amagama esichazamazwini
Uhlanganisa imisho
Usebenzisa isenzo esiyimpambosi yokwenziwa

**46 Sicabanga ngoju nezinyosi** 96
Ulandelanisa kahle imidati yolwazi
Ulebhula umdwebo
Ubhala isigaba sezinto ezingamaqiniso
Ubhala isihloko somusho kanye nemisho ewesekelayo
Uphinda abhale umbiko ngaphansi kwezihlokwana ezingafani
Uthola incazelo yesichasiso, izabizwana, izenzo kanye namagama okubuza imibuzo

**47 Ikhangaru yodumo** 98
Uxoxa ngesithombe
Ufunda indaba enolwazi ngekhangaru
Uphendula imibuzo ekhethekile ngendaba
Uqondanisa amagama nezincazelo zawo
Uguqula izitatimende zibe yimibuzo esebenzisa amagama okubuza

**48 Sicabanga ngamakhangaru** 100
Usebenzisa imininingwane yolwazi evela endabeni abhale ngazo isigaba esiveza amaqiniso athile
Uqedela indaba usebenzisa inkulumo-ngqo
Ubhala umbiko ngaye uqobo esebenzisa izihloko ezikhethekile
Usebenzisa izibabazo





ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 69 2019/10/21 12:10:42

# 33 Ukufunda amalebuli

**Masikhulume** Sebenzani ngamaqembu

- Khuluma ngezinhlobo ezahlukahlukene zamalebuli ezitholakala: ekudleni, ezingubeni.
- Kungani kubalulekile ukufunda imiyalelo ekumalebuli?
- Ucabanga ukuthi kungenzekani uma ungafunda ingxenye kuphela yemiyalelo ekumalebuli?
- Uma uthatha umuthi kumele uwugcine kuphi?
- Kungani kubalulekile ukufunda imiyalelo eselebulini yomuthi ngokufanele?
- Kungani kubalulekile ukuthatha umuthi kuphela uma unomuntu omdala?

**Masifunde**



## Imininingwane yolwazi olungamaqiniso

**Isithako esiphapheme (ephaketheni ngalinye)** **Uvusamasosha** **Ukulwa nezifo**

### Usetshenziselwani?

Ukunikeza umdlandla owengeziwe, amandla kanye nokuhlumelelisa amasosha omzimba.

### Ulwazi olwengeziwe

- Uvusamasosha owethembekile.
- Unezithako ezikhethekile ezikugcina unamandla amakhulu.
- Ugcina izicubu zomzimba ziphilile.

### Ngenkathi usebenzisa lo mkhiqizo

- Uzozwa ukuthi uhlumeleliseke ngokwengezekile uma uwusebenzisa nsuku zonke.

### Indlela yokuwusebenzisa:

***Abadala nezingane eziseminyakeni eyi-10 ubudala***
Thululela lonke iphakethe engilazini equkethe ama-3/4 amanzi.
Goqoza bese uwudedela uphuphume amagwebu ngaphambi kokuwuphuza.
Sebenzisa okungenani iphakethe eli-1 emahoreni angama-24.

***Izingane eziseminyakeni eyi-10 ubudala***
Thululela u-1/2 wephakethe engilazini equkethe ama-3/4 amanzi.
Goqoza bese uwudedela uphuphume amagwebu ngaphambi kokuwuphuza
Sebenzisa ngaphansi kuka-1/2 wephakethe emahoreni angama-24.

**Okunye ngalo muthi**
Wugcine endaweni ebandayo eyomile engaphansi kwama-25°C okungafinyeleli kuyo kuyo izingane
Kunamaphakethe amathathu alingana ukusetshenziswa ngenyanga.

**Izithako ezisezingeni nje:** Amavithamini B1, B6, B12, C.
Unesitashi, ilakthosi, ushukela kanye nezithako ezivimba ukonakala.



ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 70 2019/10/21 12:10:50

Usuku:



**Masibhale** Xoxa ngale mibuzo namaqembu bese nibhala phansi izimpendulo.

Kuqondweni ngemidati yolwazi **olungamaqiniso?** ______

Siphuzo sini okuthiwa ngesinempilo? ______

Kungani amagama athi: "Imininingwane yolwazi" olungamaqiniso ebhalwe ngezinhlamvu ezinkulu.

______

Zingaki izingxenye ezikhona elebulini?

______

Ngokobukhulu bezinhlamvu, yiziphi izingxenye zezihloko okuyizona ezibalulekile? Bhala lokhu phansi.

______

Yiziphi izihloko zezingxenye ezingabalulekile kangako? Zibhale phansi.

______

Zivunyelwe ukuphuza ongakanani umuthi izingane ezingaphansi kweminyaka eyi-10 ubudala?

______

Kungani ubona ukuthi ungawusebenzisa uVusamasosha?

______


Ungahle uphatheke kanjani emva kokuphuza uVusamasosha?

______



**Masibhale** Qondanisa amagama nezincazelo zawo. Dweba umugqa usuke egameni kwesokunxele uye encazelweni kwesokudla.

| | |
|---|---|
| kuphapheme | okwengezwayo |
| isithako | uqinisekile |
| okuqukethwe | ukudla okunempilo |
| okuthatha isikhala | okokusetshenziswa |
| isishebo | ukusebenza ngempumelelo |
| kukhethiwe | okuphathekayo |




UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 71 2019/10/21 12:10:51

# 34 Okunye ngenkombandlela




Buka le miyalelo yokuphuza lo muthi onempilo.

Qondanisa ulwazi olusekholamini ekwesokudla nomqondo osemqoka ekholamini ekwesokunxele.

| | |
|---|---|
| Fundisisa uphinde ulandele amalebuli nemiyalelo yawo sonke isikhathi. | Ungalithengi iphakethe lesiphuzo eselike lasebenza, uyolibona ngokusikeka noma ngokuhlephuka. |
| Yazi ukuthi ungakanani umuthi okumele uwunikeze othize ngokweminyaka yakhe. | Gcina iziphuzo zonke ziphephile ekuthintweni yizingane. Lezi ziphuzo zinambitheka kahle, izingane ziyazithanda ngoba zicabanga ukuthi ziziphuzela isiphuzo nje. |
| Ungalingi udlale ukuba wudokotela. | Uma ilebuli lithi ungazinikezi izingane zeminyaka ethile noma ezinesisindo esithile, ungaziniki. |
| Landela izimiso ezimayelana neminyaka yobudala kanye nesisindo somzimba. | Ungaphuzi noma uphe abanye isiphuzo eseqisiwe esilinganisweni esibekiwe ngoba ucabanga ukuthi isiphuzo sizosebenza kangcono ngalokho. |
| Sihloniphe isexwayiso esithi "WUGCINE KUDE" nabathile. | Funda ilebuli uhloniphe elikushoyo. Izifinyezo ezisho isipunu **njengo-wesipunu**, no-tsp **wethisipunu**, no-mg **wemiligramu**. |
| Bhekisisa iphakethe lesiphuzo kuqala ukuthola ukuthi alizange yini livulwe ngaphambili. | Qaphelisisa imiyalelo esho ukuthi umuthi usetshenziswa kanjani. |




Uyabona yini ukuthi sisebenzise amagama athi: funda, yazi, landela, kanye nohlonipha imiyalelo? Lezi zenzo zisendleleni ephoqayo.

Dwebela izenzo ezisendleleni ephoqayo esiqeshini esingezansi.

## Isiphuzo esinikeza umdlandla esenziwe ekhaya

### ISeji Itiye Lamakhasi Elithandekayo

**Indlela yokulisebenzisa:** Bilisa isikhwanyana setiye eliluhlaza imizuzu esukela ko-1-3 ngenkomishi e-1 enamanzi.
Sikhiphe isikhwanyana setiye. Faka ithisipunu eli-1 laleli tiye lamakhasi. Faka uju ukuze libe mnandi. Faka iSeji elingene ithisipunu eli-1. Libilise imizuzu eyi-15. Faka inkomishi ye-ayisi. Goqoza kuze kuhlangane kahle bese uziphuzela lona.



ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 72 2019/10/21 12:10:53

Usuku:

**INDLELA EPHOQAYO**

Sisebenzisa isenzo esiphoqayo ukwexwayisa, ukuncenga, ukweluleka kanye nokuphakamisa umyalelo. Isenzo esisendleleni ephoqayo sivame ukuba sekuqaleni komusho.

**Phuza** umuthi wakho.

**Hlala** phansi!

**Qaphela**!

Masibhale

Amagama angezansi ayimpoqo. Emaqenjini enu, xoxani ngezinhlobo zemisho eningayenza ngala magama, bese niwabhala emigqeni engenalutho ngezansi. Sebenzisani imisho eqondile nelula ukuqinisekisa ukuthi igama lokuqala liqala ngosonhlamvukazi, bese kuthi umusho uphethwe ngongqi.

thatha ____________________

nikela ____________________

funda ____________________

vala ____________________

khiya ____________________

Masibhale

Sebenzani ngamaqembu.
Phinda ufunde imininingwane yolwazi olunamaqiniso ekhasini lama-70 nidwebele izandiso **zenkathi**, **ezimbili** zesilinganiso, esisodwa sesimo kanye nesisodwa sendawo.

**ISANDISO SA-:**

**Isandiso senkathi** sisho ukuthi kunini manje, kusasa, izolo.
**Isandiso sesimo** sisho ukuthi kanjani: kahle, ngomusa, kabi, ngokucacile.
**Isandiso sendawo** sisho ukuthi kuphi: phezulu, ngezansi, laphaya, ngaphakathi.

Masibhale

Bhala imisho yakho usebenzise la magama. Umngani wakho makakubhekele imisho oyibhalile.

namuhla ____________________

ngenhla ____________________

kakhulu ____________________

kabi ____________________

ngokuvamile ____________________

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 73 2019/10/21 12:10:55




Masifunde



# Yenza iphudingi

KwakuwuMgqibelo ntambama kushisa. UThami wayesekhaya eqeda ukwenza umsebenzi wasekhaya. Umfowabo omncane nodadewabo babesezitolo beyothenga behamba nabazali babo. Wayazi ukuthi babezobuya sekushisa kakhulu. Wacabanga ukuthi kambe yini ayengayenza. Waya ekhishini wafika wathola iresiphi enhle kakhulu yokwenza iphudingi. Wayifunda iresiphi masinya, wakhetha ukubafihlela induku emqubeni ngokuthi abenzele uphudingi.














**Izithako**

- inkomishi yamapetshisi, ekephayinaphu, eyestrobheri, ekamango noma eyamapulamusi
- 1/2 inkomishi kabhanana ocutshiwe
- 3/4 inkomishi yeyogathi
- 1 inkomishi yobisi
- 1 ithisipunu likashukela

**Indlela yokwenza**

1. Cwecwa izithelo.
2. Sika izithelo zibe yizicucu ezincane.
3. Faka zonke izithako ebhodweni.
4. Xuba izithako ndawonye zihlangane, zijiye zibe yinhlanganisela enhle.
5. Thela engilazini.
6. Kugcine kubanda esiqandisini.







Masibhale Xoxani ngezimpendulo ebese nizibhala phansi.

Kumele uzilungise kanjani izithelo?

______________________________

Ngabe udinga ukwengeza ubisi noma ushukela?

______________________________

Mngaki ubhanana owudingayo?

______________________________



ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 74 2019/10/21 12:11:01

Usuku:



Masibhale

Qedela le misho echaza izinyathelo ezimelwe ukuthathwa nguThami ukwenza iphudingi yakhe emnandi.

Okokuqala kumele...

Okulandelayo u-...

Emva kwalokho u-...

Ekugcineni u-...

UThami uzobanika kanjani abantu iphudingi?

Ucabanga ukuthi umfowabo nezingane baphatheke kanjani uma befika ekhaya? Sekela impendulo yakho.

Masibhale

Hlanganisa le misho wenze imisho embaxa. Sebenzisa amagama akubakaki.

UThami ucwecwa izithelo. UThami ufuna ukwenza iphudingi. **(ngoba)**

UThami ufaka ushukela. UThami uhlanganisa izithelo. **(emva)**

Umusho oqondile unenhloko kanye nesenzo, unomqondo ophelele. Isibonelo:
UThami *wenza iphudingi*.
Umusho ombaxa wakhiwe imisho emibili engazimela ehlanganiswe ngesihlanganiso.
Isibonelo:Wayazi ukuthi bazobuya ngoba laselishisa kakhulu.

UThami uhlale ekhaya wenza umsebenzi wasekhaya. Ubefuna ukuya ezitolo. **(nakuba)**

UThami wenze iphudingi. Bekushisa. **(ngoba)**

UThami ukhiphe iphudingi esiqandisini. Beseyilungile. **(ngenkathi)**

UTHISHA: Ukusayina Usuku



ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 75 2019/10/21 12:11:08

# 36 Okunye ngokudla



**Masibhale** Make sithi uwena onika uThami imiyalelo yezinto okumele azenze uma enza le phudingi. Okokuqala okuwumyalelo sikwenzele khona.

Okokuqala iya ... ekhishini.

Okulandelayo thola .

Emva kwalokho .

Ekugcineni yenza .



**Masibhale** UKalim wayefuna ukwenza amabhiskidi angajwayelekile. Wabhala i-imeyili wayisa kuthisha wakhe ecela imiyalelo yokuwenza. Funda i-imeyili kathisha wakhe uqede uyibuyisele kuye bese udweba ubuso esikhaleni osinikiwe.

Iya ku: 'Thuli Ngoma' tn@lehobo.co.za

Ivela ku: Kalim@newtownkzn.com 3 kuNdasa 2014 14:22

Isihloko: Imiyalelo yokwenza i-ayisingi

Kalim othandekayo

**Nazi izithako ozidingayo kanye nezinyathelo ozithathayo ukwenza ubuso lobo. Zijwayeze ukudweba ubuso ngaphambi kokwenza i-ayisingi.**

**Izithako**

- **2 izinkomishi zikashukela we-ayisingi**
- **2 ama-tbsp amanzi**
- **Okokwenza ukudla kube phuzi**
- **1 iphakethe lamabhiskidi amamari**
- **amaswidi athiwa ngamasmatisi**
- **3 izingcezu zikalikhorishi**
- **Amaswidi asabhontshisi**
- **Ushokoledi ocutshiwe**

**Indlela yokwenza**

1. **Sefela endishini ama-tbsps ayi-10 kashukela we-ayisingi; faka amanzi anele ukwenza inhlama yokwemboza.**
2. **Faka imvuthuluka ephuzi, ebomvu noma esasibhakabhaka ukwenza umbala ebusweni ukuze bubukeke ngendlela engejwayelekile.**
3. **Faka i-tsp le-ayisingi emabhiskidini bese uwalolonga ngommese.**
4. **Sebenzisa ama-smatisi asasibhakabhaka ukwenza amehlo.**
5. **Sika ucezu lwelikhorishi ulumise kahle lubheke phezulu lube nomlomo.**
6. **Sebenzisa i-ayisingi ukwenza ikhala.**
7. **Sebenzisa ushokoledi ukwenza izinwele, intshebe kanye namashiya.**
8. **Ungakhohlwa ukudweba ubuso kuqala ungakabufaki umbala!**

**Sikufisela inhlanhla!**
**Nkk Ngoma**

Thumela



ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 76 2019/10/21 12:11:08

Usuku:



Masibhale

Yenza sengathi unguKalim, ukhethe ukuthumelela uthisha wakho i-sms umbonge ngosizo lwakhe.

Sebenzisa la magama ku-sms yakho.











Masibhale

Abangani bakho bakuthumelele izithako zeresiphi. Oyedwa usebenzise izifinyezo. Phinda ubhale izifinyezo ezizokwenza ukuthi umzala wakho osemncane akwazi ukuyilandela iresiphi.

Izithako zamakhekhe e-ayisingi
$\frac{1}{4}$ ℓ ubisi
2 ml amanzi
6 T ushukela
1 t okokwenza umbala
3 g ushokoledi ocutshiwe

Le resiphi yenza i-1 kg yamabhiskidi.







ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 77 2019/10/21 12:11:23

37

# Ibhodwe lesobho



Masikhulume


Buka isithombe bese uphendula imibuzo

- Ucabanga ukuthi ungalenza kanjani isobho letshe?
- Ucabanga ukuthi linganambitheka kanjani?
- Ubonani esithombeni engakunika umqondo wokuthi yini engafakwa esobheni letshe?



Masifunde

Funda le ncwadi yokupheka ebizwa ngokuthi *Isobho lamatshe* bese uphendula imibuzo elandelayo.




Amasosha amathathu afika ekhaya ephuma empini. Awazange adle lutho izinsuku ezintathu. Alambile. Afica abantu endaweni encane nje, kodwa laba bantu abafuni ukuhlanganyela nabanye abantu ekudleni kwabo okuyinyama, ubisi, ukherothi, ikhabishi, ukolo kanye namazambane.

Uma amasosha ecela ukuthi laba bantu bawaphe ukudla, umuntu ngamunye uqamba amanga. Bonke bathi abanakho ukudla abazokupha amasosha. Ayesefikelwa yisu amasosha. Leli su lizokwenza ukuthi bonke abantu bakule ndawo bawaphe ukudla.

Isosha lokuqala lathi, "Bantu bakithi!" Basondela bezolalela.

"Silambile singamasosha amathathu nje. Sivela kude. Sicele ukudla, aninakho. Ngaleyo ndlela sicabange ukuthi sipheke isobho lamatshe."

"Isobho lamatshe? Kungangcono sonke silibone lelo sobho."

"Okokuqala, sifuna ibhodwe elikhulu, amanzi kanye nomlilo," kusho isosha lokuqala.

"Sizocela namatshe amathathu amakhulu ayizimbulunga." Bawathola masinya-ke wona abantu.

Avuleka kakhulu amehlo kubantu uma bebona amasosha ewafaka ngempela amatshe ebhodweni.

"Singahle sifune usawoti nopelepele," kusho amasosha, ayeqala egovuza ebhodweni manje. Izingane zabuya nawo usawoti nopelepele.

"Amatshe anjengalawa akha isobho elimnandi. Uma nje kungaba khona ukherothi, kungaba ngcono impela." Omunye okuthiwa nguFrancois wagijima wayolanda ukherothi.

"Nekhabishi lingasiza kakhulu kuleli sobho," kusho isosha lisika ukherothi liwufaka phakathi. "Asiqondile ukucela izinto eziningi nokho." Wayesuka omunye umntwana onguMariya ephuthuma ikhabishi. "Uma singaba nenyama yenkomo encane nje, namazambane ambalwa



ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 78 2019/10/21 12:11:30

Usuku:

futhi, kungabe sekuphelile-ke manje." Abantu babona ukuthi mabayithole into yokugcina kubhekwe ukuthi amasosha azophumelela yini. Kwatholakala lokho.

Yisobho lezigwili leli – elivela ematsheni pho. Wumlingo phela!

"A," kuvuma isosha elilodwa ligoqoza ebhodweni lenyama namazambane, "sengathi singaba nokolo omncane nje kanye nenkomishi yobisi. Okokugcina ngci-ngci-ngci."

Kweza konke lokho kokugcina ngci-ngci-ngci. Kwafika ubisi nokolo nokunye. Abonda amasosha. Afaka konke lokhu okufikayo futhi. Babuka abantu bekhamisile.

Ekugcineni isobho lalunga. "Wonke umuntu uzothola ithuba ezwe isobho lamatshe," kwasho amasosha.

Ahamba ngosuku olulandelayo masosha...

**Okungaphelele:** Ongqi abathathu (…) basetshenziswa uma amagama noma okuthile kusalile emva kokubhalwa kwamazwi athile.



Masibhale

Xoxa ngale mibuzo neqembu lakho bese nibhala phansi izimpendulo.

Yini eyabangela ukuthi isobho libe mnandi kanjeya, kungabe ngamatshe?

Kungani amasosha akwazi ukuphamba abantu?

Nicabanga ukuthi amasosha azosuka aye kuphi?

Kungasizathu sini amasosha acela ukuphiwa amatshe nokunye okwagcina sekuphekiwe?

Zithako zini ezasetshenziswa?

Zinyathelo zini ezalandelwa ukupheka isobho?

Yaba njani imiphumela?

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 79 2019/10/21 12:11:32

# 38 Isobho, isobho, isobho lezimanga




Khetha isobho ovame ukulenza ekhaya.
Bhala uhla **Iwezithako**.
Ungashiyi lutho ngaphandle.

Izithako zesobho lami engilithandayo

Bhala imiyalelo ephepheni nisebenzisa imisho enezenzo eziphoqayo njengokuthi nje: hlanganisa izithako ngokufanele.
**Sika** u-anyanisi uwufake umanzi.
Izithako ezimanzi nezomile.
Qiniseka ukuthi unikeza izinyathelo ezicacile.

Funda iresiphi uyifundele iqembu. Qiniseka ukuthi wonke umuntu uyakuqonda konke okushiwo ezinyathelweni ezithathwayo.

Bhala umzamo wokuqala wezithako kanye nemiyalelo.
Cela oyedwa eqenjini abheke lokhu.




Buka umusho wokuqala wendaba yesobho lamatshe. Awuphelele. Uyababona ongqi abathathu ekugcineni komugqa? Ongqi abanje basho ukuthi indaba kayiphelile. Bhala usho ukuthi imelwe ukuphela ngamaphi amazwi. Bhala isigaba ngalokhu.



ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 80 2019/10/21 12:11:34



**Masikhulume**

Sebenzisani indaba yesobho lamatshe niyidlale ngokuyilingisa.

- Sebenzani ngamaqembu. Kumele kube nalaba badlali, 3 amasosha, 6 abantu nje bendawo.
- Nika isosha elilodwa umsebenzi wokusho ukuthi amasosha adingani ukuze apheke isobho.
- Elinye isosha malinikeze imiyalelo ngokwenziwa kwesobho.
- Elesithathu maliqinisekise ukuthi wonke umuntu uyawenza umsebenzi wakhe ngokwanelisayo.
- Qiniseka ukuthi abadlali bonke banento abazoyisho nokuthi bonke bayabandakanyeka emdlalweni wesobho.

- Sebenzisa ibalazwe lemibono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhala umzamo wokuqala
- Cela umngani wakho abheke amaphutha emzamweni wokuqala
- Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha
- Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.



**Masibhale** Bhala uhlaka lomdlalo wakho. Sebenzisa lezi zihlokwana.

**Isihloko**

____________________

**isigcawu** yisho ukuthi kuphi, nini.

____________________

**Abadlali** Yisho ukuthi abadlali besigcawu sokuqala yibaphi. Nikeza incazelo emfushane yabo. Lokhu kungasiza abantu abancane ngangabo ukuthi bazibandakanye nokuziphatha kwalowo mdlali endabeni.

____________________

____________________

____________________

____________________

**Isakhiwo**

____________________

____________________

____________________

____________________

____________________

____________________

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 81 2019/10/21 12:11:40

# Sihlola okuthile ngemibala



**Masikhulume**

- Yini uthingo lwenkosazana?
- Lubonakala nini uthingo lwenkosazana esibhakabhakeni?
- Injani imibala yothingo lwenkosazana?
- Uthingo lwenkosazana luvezwa yini?



**Masifunde**

Funda lesi siqeshana uxoxe ngaso neqembu lakho.

Uyakholwa ukuthi yonke imibala esibhakabhakeni iyimiphumela yothuli olukhanya ngezindlela ezingafani ngenxa yelanga? Uma wenze lokhu okulula nje uzokwazi ukuzibonela wena ukuthi kuyiqiniso yini.

Imiphumela yalokhu ayivamile ukucaca ngakho udinga ukuthi ukuhlolele etafuleni endlini emnyama.

Thela amanzi engilazini bese ufaka ubisi oluwuhhafu emanzini. Sondeza ithoshi eduze kwengilazi. Khanyisa ithoshi engilazini uliqhamukise ezindaweni ezahlukahlukene ubheke ukuthi kuzokwenzekani ngombala wamanzi anobisi uma ekhanyiswa yithoshi livela ezinhlangothini ezahlukene.

Faka omunye uhhafu wobisi ubheke okuzokwenzeka futhi.


Ekugcineni faka i-1t yobisi. Nyakazisa ithoshi liye phansi naphezulu. Uma livela ngezindlela ezahlukene bheka ukuthi kwenzekani.

**Masibhale**

Khetha isihloko esihle salesi siqeshana bese usho ukuthi kungani ucabanga ukuthi sihle.

Imibala ehlukahlukene esibhakabhakeni. | Ukuhlola okuthile ngemibala | Umkhathi wethu

- Dwebela wonke amagama ayimiyalelo (izenzo eziphoqayo) ngokubomvu.
- Bhala amagama eshadini elingezansi, alandelane kahle.





ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 82 2019/10/21 12:11:48

Usuku:




Qondanisa amagama akwesokunxele nezincazelo kwesokudla.

Bhala amagama abhalwe ngokuqgamile esichazamazwini sakho.

| amagama |
|---|
| **izinhlayiya** |
| **ukuveza** |
| **munca** |
| **kancane** |
| **yenza** |
| **izinhlobonhlobo** |

| Incazelo |
|---|
| imikhakha |
| feza |
| ngandlela thile |
| ukumoma |
| phindisela emuva |
| insehle |






Kokelezela isandiso sendawo kulesi qeshana ngokubomvu. Manje bhala imisho yakho usebenzisa isandiso sendawo.

phakathi ______

phezulu ______

eceleni ______


phansi ______

eduze ______




Faka imibala othingweni lwenkosazana. Manje gcwalisa ngezichasiso ezifanele othingweni lwenkosazana.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| lububende | luluhlaza | lubomvu | luyithusi | luwolintshi |
| luphuzi | luluhlaza okotshani | lumnyama | lunsundu | luluhlaza sasibhakabhaka |
| lumastadi | luthi alube phinki | luvayolethi | ububende | lubukhwebezane |



Manje bhala imisho yakho usebenzise imibala emithathu ongayisebenzisanga othingweni lwenkosazana.

______

______

______

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 83 2019/10/21 12:11:48

# 40 Hlunga lezi zinto




Sebenzisana nomngani. Oyedwa wenu kumele anike imiyalelo, omunye ayenze. Bheka ukuthi umngani wakho uyilandelile yini imiyalelo ngokuyikho. Sebenzisa iphepha elisekhasini elilandelayo.

1. Bhala igama lakho emgqeni wokugcina ephepheni ngakwesokunxele somugqa obomvu.
2. Emgqeni wokuqala wephepha bhala izinombolo:1 - 9. Qala ngakwesokunxele ubhale izinombolo. Shiya isikhala phakathi kwenombolo ngayinye.
3. Kokelezela inombolo 6.
4. Dweba inkanyezi phezulu kwesokunxele ekhoneni lekhasi.
5. Goqa iphepha lakho ngobude.
6. Vula iphepha lakho, lisonge futhi ulinqamule phakathi nendawo.
7. Sebenzisa ipensela ukwenza imbobo phakathi nendawo ephepheni (yilapho kuhlangana khona ukugoqa okubili okwenzile)
8. Dweba inhliziyo uzungeze imbobo oyenzile ephepheni.
9. Bhala uhlamvu lokuqala lwegama lakho phezulu ngakwesokudla ekhoneni lekhasi.
10. Emgqeni wokugcina ekhasini, bhala igama kuphelile libe semgqeni obomvu.




Wumdlalo othi *Uthingo lwenkosazana* lona. Umama wakho kumele anenzele ingubo yokudlala. Landela imiyalelo ekhasini elilandelayo ukudweba ingubo ezosetshenziswa. Yifake imibala uyilebule ukuze uyinike umama wakho.



ZUL HL Gr3 B1 TH3.indd 84 2019/10/21 12:11:51

# 41 Yimfashini-ke le



**Masikhulume**

Uke waxoxisana nomuntu ongusaziwayo?
Uma kunjalo, chazela iqembu ukuthi ngubani okhulume naye, ngasizathu sini? Uma ungakaze, tshela iqembu ukuthi ngubani ngempela ongakhuluma naye ezingeni labantu abafuna umsebenzi. Yimiphi imibuzo ongayibuza umuntu obengumthungi nomdizayini wemfashini? Ngaphandle kokuxoxisana nomuntu ngoba ufuna umsebenzi, yimiphi imithombo ongakhuluma nayo uma ufuna umuntu oyidizayina yemfashini?




**Masifunde**

Funda le ngxoxo eyenziwa nguXoli Mtshali wephephabhuku *i-Seventeen* exoxa noHenry Holland, umdizayini waseLondon wemfashini osebenza nezitolo zakwaMr Print.

**Ngaphambi kokufunda**
- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi le ndaba imayelana nani.
- Yedlulisa amehlo ekhasini ukuba ubone ukuthi uzofunda ngani.

XM: Uwuqale kanjani umsebenzi noMr Print?
HH: Kukhona umuntu oweza kimi ngiseLondon. Ngangingakaze ngizwe lutho ngoMr Print kodwa ngithe uma ngiqala ukwenza ucwaningo ngabona ukuthi baningi kangakanani abantu baseNingizimu Afrika ababengangenza ukuthi ngingene kule makethe ngabo.
XM: Yisiphi isikibha sakwaMr Print osithanda kakhulu?
HH: Yilesi esinesithombe sesilwane!
XM: Sewuyaziwa ngokwenza kwakho izikibha ezimangazayo. Unasiphi iseluleko ngokwenziwa kwezikibha ezahlukene?
HH: Ziningi izindlela. Zigqoke zihambisane nobucwebecwebe, noma nokunye okuyimfashini. Ngicabanga futhi ukuthi zinhle zihambisana nento ebingalindelekile njengesiketi esinezimpaphe.
XM: Yini ongayisho ngemfashini eNingizimu Afrika?
HH: Ngiyayithanda indlela abantu baseNingizimu Afrika abahlonipha ngayo iMr Print. Iyamangaza. Kunamazwe amaningi anabantu abesabayo ukugqoka izinto ezinemibala.
XM: Uyakuthanda ukufunda?
HH: Ngingumuntu ohlala esendleleni, ngiyawathanda amaphephabhuku. Anokuveza kancane izinto okumele ziphendulwe imfashini yesikhathi esithile.
XM: Waqala njengentatheli wase wedlulela ekudizayineni imfashini. Manje sewungusaziwayo kwezemfashini. Sikhona iseluleko ongasipha abantu abasha?
HH: Ngicabanga ukuthi badinga ukwenza ucwaningo ngemfashini, babheke izindlela ezahlukene zokusebenza kwale mboni. Ungaba ngumdizayini wemfashini, ube ngumthengi, kumbe ube ngumqambi wemfashini.
XM: Qedela lokhu: ngenkathi ngineminyaka eyi-14...
HH: Ngangingazi ngempela ukuthi ngizogcina ngokwenzani. Ngangiyaye ngizizwe ngithanda imfashini.












ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 86 2019/10/21 12:11:59

Usuku:

Masibhale

Xoxa ngale mibuzo neqembu lakho kanye nabanye, nibhale izimpendulo phansi.



Usebenzela bani uXoli Mtshali?

Ngubani lona axoxa naye ngokujula okungaka?

Ngubani obona ukuthi uzothanda ukufunda ngale ngxoxo?

Bekuyini inhloso yale ngxoxo?

Yini ezingutsheni lena abakhuluma ngayo?

Masibhale

Bhala imibuzo emithathu wena ongathanda ukuyibuza uHenry Holland. Ungakhohlwa ukuqala umbuzo ngosonhlamvukazi kuthi ekugcineni ufake umbuzi.





Masibhale

Bhala le misho ibe yinkulumo-ngqo.

UHenry Holland uthi uyakuthanda ukusebenza nabantu baseNingizimu Afrika.

UHenry Holland uthi, "

Uxoli Mtshali uthi uHenry Holland udumile kwezemfashini.

Uxoli Mtshali uthi, "

UTHISHA: Ukusayina  Usuku



ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 87 2019/10/21 12:12:02

# 42 Okunye ngezikibha

UHenry Holland noMr Print bahlanganise ubuchwepheshe babo nebhizinisi ukwenza izikibha bese bezilebula. Izikibha ziphumelele kakhulu. Ingxenye yokuphumelela kwabo yenziwe ngukuthi besebenzisa abadizayinayo abasha - uFlora noTina bakwaFloral Designs. UMr Print ufuna ukubabhalela ucwaningo ngemfashini yabantu abasha.





**Masibhale**

Bhala izihloko ezintathu zezimfashini abangabhala ngazo ezilingana abantwana beminyaka eyi-11 neyi-12.



**Masibhale**

Ukhethe ukubhala ucwaningo oluthi, *Ukulebula noma ukungalebuli* okuyisihloko sakho odinga ukuxoxisana nabantu bezimfashini ngaso.

Ngubani obona ukuthi kumele uxoxisane naye? Bhala imithombo emibili ehlukene efana nezitolo zezingane noma abadizayina izingubho zezingane. Nikeza igama lomthombo owucabangile.

***Izinhlobo ezimbili zemibuzo***

**Imibuzo evalekile**: Ingaba nempendulo enguyebo noma qha.

**Imibuzo evulekile**: Impendulo idinga kucatshangwe kujulwe kanti inikeza imibono kanye nendlela umuntu aphatheke ngayo.

Uzoxoxisana neqenjana labantwana abaneminyaka eyi-12 ngoba ucabanga ukuthi okubalulekile ukuthi yibo abathenga izingubo. Kubalulekile lokhu? Ngabe isitolo abathenga kuso izingubo sona sibalulekile? Yikuphi okubaluleke kakhulu, ukuba semfashinini noma ukuphathwa kahle yimfashini? Ngabe kubalulekile ukuthenga into eyaziwayo? Ngabe bafuna ukuthenga izingubo ezizohlala isikhathi eside? Ngubani obakhethela ukuthi kumele bathengeni? Ngabe yibo abazikhethelayo noma ngabazali?



**Masibhale**

Bhala imibuzo yakho lapha. Bhala emibili evalekile kanye nemibili evulekile.




ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 88 2019/10/21 12:12:26

Usuku: ______



**Masibhale**

Funda ucwaningo olwenziwe ebese uphendula imibuzo.






Yini oyiqaphela ngezikibha ezijwayelekile kanye nalezo ezifakwe amaphethini entwasahlobo nasebusika?

______

Zingaki izikibha ezilandwa kwamanye amazwe sezizonke? Zingaki ezenziwe kuleli ezithengisiwe? Yimuphi umahluko okhona?

______

Kungani ucabanga ukuthi izikibha ezidumile ngezasentwasahlobo?

______

Ngabe ucabanga ukuthi abantwana bathanda izikibha ezibhaliwe ezibukeka ngendlela ethile? Nikeza izizathu.

______

Bangaki abantwana abakhetha izikibha ezivela kwamanye amazwe kunezalapha? ______

Bangaki abantwana abathenga izikibha ezijwayelekile? ______

Bangaki abantwana abathenga izikibha zasebusika? ______

Kwenziwa yini lokhu? ______

Bhala imigqa embalwa usho ukuthi yini enye etholakele ngenkathi wenza ucwaningo.

______

______

______



UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 89 2019/10/21 12:12:29

# Sifunda ngevolibholi





Masikhulume

Tshela iqembu lakho ukuthi udlala muphi umdlalo wena. Batshele ukuthi imithetho yalowo mdlalo ithini. Buye usebenzise izenzo ezinesakhi sokuzenza. Sebenzisa impambosi, yokwenziwa



***Esakhini sokuzenza***: sisebenzisa u-zi- ukusho ukuthi into yenza okuthile kuyo.
***Isibonelo***: Ibhola lizishaya kimi.
Umfana ushawa ibhola

**Ngaphambi kokufunda**
- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi le indaba limayelana nani.
- Yedlulisa amehlo ekhasini ukuba ubone ukuthi uzofunda ngani.



Masifunde

Ivolibholi eHout Bay ithandwa ngabafana namantombazana. Yini eletha laba bantwana kulo mdlalo?

**Isiqephu sephephandaba**

Eminyakeni emibili edlule amaphoyisa aseHout Bay abekhathazekile ngamaqembu ezigilamkhuba ebezingaziphethe kahle endaweni. Abe esecabanga ukuthi lezi zingane zinikwe uhlobo oluthile lomdlalo. Kodwa abuye acabanga ukuthi ngeke kube wumqondo omuhle lona. Nokho athumela umlayezo ephephandabeni ecela abantu abathanda ukuqeqesha abasha kwezemidlalo ukuthi bawathinte.

U-Amanda Coetzee wasibona isaziso ephephandabeni washaya ucingo. "Ngingumama omhlophe owayeyidlala ivolibholi," kusho yena emaphoyiseni. "Kulungile," kuvuma amaphoyisa. "Make siqaleni." Kwaba ukuqala kwakhe umsebenzi wokuqeqeshela ivolibholi.

**Umdlalo wevolibholi waqeda isithukuthezi**

Kunabafana ababeye beqa ehholo lesikole, base bezithola sebenesithukuthezi. Kodwa abanye baba nomdlandla base betshela abanye ukuthi mabeze bazodlala. U-Amanda wathola izinkampani ezizoxhasa ngezinto zokudlala. Ekugcineni kwagcina sekunamaqembu amabili. Baqala ukuncintisana namanye amaqembu aseMuizenberg, eCape Flats naseKhayelitsha.

**Sakhula isihlabani**

Umqeqeshi wabo uthi isihlabani sabo esisakhula nguThandi Nkomo. Uneminyaka eyi-11 futhi usedlalele iqembu lesifundazwe labaneminyaka engaphansi kweyi-14. Leli qembu langenela nemidlalo yamanqamu yesifundazwe, kodwa lanqotshwa yiqembu lase-Algoa Bay.

**Kuyashesha kuyajabulisa kumnandi**



UThandi washintsha esuka ekudlaleni ihokhi wayodlala ivolibholi. Uthi, "Ivolibholi iyashesha futhi iyajabulisa."

Iqembu laseHout Bay lizilolonga kabili noma kathathu ngosuku. Kodwa uThandi nsukuzonke uzilolonga enkundleni lize lishone ilanga. Ukwenza lokhu ngoba uyayithanda futhi unezinhlelo ezinkulu ngekusasa.



ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 90 2019/10/21 12:12:32

Usuku:





**Masibhale** Phendula imibuzo emayelana nendaba oyifundile.



Yini eyabangela ukuthi kuqalwe ivolibholi eHout Bay? ______________________

Ngabe amaqembu ayaphumelela? ______________________

Sebenesikhathi esingakanani bedlala ivolibholi? ______________________

Ucabanga ukuthi sicashunwephi lesi siqeshana sombhalo?
Khetha okukodwa kulokhu okulandelayo unikeze izizathu zempendulo yakho.

1. Indaba 2. Umdlalo 3. Iphephandaba

______________________

Nikeza lesi siqeshana sombhalo isihloko. ______________________



**Masibhale** Funda ukuthi uthini u-Amanda mayelana nevolibholi kanye nomdlalo. Beka akushilo kube yinkulumo-mbiko.

"Ngiyidlale kakhulu ivolibholi ngisemncane."

Wathi ______________________

"Sidinga ukwenza abasha babe nothando lwezemidlalo ukuze bahlale bephilile."

Wathi ______________________



**Masibhale** Funda indaba elandelayo utomule kuyona imisho ozosebenzisa kuyona izisho ozinikiwe.

ngakho | kwase | kodwa

UThandi unezinhlelo ezinkulu ngekusasa. UThandi wethemba ukuthi uzoqeda isikole kahle kodwa akazi ukuthi uzophumelela yini kumatikuletsheni. UThandi uyidlala kahle ivolibholi. UThandi ekugcineni ufuna ukudlala ivolibholi eNingizimu Afrika. UThandi uzilungiselela kanzima. UThandi akavumeli ivolibholi ukuthi imphazamise ezifundweni zakhe. UThandi mude. Abanye abadlali banika uThandi ibhola njalo ukuze afake amagoli.

______________________

______________________

______________________

UTHISHA: Ukusayina ______________ Usuku ______________



ZUL HL Gr5 B1 TB3.indd 91 2019/10/21 12:12:32

# Okunye ngemidlalo





Masibhale

Qedela isigaba sokugcina sendaba yendaba kaThandi, usho ukuthi unezinhlelo ezinjani azicabangayo. Bhala imisho emithathu okungenani.



Masibhale

Ezikhaleni izinikiwe bhala noma ingamuphi umdlalo owuthandayo.

| | |
|---|---|
| Igama lomdlalo. | |
| Inani labadlali abadingekayo kulo mdlalo. | |
| Izinsiza ezisetshenziswa kulo mdlalo. | |
| Ubulukhuni obukhona: ulukhuni, ulula, ulukhuni kakhulu. | |
| Umthetho owodwa walo mdlalo. | |
| | |



Masibhale

Yenza sengathi uxoxisana noThandi ngendaba ezoba kwiphephabhuku lesikole sakho.
Qedela le ngxoxo. Sebenzisa le mibuzo elandelayo: ngubani, ini, kuphi, nini

**Intatheli:** Ngiyazi ukuthi ungumpetha wevolibholi. Yini imfihlo yakho kule mpumelelo yakho?

**UThandi:**

**Intatheli:** Zithini izinhlelo zekusasa lakho?

**UThandi:**

**Intatheli:**

**UThandi:**



ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 92 2019/10/21 12:12:33

Usuku:




Phinda ufunde isiqeshana ngoThandi. Ulwazi lubhalwe ngaphansi kwezihloko ezahlukene, ezisohlwini olungezansi. Eduze kwesihloko, ngomusho owodwa bhala imibono eyethuliwe usebenzise amagama akho.

**Isaziso ephephandabeni**

---

**Ukusuka empilweni engemnandi ufinyelele kuvolibholi**

---

**Sakhula isihlabani**

---

**Liyashesha, liyajabulisa limnandi**

---



***Inkathi edlule nezayo***

Inkathi edlule yakhiwa ngokusebenzisa amagama asho ukuthi kade into yenzeka. Yenzeka esikhathini esedlule

Inkathi ezayo yakhiwa ngamagama akhombisa ukuthi into isazokwenzeka.




Buka isithombe osithathe epaki. Khombisa abangani bakho ngosuku olulandelayo esikoleni. Tshela abangani bakho ukuthi abantu bebenzani epaki. Sebenzisa inkathi edlule ukusho konke okwenzekile. Bhala izinto ozitshele abangani bakho.

Isibonelo *Abafana bagibele amabhayisikili.*

---

---

Bhala ngokwenzeke epaki usebenzise inkathi ezayo.

Isibonelo *Abafana bazogibela amabhayisikili abo.*

---

---

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 93 2019/10/21 12:12:39

# Inyosi edansayo





**Masikhulume**

Buka izithombe bese ukhuluma ngokubonayo.
Ngabe izinyosi zisebenza zodwa noma zisebenza nezinye izinyosi?
Kwenziwa yini lokhu?
Kusiza ngani ukusebenzisana?
Niyakuthanda ukusebenzisana nabanye abantu noma nithanda ukusebenza ngamunye. Kungani?



**Masifunde** **Izinyosi ezidansayo**

**Ngaphambi kokufunda**
- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi le ndaba imayelana nani.
- Funda udlulise amehlo ukuze ubone ukuthi uzofunda ngani.

Cabanga ngosuku olufudumele lwehlobo. Uhlezi ngaphandle elangeni, uphuza isiphuzo esibandayo. Yonke into ithulile ngaphandle komsindo ozwakala kancane. Sewuthulile. Welula isandla sakho ukufinyelela esiphuzweni sakho esibandayo. Nasi isinambuzane esincane esinsundu sikhotha unqenqema lwengilazi yakho. Yinyosi! Empeleni, yinyosi engumzingeli wokudla, umsebenzi wayo ukutholela ezinye izinyosi ukudla endlini yazo. Ngomzuzu noma emibili iyandiza ukuyotshela ezinye izinyosi ngekutholile.



Into yokuqala eyenzayo uma iphindela emuva endlini yezinyosi ukuzijabulisa. Ikwenza lokhu ngokuthi ibaleke kodwa yenze umdanso. Uma inyosi yenza umdanso wayo, inyakazisa umzimba wayo. Zonke izinyosi zinqwabelana ukuzohogela ijusi yenyosi engumzingeli wokudla. Zisebenzisa izimpondo zazo ukuhogela, ngakho zithinta ijusi enyosini ngezimpondo zazo.



Uma izinyosi zithanda ukunambitheka kanye nephunga lesiphuzo sakho esibandayo zibuka kakhulu kumzingeli. Inyosi engumzingeli ilokhu iqhubeka ixoxisana nazo ngokuzidansela futhi nangokuyaluzisa umzimba wayo. Uma ihamba kancane, isho ukuthi ukudla kuseduzane. Uma inyakazisa umzimba wayo ngokushesha okukhulu, ukudla kusekudeni kakhulu. Uma inyakaza kancane kuseduze. Seziyazi-ke manje izinyosi ukuthi zizondiza kangakanani zifike esiphuzweni sakho.
Ngakho ungachithi isikhathi esiningi uphuza isiphuzo sakho esibandayo; uzothola ukuthi kufanele wabelane nezinyozi eziyikhulu ezilambile!



ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 94 2019/10/21 12:12:41

Usuku: ____________




Ucabanga ukuthi lesi siqeshana sithathwephi? Beka uphawu empendulweni.

| | | | | | |
|---|---|---|---|---|---|
| | ephephandabeni | | encwadini yezindaba | | *kuNational Geographic for Children* |

Kungani inyosi imunca isiphuzo sentombazana? ____________

Ibuyelelani inyosi ehhokweni lazo? ____________

Zenzani ezinye izinyosi uma zithola ukuthi ziyakuthanda okutholwe umzingeli?

____________

Zisho kanjani izinyosi ukuthi ukudla kukude?

____________




Emgqeni ngamunye, qondanisa igama lokuqala nelinye elisho okufanayo. Amanye amagama awasho into efana ngempela, kodwa ecishe isondele. Khetha igama elifanelekile.
Bhala amagama abalwe ngokugqamile esichazamazwini sakho.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **umngcele** | isicelo | ifulemu | unqenqema | okuhlukanisayo |
| **umthombo** | imbangela | intwasahlobo | wamanzi | okulethiwe |
| **inyosi** | umzingeli | yisinambuzane | okutholile | othungathayo |




Le misho ihlukaniswe izingxenye ezintathu ezixoviwe.
Qondanisa izingxenye.

| | | |
|---|---|---|
| izinyosi | ubuka | ehhokweni lezinyosi |
| umfundi | uyalithanda | isemishi loju |
| abanye abantwana | bebezama | indlela yokuthola uju ehhokweni lezinyosi |
| uthisha wami | bezizininingi | uhlelo lwe-tv ngezinyosi |




Bhala le misho usebenzise izenzo ezisempambosini yokwenziwa.

Izinyosi zitinyele intombazana.

____________

Izinyosi zalwakha uju.

____________

Isenzo **siyimpambosi yokwenziwa** uma isenzo senziwa kuyona inhloko yomusho ngenye into noma ngomunye umuntu, isb. Izingubo zahlanzwa yintombazana.

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 95 2019/10/21 12:12:42

# 46 Sicabanga ngoju nezinyosi




Bhala le misho ilandelane kahle. Nikeza izinombolo zisuke koku-1 ziye koku-6




| | **Masakhe isemishi loju** |
|---|---|
| | Lisike libe wohhafu. |
| | Sika isemishi libe nguhhafu. Yidla ngokushesha. |
| | Consisela uju esinkweni esifakwe ibhotela. |
| | Beka ucezu olulodwa lwesinkwa phezulu kolunye. |
| | Gcobisa ibhotela ocezwini ngalunye lwesinkwa ngommese. |
| | Thatha izingcezu ezimbili zesinkwa. |




Uyawabona amabhokisi angenalutho esithombeni senyosi? Kudingeka uwalebule ngokubhala igama elifanele ebhokisini ngalinye.

Sebenzisa amagama asohlwini ukulebula umdwebo.

**1. ulimi oluyishubhu**
**2. iphiko**
**3. ikhanda**
**4. ihlo**
**5. imilenze**
**6. izimpondo**







Sebenzisa amagama asebhokisini ukubhala isigaba esimayelana nezitho zenyosi. Qiniseka ukuthi isigaba sakho sinomusho oyisihloko kanye naleyo eyesekelayo. Sebenzisa izihlanganiso ukuhlanganisa imisho.



ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 96
2019/10/21 12:12:49

Usuku:



**Masibhale**

UJiimi uyazithanda izinyosi, ucelwe ukuthi abhale umbiko ngazo. Nokho kukhona okungahambanga kahle umbiko wakhe awangalandelana kahle. Phinda ubhale umbiko uqinisekise ukuthi kukhona konke okulandelayo:

- Isihloko
- Umusho oyisingeniso
- Incazelo ngobunjalo benyosi
- Ulwazi ngendawo ezihlala kuyo izinyosi
- Ulwazi ngezikwenzayo
- Isiphetho sokugcina sombiko

Emva kokulandelanisa kahle umbiko, yenza lokhu okulandelayo:

- Dwebela isichasiso ngokusasibhakabhaka
- Kokelezela izabizwana ngokubomvu.
- Dwebela izenzo ngokuphuzi.
- Dwebela amagama asho ukuthi izinyosi zinjani ngokubukhwebezane.

Izinyosi ziqoqa uju. Ziyadansa emakhekhebeni ukukhombisa ukuthi izimbali zingakuphi. Izinyosi zoju zingandiza ibanga elingama-6.4 km ukuyoqoqa umpe oluzokwenza ama-500 g oju.

Inyosi yoju inemibala ecacile ephuzi nesawolintshi. Yinde ngama-12 mm inemilenze eyisithupha. Inezingxenye ezintathu ezibonakalayo emzimbeni wayo.

**Inyosi yoju**



Lesi sinambuzane sitholakala eNingizimu Afrika.
Inyosi yoju iyisinambuzane.
Abantu abaningi bayaluthanda uju ezilusebenzelayo izinyosi zilwakha.

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 97 2019/10/21 12:12:51

# Ikhangaru yodumo





Masikhulume

Amakhangaru atholakala e-Australia. Sikhona isilwane osaziyo esitholakala eNingizimu Afrika kuphela? Sichaze.
Kukhona okwaziyo ngamakhangaru? Yikuphi?
Buka izithombe zekhangaru. Xoxa ngezithombe ozibonayo.



Masifunde

**Yazana nekhangaru – umama omuhle, ogxuma ngesivinini esikhulu**

**Ngaphambi kokufunda**

- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi le ndaba imayelana nani.
- Funda udlulise amehlo ukuze ubone ukuthi uzofunda ngani.

Uma umuntu ekucela ukuba usho ukuthi yisiphi isilwane esibukeka kabi, kungaba lukhuni ukuthi uthi yikhangaru ngoba iyisilwane esijabulisayo.

Amakhangaru ahlala e-Australia. Adla utshani. Indlela yawo yokuhamba ukugxuma (ayashesha kunehhashi). Agxuma amamitha angafinyelela kwamathathu.

Ikhangaru isebenzisa amazinyo ayo angaphambili ukuhlafuna. Uma amazinyo ayo edleka, ayakhumuka. Inamazinyo akwazi ukuvela uma kukhumuka amadala. Uma ikhangaru seyineminyaka engamashumi amabili, isebenzisa amazinyo ayo okugcina.

Ikhangaru inesikhwama. Ithwala umntwana wayo obizwa ngokuthi "ijowi" ngalesi sikhwama kuze kufike isikhathi lapho umntwana esekwazi ukuzinakekela khona.

Ngendlela ijowi ekhula masinyane ngayo, wonke umuntu **uyamangala**.

Emva kwezinsuku ezingamashumi amathathu nantathu umntwana esesibelethweni, ube esezalwa. Ubukeka njengomsundu obomvana ongaboni. Ubude bomntwana bungaba amasentimitha amathathu. Kuqala imilenze yangemuva ukukhula.





Eyangaphambili, esuke imincane kakhulu, isuke ilungele kuphela ukuthi ijowi leli likwazi ukungena esikhwameni sikanina. Lo mntwana uhlala esikhwameni sikamama izinyanga ezingaphezulu kweziyisithupha. Uyakwazi ukuncela kunina. Ngalesi sikhathi uyakhula asuke ekubeni wumsundu ongaboni abe yikhangaru encane enoboya. Izinyawo zangaphambili nezasemuva zikhula ziqine. Amadlebe, amehlo kanye nekhala nakho kukhula ngokuphelele.

Yaze yaba ngumama omuhle ikhangaru!



ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 98 2019/10/21 12:12:52



**Masibhale**

Ucabanga ukuthi ikhangaru iyisilwane esibukeka njengesihlekisayo? Kungani?

Amazinyo ekhangaru ahluke ngayiphi indlela kwawakho?

Kungabe ikhangaru ihamba kanjani?

Ucabanga ukuthi amakhangaru angomama abakahle? Usho ngani?

Ikhangaru ikwazi ukugijima ngesivinini esingakanani?

Ubizwa ngokuthini umntwana wekhangaru?

Kungani umama enesikhwama?

Uhlala isikhathi esingakanani umntwana wekhangaru esikhwameni sikamama wakhe?



**Masibhale**

Khetha emgqeni ngamunye amagama anencazelo esondele kakhulu emagameni abhalwe ngokugqamile. Bhala amagama abhalwe ngokugqamile esichazamazwini sakho.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| **akujwayelekile** | akukho | akumi | akufi | akuvamile |
| **isaka** | lamasi | lamanzi | lamazambane | lobisi |
| **kuyakitaza** | kuyaluma | kunzima | kuyahlekisa | kuyabiza |
| **ukhulile** | usukumile | ubuyile | mdala | mkhulu |
| **thola** | bona | fumana | thatha | thukusa |



**Masibhale**

Guqula le misho ibe yimibuzo. Qala umbuzo ngamunye ngamagama akubakaki. Ungakhohlwa wumbuzi.

Isibonelo: Amakhangaru ahlala e-Australia kuphela. Ngabe amakhangaru ahlala e-Australia kuphela ngempela?

Amakhangaru adla utshani, amajikijolo nokusanhlamvu. (ini)

Amakhangaru agxuma aphakame ngamamitha amathathu. (kangakanani)


# Sicabanga ngamakhangaru






Sebenzisa okusebhokisini ukubhala ipharagrafu ekhuluma ngamaqiniso ngekhangaru.

| | |
|---|---|
| Igama: | Ikhangaru |
| Ubude: | 0,6-1,5 m |
| Isisindo: | 18-95 kg |
| Isivinini esiphakeme: | 55 km/h |
| Iphila isikhathi: | 9-20 iminyaka |
| Umbala: | iphaphathekile, insundu, impunga |
| Ukudla ekuthandayo: | utshani |



- Sebenzisa ibalazwe lemibono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhala umzamo wokuqala
- Cela umngani wakho abheke amaphutha emzamweni wokuqala
- Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha
- Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.




Unina wekhangaru ukhathazekile ngomntwana wakhe. Uyambiza. Nangu eza kumama ehamba egxuma. Lokhu okunye kwezinto abazishilo uma bekhuluma nomntwana. Uzogcwalisa okusele ezikhaleni. Usebenzise isibabazo.

IKHANGARU: Ngikutshelile ukuthi ubuye uze esikhwameni uma kugamanxa ihora lesihlanu. Uyazi ukuthi kushesha kuhlwe ebusika, futhi akuphephile ukuthi uhambe ebusuku!

UMNTWANA: ____________________

IKHANGARU: ____________________

UMNTWANA: O mama, bengisazijabulisa. Sizodlani kusihlwa nje?

IKHANGARU: ____________________

UMNTWANA: ____________________

IKHANGARU: ____________________

UMNTWANA: Ulale kahle. Ngiyakuthanda, mntanami!



ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 100 2019/10/21 12:12:54

Usuku:

# Umbiko ngami!



Masibhale

## Uzazi kangakanani wena?

Zicabange uyintatheli yephephabhuku elithile. Ungabhala umbiko ngempilo yakho? Yini ongayisho? Nayi indlela yokuba uzazi. Ngaphansi kwezihloko ngezansi bhala izinto ozithandayo, izimpawu, amakhono kanye namagugu.

### Izinto engizithandayo

Izibonelo: ukudlala ivolibholi, ukudweba, ukupheka



### Amakhono neziphiwo zami

Izibonelo: ngidlala ibhola, nginamahlaya, ngisebenza ngamakhompiyutha



### Izimpawu zami

Izibonelo: ukunakekela abanye, ukuthula, ukuphila kahle nokukhuthala.



### Okungamagugu kimi

Izibonelo: ukwethembeka, ukusebenza kanzima




UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 101 2019/10/21 12:12:55

# Zihlole



| Ngiyakwazi | 🙂 | 🙁 |
|---|---|---|
| Ukusebenza neqembu kanye nokubona izizathu ezinhle zokusebenzisana nabanye | | |
| Ukuzibandakanya engxoxweni nawosaziwayo | | |
| Ukufunda itekisi elinolwazi | | |
| Ukuphendula imibuzo ebhekiswe etekisini elinemidati yolwazi | | |
| Ukuqoqa ulwazi ngakhe imibuzo | | |
| Ukusebenzisa izimpawu zokubhala | | |
| Ukucwaninga ulwazi olusegrafini | | |
| Ukubhala inkulumombiko ngisebenzisa abacaphuni | | |
| Ukubhala imibuzo evulekile nevalekile | | |
| Ukuphakamisa imibono nokunikeza izizathu | | |
| Ukufingqa ulwazi olusuka egrafini | | |
| Ukusebenzisa isakhi sokuzenza nempambosi yokwenziwa | | |
| Uiufunda umbiko, ukunika umbiko isihloko kanye nokubhala umbiko | | |
| Ukuqondanisa amagama nezincazelo zawo | | |
| Ukusebenzisa izihlanganiso ukuhlanganisa imisho nezabizwana zoqobo | | |
| Ukubhala ipharagrafu yetekisi ephelele | | |
| Ukuqedela ithebhula | | |
| Ukusebenzisa izithombe ukubhala itekisi | | |
| Ukuqedela inkulumo nosaziwayo kanye nokwenza imibuzo efanele | | |
| Ukufingqa imidati yolwazi | | |
| Ukusebenzisa inkathi yamanje nezayo | | |
| Ukuhlonza imvelaphi yetekisi | | |
| Ukuqondanisa imisho | | |
| Ukubhala imisho ngisebenzisa isenzo esiyimpambosi yokwenziwa | | |
| Ukulandelanisa ulwazi | | |
| Ukulebula umdwebo | | |
| Ukubhala ipharagrafu ngamaqiniso athile nokuqinisekisa ukuthi isihloko sinemisho eyesekelayo | | |
| Ukubona isichasiso, izabizwana, izenzo kanye nemibuzo | | |
| Ukuguqula izitatimende zibe yimibuzo | | |





ZUL HL Gr5 B1 TH3.indd 102 2019/10/21 12:13:02

Okuqukethwe

# Indikimba 4: Amaqiniso nokusuka ekhanda




## Ukucabanga ngemihlaba Ithemu 2: Amasonto 5 -6

**49 Masenze isigqi** 104

Ubamba iqhaza ezingxoxweni zeqembu
Ufunda izithakazelo
Uyazibona izithakazelo
Uyawubeka umbono wakhe
Uphendula imibuzo eqondene nokuthile
Ukucwaninga inkondlo

**50 Imvumelwano** 107

Ubona amagama anemvumelwano
Ubala imisho enemvumelwano
Usebenzisa omqondofana emishweni
Ubona amaphethini anemvumelwano
Uzibhalela ezakhe izithakazelo
Uyasibona isigqi esihambisana namalunga egama

**51 Okunye futhi ngezinkondlo** 108

Ukhuluma ngesikhathi sonyaka asithandayo
Ufunda inkondlo ngekwindla
Uphendula imibuzo ethile ngenkondlo.
Uchaza okushiwo ngamabinza amagama.
Uqondanisa amagama nezincazelo zawo.
Uyasibona isenzasamuntu.
Ubhala eyakhe inkondlo esebenzisa isenzasamuntu.

**52 Ukusebenza ngamagama** 110

Ufunda inkondlo kuzwakale ekanye nomngani.
Ubona amagama anemvumelwano enkondlweni.
Ubhala amagama achazayo ngehlobo
Ubhala eyakhe inkondlo enemvumelwano ngehlobo
Ubhala imisho esuselwa esithombeni esebenzisa inkathi yamanje eqhubekayo.
Udwebela izenzo emishweni.
Ubhala isigaba esebenzisa izichasiso

**53 Hawu! Iyisimanga-ke le nkondlo!** 112

Ufunda inkondlo.
Uyayilingisa le nkondlo phambi kweqembu lakhe.
Unikeza inkondlo isihloko.
Uphendula imibuzo ethile ngenkondlo.
Ubhala amazwi achazayo.
Uyayithola incazelo yamagama.
Unika isizathu sokuyithanda noma ukungayithandi inkondlo.
Uyazibona izibabazo.

**54 Make sisungule noma sibumbe okuthile** 114

Ubheka amazwi esichazamazwini.
Ubheka incazelo yamazwi esichazamazwini ukuze akhombe umsuka wamagama.
Ubhala inkondlo yakhe esebenzisa uhlelo oluthile lwemvumelwano.
Uchaza umdwebo.
Udweba isithombe esihambisana nenkondlo.
Uthola ufanangwaqa enkondlweni.
Uqamba amagama ezilwane esebenzisa ufanangwaqa.
Ubhala inkondlo esebenzisa ufanangwaqa.

**55 Ngingubani** 116

Ukhuluma ngaye uqobo nomngani nangalokho afuna ukuba yikho.
Uyazichaza.
Ufunda inkondlo.
Uyamkhomba okhulumayo enkondlweni.
Uphendula imibuzo ethile ngenkondlo.
Uyasho ukuthi uthanda inkondlo enemvumelwano yini noma engenayo.
Ukokelezela amabizosimo.
Ubhala amabizosimo akhe.
Ubhala imisho esebenzisa amabizosimo.

**56 Ngingafikaphi nokucabanga ngesimo** 118

Ubhala isigaba esichazayo esebenzisa amabizosimo
Ubhala inkondlo ngaye esebenzisa uhlaka olukhethiwe
Ufunda inkondlo esebenzisa amabizosimo.
Ukhomba izingathekiso enkondlweni.
Ugugqula isingathekiso sibe yisifaniso.

## Imiyalelo Ithemu 2: Amasonto 7 -8

**57 Inganeko yokudalwa yamaSan** 120

Uxoxa ngokudalwa kwezinto neqembu lakhe.
Ufunda inganeko ngokudalwa kwamaSan.
Uphendula imibuzo ethile ngenganeko
Uyayithola incazelo yegama elithi "San".
Ubhala isigaba
Uthola amagama endabeni bese eqondanisa amagama lawo nezincazelo zawo.

**58 Ukucabanga ngoSithwalambiza** 122

Uhlela imisho ukuba ilandelane yenze isigaba esenza umqondo.
Usebenzisa izimpawu zokuloba ezifanele.
Ubhala isigaba esichazayo.
Usebenzisa amagama okuxhuma.
Ugcwalisa ithebhula usebenzisa izichasiso eziqhathanisayo.
Ugugqula izitatimende zibe yimibuzo ngokusebenzisa amagama athile okubuza.
Usebenzisa uphawu lokubuza ngokufanele.

**59 Ipigogo lithola umvuzo** 124

Uxoxa ngesithombe sepigogo.
Ufunda inganeko ngepigogo.
Uphendula imibuzo ethile ngepigogo.
Ukhethela indaba isihloko.
Uchaza ukuthi yini indaba yepigogo kubuye kuthiwe yinsumo (fable).
Ubeka umbono anikeze nezizathu.
Uthola incazelo yezisho.

**60 Okunye ngepigogo** 126

Ukhomba umusho oyisihloko neyesekelayo enkondlweni.
Uphinda abhale inkondlo ashiye ulwazi olungadingekile.

Uqedela ithebhula esebahlonzile abalingiswa, isizinda, okwenzekayo okuholela odweshwini, okwenzekayo okungumphumela wodweshu nesifundo esisendabeni.
Uqondanisa amagama nezincazelo zawo.
Usebenzisa amagama ukuchaza ipigogo ngaphambili nangemva kokuguquka kwalo.
Uguqula imisho kusukela enkulumeningqo ibe yinkulumombiko.

**61 U-Anansi isicabucabu esiyigovu kanye nofudu** 128

Uthola ukuthi isho ukuthini insumo esusela ezithombeni.
Uyabikezela ukuthi izophela kanjani insumo.
Uyayiphendula imibuzo ethile ngensumo.
Uyayithola imiqondo ethile, isakhiwo, isizinda nabalingiswa.
Uyasithola isifundo esisendabeni.
Wedlulisa amehlo ebhukwini lokusebenzela athole ulwazi.
Usebenzisa iziphongozo ukwakha amagama amasha.

**62 Okunye futhi ngo-Anansi** 130

Uyayihlelela indaba.
Uthola umqondo osemqoka, isakhiwo, isizinda nabalingiswa.
Ukhomba izichasisiso zokuchaza u-Anansi isicabucabu.
Ubhala imisho esebenzisa amazwi achazayo.
Utshela abeqembu lakhe ngomuntu amaziyo esebenzisa amagama achazayo.
Ubhala ngokulandelana kwezigameko esebenzisa amagama okuxhuma.
Uqedela imisho esebenzisa amabizosenzo.
Ufaka izimpawu zokuloba ngokusebenzisa osonhlamvukazi, ongqi, okhefana, izimpawu zokubuza nabacaphuni.

**63 Idube layithola kanjani imithende** 132

Uyasho ukuthi injani indaba esuswa ekhanda.
Uxoxa indaba esuka ekhanda.
Uxoxa ngekhava yencwadi, asho ukuthi ngubani umdwebi wezithombe, abone nemininingwane esekhaveni yencwadi abikezele nokuzokwenzeka endabeni.
Ufunda indaba.
Uphendula imibuzo ethile ngendaba.
Uyawuthola umehluko phakathi kwendaba eyiqiniso nenganeko.
Usebenzisa izihlanganiso ukuxhuma imisho.

**64 Ake uqambe eyakho inganeko** 134

Uyayithola incazelo yezisho nezingathekiso.
Ubhala umusho esebenzisa isifaniso.
Ugugqula imisho kusukela ebunyeni kuya ebuningini.
Yini inganeko?
Uhla lokuzihlola






ZUL HL Gr5 B1 TH4.indd 103 2019/10/21 12:11:17

# 49 Masenze isigqi



**Masikhulume**

Sewake waba senkingeni ngokukhahlela ibhola lephule okuthile? Wake wabezwa abantu behashana ngezithakazelo?

Uyazithanda yini wena? Ukusho ngani lokhu?

Zikhona ozaziyo? Tshela umngani wakho ngazo.



**Masifunde** Funda lezi zinkondlo eziyizithakazelo.

**Mntungwa!**
**Mbulaz' omnyama!**
**Wen' owadl' umuntu**
**Wamyenga ngendaba.**
**Wena kaMzilikazi kaMashobana,**
**Donda weziziba**

**Wena weMfoloz'emnyama,**
**Inkethabayeni,**
**Wen'odl' ikhambi lilinye**
**Ephum' emabili.**
**Mntungwa**
(*AbakwaLanga*)





Lolu hlobo lwenkondlo kuthiwa yizithakazelo. Nazi ezinye:

**Sothole!**
**Nina bakwaKhanyile**
**Onhliziy' emhloph' elel' ezaleni,**
**Bese beyicosha kusasa!**
**Bhukuda kwesinengwenya.**
(*AbakwaKhumalo*)






**Masibhale** Yiziphi izithakazelo ozithandile kulezi? Usho ngani?

Siguqulela umyalelo kulokhu:

Bhekisisa izithakazelo usho ukuthi lokhu okushiwo kuyiqiniso noma cha. Thikha u-Y ukuthi "Yebo", no-C ukuthi "Cha".

| | | |
|---|---|---|
| Izithakazelo zihambisana nezibongo ezithile. | Y | C |
| Izithakazelo zitusa okhokho baleso sibongo. | Y | C |
| Imigqa yezithakazelo inemvumelwano. | Y | C |





ZUL HL Gr5 B1 TH4.indd 104 2019/10/21 12:11:23




Uma ucabanga uMzilikazi kaMashobana kwakuyiqhawe noma igwala? Usho ngani?

UMbulazi lalinjani ibala lakhe ebusweni?

Lapha kuthiwa abakwaLanga ngabantu abanomusa noma abanolaka?

Ukhokho wakwaLanga uma kuthiwa wayebhukuda kwesinengwenya wayenesibindi noma wayenovalo? Usho ngani?




Uma uhluza inkondlo uzwa nesigqi sayo. Zifundele inkondlo kakhulu, ulalele amalunga owagcizelelayo. Ungezwa ukuphakama nokwehla kwephimbo emalungeni athile. Kwesinye isikhathi siyezwakala isigqi lapho umuntu efunda athi ukudonsa uma esho ilunga elilandela elokugcina.

Isibonelo: .... Ngithi gijima, .... Ngithi sebenza.

Kuwo omabilil amagama iphimbo liphakeme elungeni elendulela elokugcina, kanti futhi leli lunga umuntu uyalidonsa uma elifunda. Sebenza nomngani wakho. Shintshanani nomngani wakho, omunye afunde omunye alalele. Kuzwakale ukwehla nokwenyuka kwephimbo? Akhona amalunga adonswayo?

**Unwabu lushintsha umbala;**
**Lungafana nomuthi noma udonga;**
**Luyesaba lunamahloni aluthand' ukubonwa;**
**Ngakho luvele luhlale otshanini lube luhlaza.**
**Luzenze into engelutho.**



# 50 Imvumelwano




Bhala amagama enza imvumelwano nalana angezansi:

| inyoka | okubili | ingubo | ingxenye | ilungile |
|---|---|---|---|---|
| | | | | |




Manje-ke sebenzisa amagama amabili ukubhala imisho enemvumelwo:



Isibonelo:

Ake ubheke leya nyoka

Ake ubheke leya nyoka.
Esiqalile ukwenyuka




Ake uphinde ufunde inkondlo ngonwabu futhi. Imbongi ithi lungafana nomuthi noma udonga.

**Isifaniso**
Isifaniso sisebenzisa izakhi ezifana no-"njenga-" no-"nganga-" ukuqhathanisa okuthile nokunye.
Isibonelo: Kushisa njengomlilo.

Imbongi isebenzisa isifaniso. Ucabanga ukuthi imbongi iqonde ukuthini lapho ithi unwabu lufana nomuthi?

Yakha isifengqo sesifaniso ngamagama ahamba ngamabili.

Bomvu nelithi Igazi

baba nelithi inhlaba

shesha nelithi unyazi



ZUL HL Gr5 B1 TTH.indd 106 2019/10/21 12:11:31

Usuku: ______________

**Masibhale**

Ezinye izinkondlo zinemvumelwano, ezinye azinayo. Izinkondlo ezinemvumelwano zinamaphethini emigqa evumelanayo. Kunendlela ekhethekile nje ukukhombisa imigqa evumelanayo enkondlweni.

Emigqeni elandelayo ecashunwe enkodlweni dwebela imvumelwano siqalo nemvumelwano sigcino:

| |
|---|
| UJabu intombazana enhle, |
| Imisebenzi yonke iyenza kahle, |
| Iyabajabulisa abazali, |
| Ngemali yabo abakhali, |
| Iyoze ibathengel' ibhasi! |

**Masibhale**

Manje-ke bhala eyakho inkondlo enemigqa eyisithupha ukhombise imvumelwano. Nika inkondlo yakho isihloko esiyifanele.

______________________________________________

______________________________________________

______________________________________________

______________________________________________

**Okokuzithokozisa**

Shaya ihlombe ukukhombisa amalunga kula magama. Khumbula ukuthi ilunga ngalinye silishayela "ihlombe" kanye. Yehlukanisa amagama ngamalunga.

Isibonelo: i/kho/nsa/thi

a/ba/dla/li be/vo/li/bho/li

U/bu/do/da/ A/bu/khu/le/lwa





ZUL HL Gr5 B1 TH4.indd 107 2019/10/21 12:11:33

# 51 Okunye futhi ngezinkondlo



Masikhulume

Sebenzani ngamaqembu.

- Yisiphi isikhathi sonyaka osithandayo?
- Yisiphi isikhathi sonyaka ongasithandi?



Masifunde

**Imisebenzi Yasekwindla**

**Ihlobo seliqala ukozela manje;**
**Masinyane lizobe selozela kakhulu;**
**Izimbali sezemboza amakhanda azo,**
**Enye inkathi yonyaka isiyavalwa.**

**Ikwindla selilinde emnyango,**
**Linexhala ngokungena kwamanje,**
**Mkhul' umsebenzi osalihlalele**
**Ngaphambi kokufika kweqhwa.**

**Kumele ngipende amahlamvu,**
**Lana abe bomvu, abe sagolide,**
**Nezinyoni ngizithumele kude**
**Ngaphambi kokufika kwamakhaza.**

**Izinsuku ezinelanga zizoba mfushane;**
**Kuz' umoy' ohlabayo okhiph' unyembezi;**
**Kuphumule bonke ekushiseni kwehlobo,**
**Akudingekile ukuba ngixolise.**

**Kunye engisadinga ukukwenza;**
**Usuzophela umsebenzi wami;**
**Amahlamv' abe yinqwab'efohlozelayo,**
**Ukuze nezingane zijabulele ikwindla!"**
**Joanna Fuchs (Ihunyushiwe)**







Masibhale

Xoxa ngemibuzo nomngani wakho bese ubhala izimpendulo.

Le nkondlo ibhalwe ngayiphi inkathi yonyaka? Thikha impendulo okuyiyona

| | | |
|---|---|---|
| | Intwasahlobo | |
| | Ihlobo | |
| | Ikwindla | |
| | Ubusika | |





ZUL HL Gr5 B1 TH4.indd 108 2019/10/21 12:11:37

Usuku: ______



Kuzokwenzakalani?

______

Aba mibala mini amahlamvu uma esewa emithini?

______

Ikwindla lizokwenzani emahlamvini okuzothokozisa izingane?

______

Chaza okushiwo yilokhu:

selilinde emnyango ______

inkathi yonyaka isiyavalwa ______



**Masibhale**

Qondanisa amagama asekholamini engakwesobunxele namagama angakwesokudla. Bhala amagama abhalwe ngokugqamile esichazamazwini sakho.

| | |
|---|---|
| **ukozela** | umsebenzi |
| **nexhala** | okomile |
| **ohlabayo** | kungasebenzi |
| **kuphumuze** | kujahiwe |
| **efohlozelayo** | funa ukulala |
| **amatasatasa** | kubanda kabuhlungu |

**Isingathekiso**: Isingathekiso sibeka amaqiniso noma senze umfanekiso womqondo ngokuqhathanisa. Isifaniso sithi into ethile injengenye (unwabu lunjengomuthi), kanti isingathekiso into ethile sivele siyibize ngenye (unwabu luwumuthi).

Isenzasamuntu siwuhlobo lwesingathekiso lapho izimpawu zomuntu zinikwa okuthile okungeyena umuntu.

*Isibonelo: Ulwandle lwabhoka ngolaka.*



**Masibhale**

Dwebela izibonelo ezine zesenzasamuntu enkondlweni ethile.



**Masibhale**

Manje ake ufunde lo mlolozela wezingane. Uyabona ukuthi inkomo, inja nesitsha kunikwe izimpawu zomuntu?

Zenzele eyakho inkondlo lapho osebenzisa khona isenzasamuntu.

**Yehheni we bantu bakithi,**
**Ikati belikhuluma lodwana;**
**Inkomazi yeqa inyanga;**
**Inja encane yagegetheka;**
**Ibona ihlaya elingaka,**
**Isitsha sabaleka nesipunu.**



UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr5 B1 TH.indd 109 2019/10/21 12:11:42

# 52 Ukusebenza ngamagama



Masikhulume

- Funda kakhulu inkondlo ethi "**Imisebenzi Yasekwindla**".
- Akhona yini amagama anemvumelwano?
- Amagama anemvumelwano akuyiphi imigqa? Le mvumelwano itholakala kuyo yonke inkondlo?



Masibhale

Uzobhala eyakho inkondlo enemvumelwano.

Funda imigqa ecashunwe enkodlweni mayelana nobusika. Amagama asemigqeni emibili elandelanayo anemvumelwano.



NgoMsombuluko kwehla imvula ebandayo
Edolobheni kwaba nemisele ephuphumayo.

NgoLwesibili isithwathwa esilum' izindlebe zethu
Sazishubisa nezinyembezi zethu.



Manje-ke bhala inkondlo yakho yokwenzeka ngeviki lasehlobo.

Qale ubhale onke amagama ocabanga ukuthi achaza isimo sezulu ehlobo. Bheka ukuthi akhona yini anemvumelwano. Sebenzisa la magama ukubhala inkondlo.

Khumbula ukusebenzisa imvumelwano sigcino emigqeni emibili elandelayo.

Zibhalele eyakho inkondlo enemvumelwano sigcino lapha.



ZUL HL Gr5 B1 TH4.indd 110 2019/10/21 12:11:41

Usuku:

Masibhale

Buka isithombe esingezansi nixoxe eqenjini lenu ukuthi labantu benzani. Sebenzisa inkathi yamanje.

Sisebenzisa inkathi yamanje eqhubekayo ukukhuluma ngokwenzeka manje. Sivame ukwenza lesi senzo ngokusebenzisa isakhi u-"-ya-". Isibonelo: Inyoka iyabaleka.



Bhala imisho ngokwenzeka endabeni ebese udwebela isenzo.

Isibonelo: Izingane ziyadlala.

Masibhale

Bheka inkondlo ethi "Imisebenzi Yasekwindla". Imbongi isebenzisa izichasiso ukuchaza ikwindla. Isibonelo: Kuza umoya ohlabayo okhipha unyembezi.

Bhala ibinza elinemigqa emine ngenkathi ethile yonyaka oyithandayo. Khumbula ukusebenzisa isichasiso.

UTHISHA: Ukusayina Usuku



ZUL HL Gr5 B1 TH4.indd 111 2019/10/21 12:11:46

# Hawu! Iyisimanga-ke le nkondlo!



**Masikhulume** Funda izibongo ezilandelayo zenkosi uShaka.

UDlungwane kaNdaba
Odlunge emanxulumeni
Kwaze kwas' amanxulum'esibikelana.
USishaka kasishayeki,
UNodumehlezi kaMenzi
Ilemb'eleq' amany' amalembe ngokukhalipha.
Umlilo wothathe kaMjokwane
umlilo wothathe ubuhanguhangu,
Oshise izikhova eziseDlebe
Kwaye kwasha neziseMabedlane.
UDlungwane luya luhlezi
Luya ludlondlobele
Luyadla lubek' isihlang' emadolweni.
Ilanga eliphume linsizwa
Lathi liphezulu lankone.
Ubusika nehlobo behlukene,
NabakwaNtombazi nobakwaLanga.
Umoya womzansi womngenelo.
Ohlez' ubangenela nangomnyango.
Oth' esadl' ezinye wadl'ezinye,
Wathi esadl'ezinye wadl' ezinye.





**Masibhale**

Ezikabani lezi zibongo?

Tomula imvumelwano sigcino etholaka kulezi zibongo.
Dwebela izinhlamvu zemvumelwano oyitholile.



ZUL HL Gr5 B1 TH4.indd 112 2019/10/21 12:11:48

Usuku:

Ingabe kuliqiniso noma akulona iqiniso lokhu okuladelayo.Sekela impendulo yakho ezikhaleni ozinikiwe.

1. Umuntu uzihaya ehamba yedwa.

2. Uma eseziqambile azibe zisaguquka.

3. Isiphiwo sokubonga banaso nabangayanga esikoleni.

4. Izibongo zisinika umlando womuntu obongwayo.




Isihloko somsebenzii, **Hawu! Iyisimanga-ke le nkondlo!** Sinezimpawu zokubabaza.

Dwebela izibabazo emigqeni elandelayo.

Maye! Cishe kufe gula linamasi!

Yivume! Kujikijela uNyoka ngenduku yezinyo;
Pheshe! Kusithela uGundane ngejubane,

Hhiya! Gundane bayokubon' abanamehlo!

Umbabazi (!)uphawu olusebenza uma sibabaza.

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr5 B1 TH4.indd 113 2019/10/21 12:11:48

# Izibongo



**Masibhale** Funda le ngxenyana yezibongo zikaJobe: ebese uzuhlela.ngendlela efanele

Ithole likaJobe kaMatshana, umagibel' intaba okwenyamazane, unyama eyaphekwa netshe kwavuthwa itshe kuqala, umgadli ogadle amagoli, abamathathu ekhahlele kanye, usiphongwana osiphongo kasikho.

Chaza kafushane ukuthi izibongo zakhe zithi ungumuntu onjani. Sebenzisa la magama asemabhokisini, azokusiza.

ithole | okwenyamazane | itshe | likaJobe | umgadli | usiphongwana

**Masibhale** Bhala ezakho nawe izibongo esikhaleni osinikeziwe.

**Masibhale** Bhala ezinye zomuntu noma zento ozaziyo.

Bhala izifengqo ezimbalwa ozibona kulezi zibongo ezingenhla.

Yenza umdwebo encwadini yakho yokubhalela ngezibongo zomngani wakhe ezingenhla.

Usuku: ____________



**Masibhale**

Uma sibhala inkondlo sisebenzisa amagama ngendlela eyikhethelo. Okunye esikwenzayo ukusebenzisa ufanangwaqa. Funda le nkondlo ukokelezele ezinye izibonelo zikafanangwaqa.

Ufanangwaqa utholakala lapho amagama asondelene esebenzisa ongwaqa abafanayo. Isibonelo: Indod' endodeni zindala zombili.

Ufanankamisa utholaka lapho kusebenze onkamisa abafanayo emgqeni owoda. Isibonelo: Lasuka lahlala bafana bonyawo.

### Umdlalo webhola lezinyawo

**Lasuka lahlala bafana bonyawo!**
**Indod' endodeni zindala zombili!**
**Bhoka, bhakela bheka phambili!**
**Lihlwith' ungahlehl' ulihlom'enethini,**
**Dudula, dedisa dubula –**
**Laduma!**





**Masibhale** Awuzakhele owakho umusho onefanankamisa ,udwebele onkamisa.



**Masibhale** Phinda ubhale imigqa emine enophawu lokubabaza enkondlweni engenhla, bese ulukokelezela uphawu lokubabaza.

____________________________________________

____________________________________________

____________________________________________

____________________________________________



UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr5 B1 THA.indd 115 2019/10/21 12:11:49

# 55 Ngingubani



**Masikhulume** Khuluma nomngani ngale mibuzo.

- Ujabule yini ngalokho oyikho, noma ufisa ukuba ngomunye umuntu? Usho ngani?
- Xoxela umngani wakho ngomuntu omqonda kahle.
- Ake uzichaze kumngani wakho. Ungakhuluma ngokuthi ubukeka kanjani nokuthi nje ungumutu onjani?
- Manje-ke ake uchaze umngani wakho omkhulu.
- Ake uzicabange nje usufuna ukuba ngomunye umuntu. Ungathanda ukuba ngubani? Usho ngani?



**Masifunde** Funda le nkondlo.

Abanye abantu bacabanga ukuthi bayangazi
Abanye bacabanga ukuthi bangazi
kangcono kunabanye
Kodwa mina ngithi bonke bayaphaphalaza
Ngesinye isikhathi ngimude
Ngesinye isikhathi ngimfushane
Ngesinye isikhathi ngikhuluphele
Ngesinye isikhathi ngondile.
Kodwa bona bathi bayangazi
Kodwa abangazi
Ngoba angizichazi mina
Ngichaza isithunzi sami.

Joe Mhlontlo (Ihunyushiwe)





**Masibhale** Nikeza inkondlo isihloko.

Ngubani okhulumayo kule nkondlo?

Abanye bavame ukubhala inkondlo uma kukhona okubafaka ugqozi noma okubenza bacabange ngokuthile. Uma ucabanga yini eyenza le mbongi ibhale le nkondlo?



ZUL HL Gr5 B1 TTH.indd 116 2019/10/21 12:11:50

Chaza ukuthi kwenzeka kanjani ukuba isithunzi somuntu sikhuluphale, sonde, sibe side sibuye sibe sifushane.

Funda le nkondlo engezansi ebese utomule imvumelwano siqalo.

Abanye abantu bathi bayangazi nami
Abanye bacabanga ukuthi ngikhuluphele
Kodwa uma ubona isithunzi sami
Ngizacile noma ngike ngikhuluphale.





Masibhale Kokelezela amabizosimo kule misho engezansi.

Umngani wami wathi ngikuqonde ukubaluleka kobungane.

Lwalusobala uthando lukamama lwezingane zakhe.

Ukuhaha kwengane kwayenza yaconsa amathe.

Sathi uma sikhula isifiso sokuthenga imoto wabeka imali.

Ukusiza abanye kukhombisa ubuntu obukhulu.

Amabizosimo ake abhekise emibonweni nalokho umuntu akuzwa ngaphakathi njengothando, uvalo, ulaka, isibindi nesizungu.



Masibhale Ake uzicabangele amabizosimo amathathu. Abhale lapha ngezansi.

Bhala umusho usebenzisa elinye lamabizosimo akho.



ZUL HL Gr5 B1 TH.indd 117 2019/10/21 12:11:52

# Uqobo lwami





**Masibhale** Bhala isigaba esiyimisho emihlanu lapho uzichaza khona. Zama ukusebenzisa okungenani amabizosimo amabili ekuchazeni into.

______________________________

______________________________

______________________________

______________________________

______________________________



**Masibhale** Bhala inkondlo ngawe. Sebenzisa lolu hlaka:

Umugqa woku-1: ______________________ ( Igama lakho)

Umugqa wesi-2: __________, __________, __________

(oku-3 okungashiwo ngawe noma okuphathelene nomzimba wakho)

Umugqa 3: Ungumfowabo noma udadewabo noma indodana noma indodakazi ka-.

Umugqa 4: uthanda … , na-…., na … (abantu, izinto, imiqondo kube ku-3)

Umugqa 5: Ozwa (okuzwakala emoyeni oku-1 ngento e-1)

Umugqa 6: Odinga …, na-…, na- … (izinto ezi-3 ozidingayo)

Umugqa 7: Onika abanye …, na- …, na- …(izinto ezi-3 abelana ngazo nabanye)

Umugqa 8: Owesaba …, na- …, na- … (izinto ezi-3)

Umugqa 9: Ofuna ukubona … (indawo noma umuntu o-1)

Umugqa 10: Ophupho lakhe … (into noma umqondo-1)

Umugqa 11: Ongumfundi … (igama lesikole sakho noma likathisha)

Umugqa 12: ______________________ (Elinye igama noma uphinde elokuqala)



ZUL HL Gr5 B1 TH4.indd 118 2019/10/21 12:12:00

Usuku: ____________



Masikhulume

Funda le nkondlo esihloko sithi "ukujabula" njengebizosimo, bese uqamba eyakho inkondlo.




**UKUJABULA**

Ukujabula kuyiwolintshi
Kunuka njengensimu yezimbali
Kunambitheka njengo-ayisikhilimu kashokoledi
Kuzwakala endlebeni njengensimbi yesikole ishaywa ukuphuma kwaso
Kuzwakala njengoboya bekati lami
Kuhlale kukhona ekhaya lami.









Manje-ke funda le nkondlo.

Ilanga isikebhe esiwolintshi
Esidabula ulwandle oluthule
Liyibhola eliyiphuzi lasebhishi
Elikhahlelelwe phezulu esibhakabhakeni sasehlobo

Phinda ubhale Imigqa enesingathekiso usiguqule sibe yisifaniso.

____________________

____________________

____________________

____________________

____________________

____________________



Masibhale

Yehlukanisa la magama ngamalunga.

Nqamula igama ngalinye ekupheleni kwelunga, isib. I-zi-nga-ne-kwa-ne, a-ma-hla-la-kho-na.

i/si/ma/nga

Isibhakabhaka



Masibhale

Umakhalekhukhwini

Umsebenzi

Ngangimvakashele

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr5 B1 TH.indd 119 2019/10/21 12:12:07

# Inganeko yokudalwa kwaBathwa





Masikhulume

- Ucabanga ukuthi lisho ukuthini igama elithi "ukudala"?
- Kukhona wena osewake wakudala?
- Ucabanga ukuthi ngubani owadala umhlaba?
- Ucabanga ukuthi ngubani owakudala?

- Leso naleso sizwe sinezindaba abantu abahlale bezixoxa beziphinda.
- Lezi zindaba kuthiwa yizinganekwane.



Masifunde



**Ngaphambi kokufunda**

- *Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi le ndaba imayelana nani.*
- *Yedlulisa amehlo ekhasini ukuba ubone ukuthi uzofunda ngani.*


## Inganeko yokudalwa kwaBathwa



USithwalambiza wayekhona ekuqaleni komhlaba. Inyosi yamthwala ngaphezu kwamanzi amnyama aneziphepho ayemboze umhlaba.

Inyosi yezwa isigodola isikhathele. Yafuna umhlaba oqinile engabeka kuwo umthwalo wayo. Yaqala ukundiza kancane, kancane ide isondela emanzini. Ekugcineni yabona imbali enkulu emhlophe evuleke ingxenye intanta emanzini.

Yabeka USithwalambiza phakathi nendawo embalini yatshala kuye imbewu yomuntu wokuqala. Imbewu yayiphephile ingezuphazanyiswa ngumoya namanzi.



Yase ifa inyosi. USithwalambiza wase evuka lapho kuphuma ilanga, kwase kuzalwa umuntu wokuqala waBathwa.

Isithwalambiza singunkulunkulu waBathwa owadala konke wakunika amagama. USithwalambiza wehlisa imvula alethele nabantu abangakuzingela. Uvikela abantu ekuguleni nasezingozini. Kodwa aBathwa abathandazi kuSithwalambiza. Athandaza elangeni, enyangeni nasezinkanyezini.





Masibhale

Usuke wasibona isithwalambiza?

Ungasebenzisa maphi amagama ukuchaza isithwalambiza?

Yiziphi izinto ezinhle isithwalambiza esizenzela aBathwa?



ZUL HL Gr5 B1 TH.indd 120 2019/10/21 12:12:08

Usuku:



Kubalulekile yini ukwenzela abanye abantu izinto ezinhle?

Khuluma ngezinto ezimbili ezinhle osewake wazenzela abanye abantu.

Isingathekiso isifengqo esibiza enye into ngenye.

Indaba ekade ifundwa ikhuluma ngabaphi abantu kulaba abalandelayo:

abaThwa | amaXhosa | amaZulu | amaTsonga

Inyosi nesithwalambiza kwenza isiqiniseko sokuthi ingane yokuqala yaBathwa iyazalwa. Uma ucabanga yini eyenza ukuba kukhethwe inyosi ukuba yenze lo msebenzi. Khetha igama elifanele ngempela ukuqedela lo musho:

ukukhahlela | ukutinyela | ukuluma | ukulimaza

Kwakhethwa inyosi ngoba iyakwazi ______________ ezinye izinambuzane ezizama ukuyivimba.

Yini isithwalambiza esivikela aBathwa kuso?

ABathwa akhuleka kubani?

Awuzicabange nje ubona isithwalambiza sihlezi ehlamvini. Ungenzani?

Ubungenza okwehlukile ukuba ubumncane, mhlawunbe ungangebhungane? Usho ngani?



Masibhale

Thola amagama endabeni anale ncazelo uwabhale ezikhaleni ezifanele. Bhala la magama esichazamazwini sakho.

| | |
|---|---|
| | lina kakhulu |
| | kusinda kakhulu |
| | kuyavikela |
| | kuqinile |
| | ukuba sendaweni ethile |

UTHISHA: Ukusayina ______ Usuku ______



ZUL HL Gr5 B1 TH4.indd 121 2019/10/21 12:12:09

# Ukucabanga ngoSithwalambiza






Landelanisa le misho ngendlela afanele ukwenza isigaba. Ungakhohlwa ukuqala imisho yakho ngosonhlamvukazi ugcine ngongqi.

| |
|---|
| USithwalambiza wase evuka lapho kuphuma ilanga, kwase kuzalwa umuntu wokuqala owuMuthwa |
| Yase ifa inyosi |
| Ekugcineni yabona imbali enkulu emhlophe evuleke ingxenye intanta emanzini |
| Yabeka uSithwalambiza phakathi nendawo embalini yatshala kuye imbewu yomuntu wokuqala |
| USithwalambiza wayekhona ekuqaleni komhlaba |
| Inyosi yamthwala ngaphezu kwamanzi amnyama aneziphepho ayemboze umhlaba |
| Isithwalambiza siwunkulunkulu wamaSan owadala konke wakunika amagama |
| uSithwalambiza wehlisa imvula alethele nabantu abangakuzingela |







Sebenzisa la magama ukwenza isigaba esikhuluma ngesithwalambiza.
Sebenzisa la magama angezansi ukuxhuma imisho:

ngalokho | ngenkathi | kulandele | ulindele | noma

Ikhanda liphenduka i-180°, amehlo afunisise ukuthola ukudla, aqalaqalaze into engayidla, umzimba oluhlaza ozacile undiza kalula, ukuyohlala ngemilenze yangaphambili enameva, seyikutholile ukudla.





**Masibhale** Gcwalisa ithebhula usebenzisa amathebhula okuqhathanisa.



| isibonelo: okude | kude kuna-, okwami | kude kunokwami |
|---|---|---|
| -phephile | kuna-, indiza | |
| -mnyama | kuna-, ubusuku | |
| -khanya | kuna-, ilanga | |
| -duze | kuna-, izintaba | |
| -thamba | kuna-, ubhanana | |



**Masibhale** Guqula le misho ibe yimibuzo. Embuzweni ngamunye sebenzisa igama elikubakaki. Sebenzisa uphawu lokubuza.



Isibonelo

*Abathwa bakhuleka elangeni, enyangeni nasezinkanyezini. (Ubani) AmaSan akhuleka kubani?*

USithwalambiza wayekhona ekuqaleni komhlaba. (kuphi)

______________________________

Inyosi yamthwala ngaphezu kwamanzi. (ubani)

______________________________

Inyosi yezwa isigodola isikhathele. (-njani)

______________________________

Yafuna umhlaba oqinile. (ini)

______________________________

Inyosi yafa isimtholele indawo ephephile uSithwalambiza. (nini)

______________________________

# Ipigogo lithola umvuzo





Masikhulume

- Bheka isithombe sepigogo. Khuluma ngesimo salo, isisila salo, izinyawo zalo, nendlela elima ngayo.
- Ucabanga ukuthi liyinyoni enhle?
- Yini enhle kulo?
- Ake uthole ukuthi ipigogo lensikazi libizwa ngokuthini.



Masifunde

**Ngaphambi kokufunda**

- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi lendaba imayelana nani.
- Yedlulisa amehlo ekhasini ukuba ubone ukuthi uzofunda ngani.



Kwasukasukela!Cosu!

Endulo ipigogo laliyinyoni eyejwayelekile nje. Izimpaphe zalo nesisila kwakunsundu, kungcolile, futhi linezinyawo ezimbi ezishwabeneyo. Ngelinye ilanga ngenkathi ipigogo licosha ukudla emhlabathini kwedlula u-Indra unkulunkulu wezulu, eshesha.

"Ujahephi kodwa kangaka?" kubuza uPigogo.

"URavana inkosi ekhohlakele izama ukungibamba. Noma nami ngingunkulunkulu, ngikwazi ukusebenzisa umbani ukulimaza abantu, akukho okungathinta uRavana. Engingakwenza nje ukuzisindisa ngokuyocasha. Kodwa ayikho indawo engingacasha kuyo."

"Shesha uze lapha. Ngizophakamisa isisila sami wena ucashe ngemva kwaso."

URavana akambonanga u-Indra, wedlula wayongena ehlathini elikhulu.

"Ngiyabonga, ngiyabonga," kusho u-Indra. "Wena uyinyoni eyejwayelekile nje, kodwa unesibindi. Ukukukhokhela ngesibindi sakho, ngizokwenza ube yinyoni enhle kunazo zonke izinyoni emhlabeni."

Ngenkathi ekhuluma la mazwi laguquka ipigogo. Izimpaphe zalo zaba luhlaza ngokukhanyayo, isisila salo saba yisiphephezelo esihle esiluhlaza satshani, laba namehlo asagolide.

UPigogo wazibuka emanzini wabona ukuthi usemuhle kanjani. Waqala ukuqhosha, esehamba ephakamise ikhanda lakhe. Njalo nje uma ebona isikhukhukazi esasilokhu sinezimpaphe ezinsundu, wayevula isisila sakhe ukukhombisa isikhukhukazi ukuthi wayemuhle kanjani.

Kodwa yini engaguqukanga? Yizinyawo zakhe! Njalo lapho uPigogo ebheka izinyawo zakhe ezibona ukuthi zimbi kanjani wayehlisa isisila sakhe, abange umsindo ngokuklikliza.


Ezweni laseNdiya lakudala njalo nje uma uPigogo eklikliza, kwakuye kuthiwe kusho ukuthi izulu lizobanika lidume, line. U-Indra, unkulunkulu wokuduma nombani wayesenze uPigogo ukuba abe yisithunywa sakhe.

Cosu! Cosu! Iyaphela.



ZUL HL Gr5 B1 TH.indd 124 2019/10/21 12:12:20

Usuku:



**Masibhale** Lalibukeka linjani ipigogo lingakaguquki?

Labukeka kanjani seliguqukile?

Laziphatha kanjani lapho selilihle?

Ukhona omaziyo ocabanga ukuthi muhle kakhulu?

Uziphatha kanjani?



Le ndaba ikhethele isihloko esiyifanele ngempela.

| | |
|---|---|
| | U-Indra ubalekela unkulunkulu onamandla. |
| | Indlela ipigogo elathola ngayo izimpaphe zalo |
| | Ipigogo nesikhukhukazi salo |

Uthi indaba yepigogo iyinganekwane okuthiwa yinsumo? Usho ngani?

Insumo yindaba enabalingiswa abayizilwane, inezigigaba ezingelona iqiniso.

U-Indra waziguqulelani izimpaphe zepigogo nesisila?

Ucabanga ukuthi uPigogo wayeyinyoni engcono ngaphambi kokuba muhle noma ngemva kokuguquka abe muhle? Nikeza izizathu zempendulo yakho.



**Masibhale** Usuyifundile indaba ngepigogo elalilibi elaphenduka laba lihle. Ukuzwe kuthiwa umuntu "uqhoshe njengepigogo". Kusho ukuthini lokhu?

Ake nikhulume eqenjini lakho ngezincazelo zalezi zisho, nizibhale phansi.

| | | | |
|---|---|---|---|
| (Ilanga) ukuba ngomutsha wendoda | | imbuzi (ukugudla) iguma | |
| ukushaya esentwala | | ukuhamba ijuba likaNowa | |



ZUL HL Gr5 B1 TH.indd 125 2019/10/21 12:12:21

# Okuye ngepigogo







Bhala isihloko nomugqa wokuqala kule nkondlo engezansi. Kuyasitshela ukuthi ikhuluma ngani. Eminye imigqa eyesekelayo. Isitshela okunye ngomugqa osemqoka. Nokho kunemisho engangeni khaxa kule nkondllo. Le migqa akukho ekwengezayo emqondweni osemqoka. Phinda uyibhale le nkondlo uyishiye leyo misho.

**IPigogo**

Pigogo, Pigogo, imibala yakho mihle,
Nyonyana encane ejabule
Sengathi ngabe ngalowo mbala onjengolwandle.
Amaphethini amahle emibala afana nothingo
lwenkosazana,
Imibala emihle, osatshani, osazulu noyiphuzi.
Ugxuma lapha ugxume laphaya,
Unyakaza kamnandi ucothoze ngokuqhosha,
Kanti um' usukliwula uzwakala nakude.
Amehlo akho aluhlaza anomlingo.
Uthi Tshiyo! Tshiyo! lapho ubiza abangani.
Unguqhamuka bambuke wangempela.






Qedela ithebhula elingezansi. Kukholamu yesibili, bhala izigameko eziholela ekubeni kube nenkinga, bese ubhala ukuthi kwenzekani ngenxa yodweshu (ukudonsisana) olwalukhona. Ekugcineni, bhala isifundo esitholakala kule nsumo.

| Abalingiswa Isizinda | Izigameko eziholela odweshwini | Udweshu endabeni | Izigameko ezibangwa udweshu | Isifundo |
|---|---|---|---|---|
| | | | | |



ZUL HL Gr5 B1 TH.indd 126 2019/10/21 12:12:21

Usuku: ____________



**Masibhale** Funda incazelo ugcwalise izikhala ngegama elinembayo olithathe ohlwini.

omubi | oqhoshayo | unesibindi | ukunswininiza

| | |
|---|---|
| ukukhala ngezwi eliphakeme | |
| ongemuhle neze | |
| oziphakamisile ngokububukeka kwakhe | |
| ukwazi ukubhekana nezingozi | |



**Masibhale** Sebenzisa amagama asebhokisini ukuchaza ukuthi lalibukeka kanjani ipigogo ngaphambi kokuba libe lihle, nangemumva kokuphenduka libe lihle.

lihlekisa | shwabene | ngcolile | amehlo asagolide | nsundu | luhlaza satshani | elihle | luhlaza ngokukhanyayo | elejwayelekile

| Ngaphambili | Ngemuva |
|---|---|
| | |
| | |
| | |
| | |
| | |



**Masibhale** Guqula le misho isuke ekubeni yinkulumo-ngqo ibe yinkulumombiko.

"Ujahephi kodwa kangaka?" kubuza uPigogo.

Pigogo wabuza u-Indra ____________________

"URavana inkosi ekhohlakele izama ukungibamba."

U-Indra wathi ____________________

"Ukukukhokhela ngesibindi sakho ngizokwenza ube yinyoni enhle kunazo zonke izinyoni emhlabeni.

U-Indra wathi ____________________

UTHISHA: Ukusayina ____________ Usuku ____________



ZUL HL Gr5 B1 TH.indd 127 2019/10/21 12:12:21


# 61 U-Anansi isicabucabu esiyigovu kanye nofudu



Masikhulume


Sebenzani ngamaqembu.

- Bheka isihloko sensumo nezithombe utshele iqembu lakho ukuthi ucabanga ukuthi le ndaba izoba ngani.
- Ucabanga ukuthi indaba izophela kanjani?



Kwasukasukela! Cosu!

Kusihlwa ngelinye ilanga u-Anansi isicabucabu wayehlalele ukudla kwakusihlwa okumnandi. Kwathi nje lapho u-Anansi esezofaka ukudla emlonyeni wezwa ukungqongqoza emnyango. Wavula umnyango Kwakukhona uLufudu owayebukeka ekhathele kakhulu. ULufudu wathi, "Anansi ngicela ungingenise. Sengihambe ibanga elide namhlanje, ngikhathele futhi ngilambile."



Kodwa u-Anansi wayencishana kakhulu engafuni ukwabelana nomunye umuntu ukudla kwakhe. Wase evela nobuqili obubi. Kwathi nje lapho uLufudu ehlala ngasetafuleni eselula isandla ukuthatha ukudla, wamemeza kakhulu u-Anansi, "Lufudu, izandla zakho zingcole kabi! Awukwazi ukudla ngezandla ezingcole kanje! Hamba uyozigeza." Izandla zikaLufudu zazingcoliswe ukuthi wayekade ehamba ngazo usuku lonke. Wasuka-ke uLufudu wahuquzela kancane esebheke emfuleni, wafike wageza izandla zakhe wabuye wahuquzela kancane futhi esephikelele etafuleni. U-Anansi wayeseqalile ukudla. Ngenkathi efika uLufudu ukudla kwase kuphela. Kwathi lapho ethi uhlala phani futhi uLufudu wabhoka futhi u-Anansi, "Lufudu izandla zakho zisangcolile! Hamba uyozigeza futhi!" Phela zase zingcolile ngoba uLufudu wayezisebenzise ngenkathi ehuquzela evela emfuleni. ULufudu abuye asukume eseyogeza izandla zakhe futhi. Ngemva kokuhuquzela ibanga elide wafica kungasekho ukudla. ULufudu wabheka ku-Anansi wathi, "Ngiyakubonga ngokungimemela kwakho ekudleni kwakusihlwa. Nawe uma kwenzeka uba seduze nendlu yami, ngicela ungene sidle ukudla kwakusihlwa ndawonye." Ekuqhubekeni kwesikhathi u-Anansi isicabucabu wade ecabanga ukuthi konje uLufudu wayemethembise ukuthi uzomupha ukudla uma emvakashele. Ngelinye ilanga-ke wahamba waya endlini kaLufudu ngesikhathi sokudla kwasemini, ilanga lisephezu komfula nje. ULufudu wayethamele ilanga phezu kwedwala, njengoba zenza izimfudu. Lapho uLufudu ebona u-Anansi wathi,"Sawubona, Anansi! Ngabe usuzele khona ukuba sidle ndawonye? U-Anansi wathi,"Kunjalo, kuzoba mnandi kakhulu, ngiyabonga." Yase imbhokela indlala u-Anansi. Ngakho uLufudu wathi gxumbu emanzini. U-Anansi wayelokhu elinde emadwaleni ngasogwini. Emva kwesikhashana nje uLufudu wabhukuda wabuya wafike wathi, "Kuhle-ke Anansi! Konke sekulungile manje. Woza-ke siyodla ndawonye." ULufudu watshuza futhi, washona phansi weyozitika ngamahlamvu ayewalungisele ukuwadla. U-Anansi wazama ukutshuza ashone phansi emfuleni, kodwa phela yena wayeyisicabucabu, hhayi ufudu; wayengeke atshuza ashone phansi. Noma ethi ushona phansi wayebonakala esentanta futhi ngaphezu kwamanzi. Wazama ukungena emanzini ngokugxuma wazama ukutshuza, akwasiza ngalutho. Wayengakwazi ukufinyelela ekudleni akufunayo. Ekugcineni kwaba khona umqondo omfikelayo. Wafaka amatshe amaningi emaphaketheni ebhantshi, waze wasinda ngokwanele ukuba angaze afinyelele phansi emfuleni.







ZUL HL Gr5 B1 TH.indd 128 2019/10/21 12:12:27

Usuku: ______________________





Walibona itafula likaLufudu, kugcwele amahlamvu athambile aluhlaza, nokunye ukudla okumnandi.

Kodwa kathi nje kwathi u-Anansi esefinyelela ekudleni okumnandi, wamiswa nguLufudu. ULufudu wathi, "Kahle phela Anansi, awukwazi ukuyodla ufake ibhantshi! Asikwenzi lokho lapha ekhaya lami." U-Anansi walikhumula ibhantshi. Kodwa lapho engasekho amatshe ayezomdonsela phansi, wabuye wakhuphukela phezulu ukuyontanta futhi, waphumela ngaphezu kwamanzi.

Cosu!Cosu! Iyaphela

Le ndaba ikhuluma ngobani? ______________________

Indaba yenzeka kuphi? ______________________

Indaba ikhuluma ngani? ______________________

Yini isifundo esitholakala kule ndaba? Yenza uphawu kulokhu okufanele lokho obona kuphambili.

| | |
|---|---|
| | Imnandi indaba ephela kamnandi. |
| | Iqili lidliwa ngamanye amaqili. |
| | Inhlava iyabekelwa. |



Masibhale

Sebenzisa iziphongozo ukwenza amagama amasha:

Isiphongozo isakhi esifakwa ekuqaleni kwegama ukuguqula incazelo yalo kwakheke igama elisha.

| | | | |
|---|---|---|---|
| isi- | e- | nga-- | ngu- |

| | | | |
|---|---|---|---|
| khaya | hlahla | mama | bantu |

______________________

______________________

______________________

______________________



ZUL HL Gr5 B1 TH4.indd 129 2019/10/21 12:12:31

Usuku:

**Masibhale** Manje ake ucabange ngomuntu omaziyo umchaze usebenzisa amagama athathwe kuleli thebhula.

| | | | |
|---|---|---|---|
| uyingane noma mdala | uqinile noma ubuthaka | mude noma mfushane | ukhuluphele noma uzacile |
| uhlakaniphile noma uyisiphukuphuku | unomusa noma unolaka | uyisikhulumi noma uyisithuli | uyanakekela noma akanandaba |

**Masibhale** Bhala ukulandelana kwezehlakalo kule ndaba

| |
|---|
| Ekuqaleni isicabucabu sahlala phansi ukudla ukudla okumnandi. |
| Kwase |
| Kwase |
| Emva kwalokho |
| Sekwedlule isikhathi, u-Anansi wavakashela ufudu ethemba ukuthi uzofike athole ukudla okumnandi. |
| Kwase |
| Kwase |
| Ekugcineni |

Amabizosenzo ayizenzo ezisebenza njengamabizo Zingalandela ezinye izenzo emshweni. Ibizosenzo libonakala ngokuba nesiphongozo u-uku- bese elandelwa yisiqu sesenzo.

**Masibhale** Gcwalisa ibizosenzo

Samkhuthaza ________ (funda) izincwadi eziningi.

Akusizi (phoqa) (funda) indaba ka-Anansi uma engathandi. ________

Ngethembisa (nakekela) isicabucabu kodwa ngabona kungukuchitha isikhathi nje.

________

Mina (bona) leyo filimu kwangivula amehlo. ________

Ungumuntu othandayo (vakasha) kodwa namhlanje ufisa (zihlalela)

endlini. ________

"Uyafisa yini nawe (-ba) ngelinye ilanga uze ufike enyangeni?" kubuza uthisha.

________

UTHISHA: Ukusayina ________ Usuku ________



ZUL HL Gr5 B1 TH.indd 131 2019/10/21 12:12:35

# 63 Idube layithola kanjani imithende





## Masikhulume

- Lena yindaba ebunjiwe nje. Uma ucabanga yindaba enjani-ke leyo?
- Zikhona ezinye izindaba ezinje ozaziyo? Ngabe wake wazixoxelwa ngugogo noma umama? Uma kukhona oyaziyo ixoxele iqembu lakho.
- Uma ucabanga yini indaba enje ide iphindwa?
- Ngubani umdwebi wezithombe?
- Bikezela ukuthi yini ezokwenzeka endabeni.



## Masifunde

**Ngaphambi kokufunda**

- Bheka izithombe nezihloko bese uzama ukubikezela ukuthi le ndaba imayelana nani.
- Yedlulisa amehlo ekhasini ukuba ubone ukuthi uzofunda ngani.

Kwasukasukela!Cosu!

Endulo imfene enkulu enolaka yahamba yayohlala ngasosebeni lomfula. Le mfene yaziphazamisa kakhulu izilwane ezazikade zizihlalele ngokuthula lapha ngasemfuleni. Le mfene yavele yaqhwaga lonke izwe eliseduze nomfula, yathi akekho omunye owayenelungelo lokuphuza amanzi kulowo mfula. Ezinye izilwane zazithukuthele zomile, kodwa asikho esasinesibindi noma amandla okuba singayicela inselelo imfene nesinqumo sayo – ngaphandle kwedube. Ngaleso sikhathi idube lalinesikhumba esimhlophe qwa, lifana nehhashi elimhlophe. Idube elinesibindi lafica imfene iziphumulele yotha umlilo, lase liyicela inselelo lithi abalwe. Bavumelana ngokuthi owehluliwe kuzodingeka ukuba asuke ngasemfuleni. Lezi zilwane zombili zalwa intambama yonke kwaze kwaba kusihlwa. Idube lase likhathala ngenkathi imfene ilidudulela emlilweni. Kwenzeka isimanga. Ubuhlungu idube elalibuzwa lishiswa izinkuni ezivuthayo emhlane kwalinika amanye amandla! Ngenxa yokuthukutheka nobuhlungu idube layikhahlela imfene layiphonsa ngaphesheya komfula. Imfene yase isusiwe. Nalo-ke idube lalilimele. Kuze kube namhlanje isikhumba salo esimhlophe qwa sinemithende esayithola sishiswa izinkuni ezivuthiwe. Le mithende ikhumbuza noma ngubani ngesibindi sedube elasikhombisa mzukwane lilwa nemfene.

Cosu! Cosu! Iyaphela.





ZUL HL Gr5 B1 TH4.indd 132 2019/10/21 12:12:41

Usuku: ____________



**Masibhale**

Chaza ukuthi yenzani imfene eyaphazamisa izilwane ezazihlala osebeni lomfula.

______________________________

Yini eyanika idube amandla amasha ngenkathi kuliwa?

______________________________

Yini eyenza ukuba idube libe nemithende?

______________________________

Uma ucabanga idube lalinesibindi? Usho ngani?

______________________________

Lena iyinganekwane noma iyiqiniso? Usho ngani?

______________________________



**Masibhale**

Sebenzisa isihlanganiso esifanele kule misho engezansi. Khetha emagameni asebhokisini.

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| noma | futhi | ngoba | kodwa | noma |
| lapho | ngakho | ngaphandle (kokuba) | kuze | |

1. Qinisela nje ______________ Kulukhuni.
2. Ngisebenza kakhulu ______________ Ngifuna ukuphumelela.
3. Ugqoka izingubo ezinhle______________ Akanamali.
4. Ngeke ahambe ebusuku ______________ Uthola ozomphelekezela.
5. Lena yincwadi ebizayo ______________ Inosizo kakhulu.

Isifaniso siqhathanisa into nenye, sisebenzise izakhi ezifana nokuthi "njenga-", "nganga-"
Izibonelo: Lowo unamandla njengenkunzi. Ukudla kwakhe kwakushisa njengomlilo.
Izingathekiso siziqhathanisa ngqo izinto ezimbili: Isibonelo: Ukudla kwakhe kwakungumlilo



ZUL HL Gr5 B1 TG4.indd 133 2019/10/21 12:12:41

# 64 Ake uqambe eyakho inganeko



**Masibhale** Dwebela izifaniso nezingathekiso emshweni ngamunye.

Khetha incazelo eyiyona yesifaniso nesingathekiso ngasinye kokusebhokisini. Emva kwalokho bhala incazelo emgqeni ngaphansi komusho ngamunye.

- uthukuthele kakhulu
- uhamba aqhoshe
- kuthambe kakhulu
- uyinuku kakhulu
- ukhathele

Kwakubonakala ukuthi uthisha udumele. Ubuso bakhe babuyimpi.

______________________________

Ukuhamba kwakhe ngokwepigogo uqobo.

______________________________

Ngalala ngikhathele iphilo lafana nefu nje.

______________________________

Ikamelo lakhe yisidleke sikathekwane.

______________________________

Emva kohambo olude ngase ngiyingcuba nje.

______________________________

Bhala umusho wakho usebenzise isingathekiso ukuqhathanisa izinto ezimbili.

______________________________

______________________________





ZUL HL Gr5 B1 THA.indd 134 2019/10/21 12:12:48



Masibhale Guqula ubunye bube ubuningi.

Ipigogo lehla lenyuka otshanini.

Ubuhlungu bokushiswa wukhuni emhlane banika idube amanye amandla.


Imfene enkulu yayihlala osebeni lomfula.

Ipigogo lazibuka emanzini labona ukuthi lihle kakhulu.



Masibhale Bhala inganeko (ekhasini elilandelayo). Izinganeko ezininingi zazama ukuchaza ukuthi into ethile yafika kanjani emhlabeni.

Izibonelo: *"Ukufika kokufa kubantu", "Umama osenyangeni".*



Abalingiswa enganekweni kungaba nguMdali noma abantu abanamandla edlulele, noma abanomlingo. Abalingiswa enganekweni bezwa izinto abazizwayo abantu (njengokujabula, ukudabuka, ukuthukuthela).

- Bhala izigaba ezintathu – isiqalo, umzimba nesiphetho.
- Bhala indaba abantu abazothanda ukuyilalela.



- Sebenzisa ibalazwe lemibono elizokwelekelela ukuhlela ozokubhala
- Bhala umzamo wokuqala
- Cela umngani wakho abheke amaphutha emzamweni wokuqala
- Buyekeza umbhalo wakho ulungise namaphutha
- Emva kwalokho, wubhale ngobunono encwadini yakho.



ZUL HL Gr5 B1 TH.indd 135 2019/10/21 12:12:55

